

Ellen G. White Estate

RESTUUMSINDISIWE

ELLEN G. WHITE

UKrestu UMsindisi Wetu.

Ellen G. White

**Copyright © 2014
Ellen G. White Estate, Inc.**

Information about this Book

Overview

This eBook is provided by the [Ellen G. White Estate](#). It is included in the larger free [Online Books](#) collection on the Ellen G. White Estate Web site.

About the Author

Ellen G. White (1827-1915) is considered the most widely translated American author, her works having been published in more than 160 languages. She wrote more than 100,000 pages on a wide variety of spiritual and practical topics. Guided by the Holy Spirit, she exalted Jesus and pointed to the Scriptures as the basis of one's faith.

Further Links

[A Brief Biography of Ellen G. White](#)
[About the Ellen G. White Estate](#)

End User License Agreement

The viewing, printing or downloading of this book grants you only a limited, nonexclusive and nontransferable license for use solely by you for your own personal use. This license does not permit republication, distribution, assignment, sublicense, sale, preparation of derivative works, or other use. Any unauthorized use of this book terminates the license granted hereby.

Further Information

For more information about the author, publishers, or how you can support this service, please contact the Ellen G. White Estate at mail@whiteestate.org. We are thankful for your interest and feedback and wish you God's blessing as you read.

INCASISELO.

INDABA yoku bila kuka Krestu uMsindisi wetu kulotywe nga pandhle kwa mazwi kuyo yonke into edaliweyo, nase zenzweni ezehlayo, nase zizatwini zayo yonke impilo. Asi nakuqonda kahle ukujula kwako, namandhla ako, ukupila kuka Jesu wase Nazareta. Zonke izibusiso ziza kitina ngaye pakati kwe zulu nomhlaba avuma kube njalo mhla ekalela izwe elali lahleke ezon weni.

Amagugu angunapakade alendaba abalwe abafundileyo, akulueywa naizimbongi. Kapa izwakala kahle nxa ikulunywa ngolwimi lwabantwana. Lesisiboniso esimangalisayo asidingi kufeketiswa muntu. Ukukazimula kwayo kudhlula ubuhlakane babantu. Izibalelele iyodwa nje.

Kulawa mapeji akukukumaliswe luto. Indaba njengoba injalo, ekulunywa ilowo obuqon-dayo ubukulu bayo, ilotywe ngolwimi lwezingane. Ebululeni bayo ayikulumi kwabancane bodwa, kepa itinta nati isikumbuza isifiso saleli gama eliti,

“Ngityele indaba kalula, sengati kumntwana.”

Se ngati ingemukelwa nga loko ku tobeka, nokugezeka kwenkolo.

G.C.T.

[6]

IZIHLOKO ZENDABA.

Contents

Information about this Book	i
INCASISELO.....	ii
IZIHLOKO ZENDABA.	iii
IZIHLOHO 1—UKUZALWA KUKA JESU.	v
IZIHLOHO 2—UJESU ELETWE E TEMPELINI.	vii
IZIHLOHO 3—UKU VAKATSHELA KWE ZAZI.	ix
IZIHLOHO 4—UKUBALEKELA E GIBITE.	xi
IZIHLOHO 5—UBUNTWANA BUKA JESU.	xii
IZIHLOHO 6—IZINSUKU ZOKULWA.	xv
IZIHLOHO 7—UKUBHAPATIZWA.	xvii
IZIHLOHO 8—UKULINGWA.	xviii
IZIHLOHO 9—UKUSHUMAYELA KO KUQALA.....	xx
IZIHLOHO 10—IMFUNDISO KA KRESTU.	xxiii
IZIHLOHO 11—UKUGCINA ISABATA.....	xxvi
IZIHLOHO 12—UMALUSI OLUNGILEYO.	xxix
IZIHLOHO 13—Amashumi Ayisishiyagalolunye Nesishiyagalolunye.	xxxii
IZIHLOHO 14—UKUNGENA E JERUSALEM.....	xxxiii
IZIHLOHO 15—SUSAN I LAPA LEZOZINTO.	xxxvi
IZIHLOHO 16—EKUDHLENI KWE PASIKA.....	xxxviii
IZIHLOHO 17—E GETSEMANE.	xli
IZIHLOHO 18—UKUNIKELWA NOKUBANJWA.	xliv
IZIHLOHO 19—PAMBI KUKA ANASI, NO KAIFASI NE SANHEDRIM.....	xlvi
IZIHLOHO 20—U JUDAS.....	xlix
IZIHLOHO 21—PAMBI KUKA PILATU.	li
IZIHLOHO 22—PAMBI KUKA HERODI.	liii
IZIHLOHO 23—WAL AHLWA U PILATU.	lv
IZIHLOHO 24—INHLOKO.....	lviii
IZIHLOHO 25—UKUFA KUKA KRESTU.....	lx
IZIHLOHO 26—ETUNENI LIKA JOSEFA.	lxii
IZIHLOHO 27—U VUKILE.	lxiv
IZIHLOHO 28—HAMBANI NITYELE ABAFUNDI BAMI.	lxvi
IZIHLOHO 29—OFAKAZI.	lxviii
IZIHLOHO 30—YENA LO JESU.....	lxx
IZIHLOHO 31—INKOSI YABO EKUPUKILEYO.	lxxii

IZIHLOHO 1—UKUZALWA KUKA JESU.

EMZINI omncane wase Nazareti owakiwe emagqumeni ase Galilee, kwaku kona ikaya lika Josefa no Mary ababuye bazeka ukuti ba abazali baka Jesu base mhlabeni.

U Josefa wa engowomndeni no wendhlu ka David; ngakoke kwati lapa seku tunyelwe isimemezelo sokuti abantu abateliswe, yena wamelwa ukuba aye e Bethlehem, umuzi ka David, ukuba igama lake libhalwe kona.

Loku ukuhamba kwakulukuni ngendhlela abantu ababe hamba ngayo ngalezo zikati. U Mary owa hamba nendoda yake wa ekatele kakulu ekwela amagquma i Bethlehem elimi kuwo.

Wayi langazelela indawo etokomeleyo yokuba a pumule kuyo ! Kodwa izindhlu zezi hambi zasezi gcwele. Abacebileyo nabazi qenyayo babe nakekelwe kahle, kwatike zona lezi zihambi ezidelelekile za melwa uku pumula endhlini embi lapa kwaku hlala kona izinkomo.

U Josefa no Mary babe nokuyingcozane kwe ngcebo yasemhlabeni kodwa babe notando luka Nkulunkulu, lonake lwabenza baceba ekwanelisweni nokutula. Babe abantwana be Nkosi yase Zulwini owa ese za kuba nika udumo olumangalisayo. [10]

Izingilosi zazi kade zibalindle bese ndhleleni, kuti lapa sekuhlwire sebe pumule bangabi bodwa. Izingilosi za zisenabo njalo.

Kulowo mpemana opansikwa zalwa kona u Jesu Umsindisi, wa bekwa emkombeni. Kulowo mkombe omubi kwa lala. Indodana yOpakamileyo,—Yena ngobukona bake ezulwini wa. gcwalisa izigodhlo za kona ngokukazimula kwake.

Engakafiki emhlabeni u Jesu wa eyinduna yesi xuku se zingilosi. Abakazimulayo naba pakanyisiweyo ba madodana. okubheja, badumisa ubukosi Bake ekudabukeni kwezwe. Babegubuzela ubuso babo Ehlezi esihlalweni Sake sobukosi. Baponsa imiqele yabo ezinyaweni zake, bati lapa be bona ubukulu Bake bahlabelele izindumo Zake.

Noko lo muntu ocwazimulayo wa etanda isoni esihlupekayo, wa tata isimo sobunceku ukuze asihlupekele, asifele.

U Jesu wa engase ahlale nga secaleni lika Yise, etweleumqele wobukosi egqoke ingubo yobukosi, kodwa ngenxa yetu Wa keta ukulahla ingcebo yase zulwini, atate ubupundhla baserahlabeni. Wa keta ukushiya isikundhla Sake sobuduna obukulu, nokushiya izingilosi eza zimtanda. Ukudunyiswa isixuku sase zulwini waketa ukukulahla a hlekwe e tukweabantu ababi. Ngotando lwake aye si tanda ngalo we mkela. impilo elukuni nokufa kwe hlazo.

Konke loku u Krestu wa kwenzela ukuba asikombise ukuti u Nkulunkulu usitanda kangakanani. Wa hlala emhlabeni ukusi kombisa ukuti si nga mdumisa kanjani u Nkulunkulu. ngokulalela intando yake. Wa kwenza loku ukuze kuti uma. si landela ukwenza kwake sigcine ngo kuhlala naye ekaya lake elisezulwini. [11]

Abapristi nababusi baba Juda babe ngalungele ukumamukela u Jesu. Babazi ukuti uMsindisi uza kufika masinyane, kodwa babeti uyakuba inkosi enamandhla eyakubenza bacebe babe bakulu. Babe zidhla kangangokuba babengenakucabanga ukuti u Mesiya ungu mntwana ongenakuzisiza.

Ngakoke ekuzalweni kuka Krestu u Nkulunkulu akakwambulanga kubona. Indaba etokozisayo wayitumela kubalusi ababeluse imihlambi yabo emagqumeni azungeze i Bethlehem. Kwaku abantu abalungileyo laba babeti balusile izimvu zaboebusuku bebe bekuluma ngo Msindisi owetenjisiweyo baku tandazele kakulu ukuza kwake, ngako uNkulunkulu wa esetumela izitunywa ezikazimlayo ukuba zizo bafundisa, ezazi vela esihlalweni sake sokukanya.

Bheka kwafika ingilosi ye Nkosi pezu kwabo, nokukazimula kwe Nkosi kwa kanya kwa bazungeza; base besaba kakulu. Ingilosi yase itikubo, ningesabi, ngokuba bhekani ngi niletela izindaba ezinhle zo kutokoza okukulu okuyakuba kubo bonkeabantu. Ngokuba nizalelwe namhla emzini ka Davida uMusindisi ongu Krestu iNkosi.

Lokuke kuyakuba isibonakaliso kini. Niya kufumana umntwana esongwe nge zindwangu, elele emkombeni. Ngasoleso sikati kwabakona kanye nengilosi isixuku sebandhla lasezulwini si dumisa u Nkulunkulu siti, Ubukosi mabube ku Nkulunkulu pezulu, nase mhlabeni ukutula notando kubantu.

[12] “Kwati lapa izingilosi sezi hambile kubo zaya ezulwini, abalusi bati bebodwa, manje ke asiye e Bethlehem, sibone lento eyenzekileyo iNkosi e sazise yona.”

“Bashesha bafika bafumana u Mary no Josefa nomntwana elele emkombeni. Se be kubonile ba yandisa indaba aba be tyelwe yona ngo mntwana.”

[13] “Bonke aba yizwayo bamangala nga lezo zinto abalusi aba be batyela zona. Kodwa uMary wa zi gcina zonke, wa zi beka enhliziyweni yake.” ULuka 2 : 9—19

[14]

[15]

IZIHLOHO 2—UJESU ELETWE E TEMPELINI.

UJOSEFA no Mary babe abajuda ba landela imikuba yesizwe sakubo. UJesu ese namasonto ayi situpa ubudala, bamyisa eNkosini etempelini eli se Jerusalem. Loku kwa ku umteto uNkulunkulu aye unike aba Israel no Jesu-ke wa ezo lalela konke. Ngako indodana ka Nkulunkulu uqobo, iNkosana yase zulwini isifundisa nge zenzo zayo ukuba si lalele.

Kwa ku letwa etempelini indodana yokuqala yazo zonke izindhlu kube ukupela. Kwa kwenzelwa ukukumbuza okukade kwenzeka.

Kwati lapa abantwana baka Israel be izigqili e Gibite u Jehova wa tumela u Moses ukuba aye koba kulula. Wati ku Moses akaye ku Faro inkosi yase Gibite ati, U Jehova uti: “U Israel uyindodana Yami yamazibulo futi nayo; ngitike kuwe, yeka indodana Yami ihambe ukuba iye ko Ngikonza; uma wala ukuyi yeka ihambe ngo bulala indodana yako yamazibulo futi nayo.” Eks. 4 : 22, 23.

U Moses wayi hambisa lendaba wayiyisa enkosini. Kodwa u Faro wa pendula wati: “U ngubani lo Jehova ukuba ngilalela izwi Lake, ngiyeke u Israel ahambe ? Angi mazi u Jehova futi angi soze ngaba dedela aba Israel.” Eks. 5 : 2,

U Jehova wa esetumela izinhlupe ezinkulu pezu kwa base Gibiti. Esokugcina salezi izinhlupe kwaku ukubulawa kwamazibulo azo zonke izindhlu, kusukela endhlini yenkosi kuze kufike kweyopantsi kakulu kulelozwe.

UJehova wa tyela uMoses ukuti zonke izindhlu zakwa Israel mazi bulale icwane, zi beke elinye igazi ezinsikeni zeminyango yezindhlu zabo.

Loku kwaku yoba isibonakaliso ukuze kuti lapa ingilosi yokufa isibulala, izidhlule izindhlu zaba Israel zonke ibulale amaGibiti azidhlayo nanolaka kube ukupela.

Leli gazi “le pasika” kuba Juda, la li tsho igazi lika Krestu. Ngokuba kwa kuzoti ngesikatiesifaneleyo uNkulunkulu anike indodana yake etandekayo ukuba ibulawe njengoba necwane la li bulewe ; ukuze kuti bonke aba kolwa kuye ba sindiswe ekufeni okungunapakade. “UKrestu ubizwa ngokuti ipasika letu.” 1 Kor. 5:7. Ngokukolwa si ya hlengwa nge gazi lake. Ef. 1 : 7.

Na njengokuba zonke izindhlu ka Israel zazi leta ama dodana amazibulo etempelini ngaloko babe kumbula ukusindiswa kwa bantwana babo esifweni, nokuti bonke banga sindiswa ezonweni nase kufeni okungunapakade.

Umntwana owa eletwa etempelini wa e bekwa ezandhleni zompristi, apakanyiswe pambi kwe lati. Abe se nikelwa ku Nkulunkulu kanje. Ati uma ese buyiselwe kunina bese kubhalwa igama lake encwadini eyayi bhala onke amagama amazibulo aka Israel. Ngako-ke amagama abo bonke aba sindiswa nge gazi lika Krestu, ayaku bhalwa encwadini yokupila.

UJosefa no Mary bamleta uJesu ku mpristi njengo kwa ku funwa umteto. Zonke izinsuku kwa kufika abazali na bantwana babo, naku Josefa no Mary umpristi aka bonanga luto olwa hluka kwa banye. Babe abantu nje aba pantsi, aba pila ngo kusebenza. Nomntwana futi wa bona ingane nje enge nakuzisiza. Wa cabanga kancane umpristi ukuti wa e pete ezingalweni zake uMsindisi wezwe, uMpristi Omkulu we tempeli lase zulwini. Kodwa wa e fanele ukwazi; ngoba uma wa eli lalela izwi lika Nkulunkulu, uJehova wa e yo mfundisa lezi zinto.

[16]

[17]

Ngaso lesi sikati kwa ku kona etempelini izinceku zi ka Nkulunkulu ezi qinisekileyo ezimbili, u Simeon no Anna. Base beze ba guga bobabili bese msebenzini wake, waba bonisa izinto aye nge naku zibonisa abapristi aba zidhlayo naba zazi bona bodwa nje.

USimeon wa ese nikwe isetembiso sokuti akayi kufa aze abone uMsindisi. Wanele wambona nje uJesu etempelini wase azi ukuti wa engo tenjisiweyo. Ebusweni buka Jesu kwaku kona ukukanya okuncane kwase zulwini, u Simeon etata umtwana ezingalweni zake wadumisa u Nkulunkulu wati:—

“Jehova hambisa manje inceku Yako ngokutula nje ngezwi lako ; ngokuba amehlo ami abonile ukusindisa kwako ose ukulungise pambi kwabantu bonke; ukukanya koku kanyisa izizwe no dumo lwabantu bako aba Israel.” ULuka 2 :29-32.

[18] “U Anna engena ngaso lesi sikati wabonga naye futi kanjalo ku Jehova wakuluma ngaye kubo bonke ababe bheke ukuhlengwa kwe Jerusalem.” ULuka 2 : 38.

Ngakoke u Nkulunkulu uketa abantu abapansi ukuba babe ofakazi Bake. Bavama ukudhlulwa labo, izwe elibabiza ngokuti bakulu. Bangingi abafana naba pristi nababusi baba Juda. Batanda kakulu ukuzi konza, bazi dumise ba cabange kancane ngoku konza u Nkulunkulu bamdumise. Ngalokoke akanakuba keta ukuba batyele abanye ngotando no musa wake.

U Mary unina ka Jesu wa zindhla ngoku profeta kuka Simeon okwa kukude. Wati lapa ebuka umntwana owa esezingalweni zake wakumbula okwakushiwo abelusi base Bethlehem, wa gwala ukujabula koku bongama netemba elihle. Amazwi aka Simeon amkumbuza isiprofeto sika Isaya. Waese azi ukuti lawa mazwi amangalisayo ayeshiwo ngaye u Jesu ati:—

“Abantu ababe hamba ebumnyameni sebebonile uku kanya okukulu: abahlala ezweni letunzi lokufa basebe kanyiswe ukukanya. . . . Ngokuba sizalelwe umntwana, sipiwe i Ndodana; nokubusa, kuyakuba pezu kwamahlombe Ake: ne gama Lake liya kutiwa uMangaliso, uMluleki, uNkulunkulu Onamandhla, uBaba Omikade, iNkosi yo kutula.”

[19] Ulsaya 9:2-6.

[20]

[21]

IZIHLOHO 3—UKU VAKATSHELA KWE ZAZI.

UNKULUNKULU wa e tanda ukuba abantu bakwazi ukufika kuka Krestu emhlabeni. Abapristi babe fanele ukuba babafundise abantu, ukuze ba hlale bebheke uMsindisi, kodwa ke nabo babe nga kwazi ukufika kwake. Ngako uNkulunkulu wa tumela ingelosi ukuba iyo tyela abelusi ukuti uKrestu uzelwe, nalapa beyomfunyana kona.

Ngako yge sikati uJesu a letwa ngaso etempelini kwa ku kona aba mamkela ngo kuti ungu Msindisi. UNkulunkulu wa e pilise uSimeon no Anna baba netub elijabulisayo lokuba bafakaze ngokuti uJesu wa engu Mesiya owa etenjisiwe.

UNKulunkulu wa ye qonde ukuba bonke abantu bazi ukuti uKrestu usefikile njengokuba kwakwazi abaJuda. Ezweni elikude empumalanga kwaku kona izazi ezazi funda ngezi profeto zika Mesiya, ezazi kolwa futi ukuti ukufika kwake kwakusondele.

Aba Juda babeti laba abantu ba abahedeni; kodwa babe ngazi konzi izitombe. Babe kolekile betanda ukwazi iqiniso, benze intando ka Nkulunkulu.

U Nkulunkulu ubuka inhliziyo, wayazi ukuti laba abantu bangasebetenjwa. Babe sesimweni esinconono sokwamukela ukukanya kwase zulweni kunaba pristi baba Juda ababe gcwele ukuzi tanda nokuzidhla. [22]

Lezizazi zazi izihlakanipi. Zazi funde umsebenzi wezandhla zika Nkulunkulu kokudaliweyo, zaze za funda uku Mtanda kona lapo. Babe funde izinkanyezi bazi ukuhamba kwazo. Babetanda uku hlomela izinto zezulu lapa zi hamba ebusuku. Kwakuti uma kuke kwabonakala inkanyezi entya bajabulele uku bonakala kwayo ngokuti kukona okukulu okuzokwenzeka.

Ngalobo busuku okwafika ngabo izingelosi kubalusi base Bethlehem, izazi zazi bone ukukanya okuyisimangaliso esibhakabhakeni, kwaku uku kanya okwaku zungeze isixuku sezi ngelosi. Kwati lapa sekupelile loku kukanya za bona emazulwini okwa kufana nenkanyezi entya. Ngasona lesi sikati zasezi cabanga ngesi profeto esiti “kuyaku puma Inkanyezi ku Jacob, kuya kupuma i Nduku ku Israel.” Imibalo 24:17.

Le nkanyezi ya yi bonisa ukuti uMesiya use fikile na ? Za hlosa ukuyilandela zi bone lapo izo zi holela kona. Ya zi holela e Judea. Kodwa kwati lapa sezifikile eduze no muzi wase Jerusalem, inkanyezi yaba lufifi ngangokuba zazi nga sena kuyilandela.

Zi cabanga ukuti abaJuda bayo zi hola ngoku tshetsha bezi yisa ku Msindisi, za ngena e Jerusalem zati, “upi yena ozelwe eyi Nkosi yaba Juda na? Ngokuba si yi bonile inkanyezi yake empumalanga, se si zomkonza.”

UHerodi e sezwile lezi zinto, wa hlupeka kanye ne Jerusalem lonke. Ese qoqe bonke abapristi abakulu na babhali ba bantu waba buza indawo lapa uKrestu eya kuzalwa kona. Bati kuye e Bethlehem lase Judea; ngokuba umprofeti wa bhala kanjalo. [23]

UHerodi aka tandanga ukuba ezwe nge nkosi eyayi ngase ibuye itate isihlalo sake sobukosi. Ngako wa ese tata izazi ngasese esezi buzisisa isikati ezaqala ukubona inkanyezi ngaso. Waesebatumela e Bethlehem eti, “Hambani nifunisise kahle umtwana; niti nxa senimtolile nizo ngi tyela ukuba ngize ngiye komkonza nami.”

Izazi sezi zwile loku zahamba indhlela yazo. “Bheka inkanyezi ezazi yi bone em-pumalanga, ya hamba pambi kwazo yaze yema lapa kwa kukona umtwana.”

“Sezi fikile endhlini za bona umtwana omncane no nina uMary, zawa pantsi za mdumisa; sezi kipile impahla yazo zamkunga ngezipo, igolide ne nhlaka ne muru.” UMatew 2:2-11.

Izinto zabo ezazi zinhle kunazo zonke ababe nazo, izona abazi leta ku Msindisi. Ukuze senze njengabo nati. Bangingi abanika izipo zabo ezihlotyeni zabo zasemhlabeni, kodwa ba ngabi nazo ezo mhlobo wabo wase zulwini obapa zonke izibusiso. Asifanele ukukwenza loku. Sifanele ukuleta okuhle kunako e sinako—isikati setu, imali yetu, notando lwetu. Singa munikelela nangoku nikelela ukuba sitokozise abampofu, nangoku fundisa abantu ngo Msindisi. Ngako singasiza ukusindisa labo abafelayo. Izipo ezinje uJesu uyazi mwamatekela azibusise.

[24]

[25]

IZIHLOHO 4—UKUBALEKELA E GIBITE.

U HERODI wa enga qinisile lapa eti wa efuna ukudumisa uJesu. Wa esaba ukuti uMsindisi uya kuba inkosi a mepuce umbuso wake. Wa efuna ukutola umtwana ukuba abulawe.

Izazi za lungisela ukuba zi ze zibuye zi mtyele uHerodi. Kodwa ingilosi ka Jehova ya bonakala kuzo epusheni yase izi godusa ngenye indhlela.

“Sezi hambile bheka kwa bonakala ingilosi ka Jehova ku Josefa epusheni iti, vuka, tata umtwana no nini ubalekele e Gibite, uhlale kona uze utyelwe yimi; ngokuba uHerodi ufena ukubulala umntwana.” Mateu 2 :13.

UJosefa aka lindanga ukuba kuze kuse; wa vuka ngaso lesa sikati, wa yi hamba no mntwana no nina ubusuku leyo ndhlela ende. Izazi za mupa uJesu izipo ezibiza imali eningi, ngazo uNkulunkulu wa ye lungisela izindhleko zabo zendhlela, nezo kuhlala kwabo e Gibite, kuze kufike isikati abayo buyela ngaso ezweni lakubo.

UHerodi wa tukutela kakulu lapa ese fumanisa ukuti izazi zazi goduke ngenye indhlela. Wa yazi ukuti uNkulunkulu wa ye teni ngokuza kuka Krestu ngomprofeti. Wa yazi ngokutunyelwa kwe nkanyezi ukuba izo hola izazi. Noko wa qulusela pambili ukuti uzombulala uJesu. Ngo kutukutela kwake wa tumela amabuto ukuba ayo bulala “zonke izingane e Bethlehem ezi neminyaka emibili ubudala nezinga pantsi.” [26]

Kuya mangalisa ukuba abantu ba ngalwa no Nkulunkulu ! Lendaba yokubulala izingane ezi ngenacala kwa kuinto embi kakulu ! Zase zi ziningi izinto zonya, ezasezenziwe uHerodi ; kodwa impilo yake yobubi yase izopela. Wafa ukufa okwe sabekayo.

UJosefa no Mary bahlala e Gibite waze wafa uHerodi, Yase ibonakala ingilosi ku Josefa iti, suka utate umtwana no nina uye ezweni lakwa Israel; ngokuba sebefile aba kade be funa ukubulala umntwana. Mateu 2 : 16, 20.

UJosefa wa ekade etemba ukuti uyo kwaka e Bethlehem lapa uJesu aye zalwe kona; kodwa wati ngoku sondela kwake e Judea, wezwa ukuti kwase kubusa indodana ka Herodi esikundhleni sika yise. Kwa menza ukuba esabe loko uJosefa ukuba aye kona, wa ese dinga nje ukuti uzo kwenzenjani; u Nkulunkulu wa esetumele ingilosi, ukubaizomfundisa. UJosefa elandela aku tyelwa ingilosi wabuyela ekaya lake elidala e Nazareta. [27]

[28]

[29]

IZIHLOHO 5—UBUNTWANA BUKA JESU.

UJesu ebuntwaneni bake wakulela emzaneni osezintabeni Wa eyindodana ka Nkulunkulu, wa engase abe nekaya lake noma yipi lapa ayetanda kona. Waye ngase abe udumo kuzo zonke izindawo. Kodwa akayanga ezindhlini zezi cebi nase zigodhlweni za makosi. Wa keta ukuhlala naba. mpofu e Nazareta.

UJesu ufuna abampofu ukuba bazi ukuti uzi qonda kahleizilingo zabo. Use wa twala konke abamelwe ukukutwala.

IBible liti ngo Jesu esemncane, “umtwana wa kula wabanamandhla emoyeni, wa gcwala ukuhlakanipa; nomusa ka Nkulunkulu waba pezu kwake.” “UJesu wakula eku. hlakanipeni, nango mzimba, watola umusa ku Nkulunkulu naku bantu.” ULuka 2 : 40, 52. Ubucopo bake bwa bubuhle busebenza. Wa e tshetsha ukuqonda, ebonakala enesu, e hlakanipile ngoku dhlula ubudala bake. Noko izindhlela zake za zi njenge zo mntwana. Wakula engqondweni nase mzimbeni, nje nge zinye izingane.

[30] Kodwa uJesu wa engafani nezinye izingane kuko konke. Wa obonakalisa umoya omnandi woku ngazazisi. Izandhla zake ezivumayo zazi hlala zi lungele ukusebenzela abanye. Wa enesineke eneqiniso. Ekumeleni ukulunga wa eqine— njengetye, wa ye ngaze anga yeka ukuba atambe ahlonipe, ahlonipe bonke abantu. Ekaya noma yipi, wa yeba njengo msebe welanga otokozisayo.

Wa yeba nesu, abe nomusa kwa bagugileyo nabampofu. Wa yeba nomusa nase zilwaneni ezingakulumiyo. Wa yepata kahle inyoni elimeleyo, nazo zonke izilwane ezipilayo zazi tokoza kakulu eseduze.

Ngesikati sika Krestu abaJuda babe nakekele kakulu uku fundisa izingane zabo. Izikole zabo zazi nga hlangene mezindhlu zokusonta, noma inezindawo lapa kusontelwa kona, aba fundisayo, otisha babe bizwa ngokuti abefundisi oku ukuti abantu aba bhekeke ukuba babe aba fundileyo kakulu. UJesu waye ngayi kulezi zikole ngoba zazi fundisa izinto eziningi ezazi amanga. Esikundhleni sokuba kufundwe izwi lika Nkulunkulu kwaku fundwa iziga zabantu, futike zazi vama ukuba zibe ezi pambene nokwa fundiswa u Nkulunkulu ngaba profeti.

U Nkulunkulu uqobo lwake wa fundisa u Mary uku fundisa umntwana wake. U Mary waye fundisa u Jesu Izibhalo Ezingcwele wazi funda, wazi fundisisa yedwa.

[31] UJesu waye tanda futi ukufunda ngezinto ezimangalisayo ezenziwa uNkulunkulu emhlabeni nasesi bhakabhakeni. Kulencwadi yokudatyuliweyo wa bona imiti ne zitombo, nezilwane, nelanga, nezinkanyezi. Wa ezi bhakisisa zonke izinsuku, wa linga uku funda izifundo kuzona, wa qonda izizatu zezinto. Izingilosi zazi naye zamsiza ukuba azi ngezinto ezi ngo Nkulunkulu. Ngako-ke wa eti ekula ngobude nanga mandhla abe e kula ekwazini nase kuhlakanipeni.

Zonke izingane zinga zuza ukwazi njengo Jesu. Si fanele ukuba sicitele isikati setu ekufundeni konke oku yi qiniso. Amanga ne zingwane kwane kungeke kusize ngaluto. Iqiniso lodwa eli sizayo nalo-ke siyo lifumana e Zwini lika Nkulunkulu nase misebenzini yake. Uma si funda lezi zinto izingilosi ziyo sifundisa ukuziqonda. Siyo bona ukuhlakanipa

uoku lunga kuku Baba wetu ose zulwini. Imiqondo yetu iyo qina ne zinhliziyi zetu zi cwebe sibe njengo Msindisi wetu.

Yonke iminyaka uJosefa no Mary babe kupukela e Jerusalem, baye kodhla idili le pasika. Kwati lapa uJesu ese neminyaka eyishumi nambili bahamba naye.

Kwaku yindhlela enhle. Abantu babe hamba pantsi, noma bakwele ezinkabini hasezi mbongolweni, kutate izinsuku eziningi. Abantu ababeya kulelidili babe suke be vela kuzo zonke izindawo zalelozwe, nezakwa manye amazwe, ababe puma ndawonye babe hamba ndawonye be isixuku esikulu. Idili laliba lapa se kuzopela uMarch, noma ise kuqaleni kuka April. Kwa ku ise kwe twaseni kwe kloba e Palestine (e Kanani) izwe li kazimula izimbali, li tokoza ngoku hlabelela kwe zinyoni. Babeti be hamba abazali bebe betyela abantwana babo nge zinto ezi mangalisayo uNkulunkulu aye zenze ku Israel nge sikati eside esi dhlulileyo. Ba vame ukuhlabelela kanye-kanye ezinye zezi hlabelelo zika David ezi mnandi.

Nge sikati sika Krestu inkonzo yabantu ku Nkulunkulu yase ibanda isi umkuba nje. Base be cabanga ngokuzi jabulisa nje bona, kuno kulunga kwake kubo. Kodwa kwaku ngenjalo ku Jesu. Wa etanda ukucabanga ngo Nkulunkulu. Wa fika e tempeleni qede wa gqolozela abapristi benza umsebenzi wabo. Wa guqa kanye naba konzayo uma sebe guqa be tandaza, nezwi lake lali hlabelela kanye nabo e magameni okudumisa.

[32]

Zonke izinsuku kusasa nakusihlwa kwaku nikelwa icwane elatini. Loku kwakutsho ukufa ko Msindisi. Umtwana uJesu ebuka leso silwane esibulawa singe nacala wa fundiswa uMoya Oyingcwele ukuti sitini. Wazi ukuti Yena Eyi Cwane lika Nkulunkulu wa yemelwe ukufela izono zabantu.

UJesu wa yetanda ukuba ahlale yedwa nale micabango eyayi se kanda lake. Ngako ahlalanga nabazali bake e tempeleni, bati begoduka wa enga seko kubo.

Ekamelweni elali kanye ne tempeli kwa kukona isikole esasi fundiswa abafundisi uJesu wa buye wa fika kona. Wa hlala ezinyaweni zaba fundisi abakulu kanye nabanye abafana, Wa lalela amazwi abo. AbaJuda babe ne miqondo eminingi eamanga ngo Mesiya. UJesu wa yekwazi loku kodwa aka ba pikisanga abantu aba fundileyo. Wa buza imibuzo ngo kwa bhalwa aba profeti nje ngo muntu otanda ukufundiswa. Isahluko sika Isaya samashumi ayisihlanu nantatu sikuluma ngokufa ko Msindisi, uJesu wa sifunda wa buza ukuti sitini.

Abafundisi babe ngenaku pendula. Baqala manje uku buza Yena uJesu ba mangala kakulu ngokwazi kwake Izibhalo. Babona ukuti u lizwa kakulu kunabo i Bible. Ba bona ukuti ukufundisa kwabo ku amanga, kodwa nako abaze ba vuma ukuba bakolwe okunga pand le kokwabo.

UJesu wa ezitobile etambile ngako abaze ba mtukutelela. Base befuna ukuba ahlale nabo ba mfundise uku casisela i Bible njengabo.

[33]

UJosefa ekupumeni kwabo e Jerusalema sebe goduka babe qapelisisile ukuba ba bone ukuti uJesu usele ngasemva. Bati nje u kwa banye aba yimihlobo yabo ababe hamba nabo. Kodwa kwati lapa sebezolala balahlekelwa isandhla sake esisizayo, ba sifuna kubo bonke ababe hamba nabo kodwa abamtolanga.

O Josefa no Mary be saba kakulu. Ba kumbula ukulinga kuka Herodi ukumbulala ese yingane, base besaba ukuti kukona okubi oku mehleleyo. Ba shesha ba buyela e Jerusalem nge zinhliziyi ezi dabukileyo; kodwa baze bamtola ngosuku lwesitatu.

Kwaba kukulu ukutokoza kwabo lapa bepinda be mbona noko u Mary wa cabanga wati u yena onecala ngoba waba shiya. Wati:—“Mntanami u kwenzeleni loku kitina? Bheka u yihlo nami sesi kade sikufuna sidabukile.”

“UJesu wapendula wati, Beni ngi funelani, beningazi yini ukuti ngifanele ngibe semsebenzini ka Baba na ?” ULuka 2 : 48, 49.

Wati uJesu e kuluma lawamazwi wa ekomba pezulu. Ebusweni bake kwa ku kona ukukanya okwaba mangalisayo. UJesu wayazi ukuti uyi Ndodana ka Nkulunkulu. Wa ekade enza umsebenzi u yise aye mtumele wona emhlabeni.

UMary aka wakohlwanga lamazwi nge minyaka engase muva wa qonda kahle ngokushiwo yiwo okumangalisayo.

[34] O Josefa no Mary babe mtanda u Jesu noko bapunduleka nje ngoku mlahla kwabo. Base be kohlwe uwona msebenzi uNkulunkulu aye banike wona ukuba ba wenze. Ngoku wuyeka tisuku olu lodwa nje ba lahlekelwa uJesu. Nanamhla ku senjalo, baningi aba lahlekelwa uMsindisi benabangane babo. Uma singa tandi ukucabanga ngaye no kutandaza kuye, uma sikuluma amazwi ayize nangcolileyo, si sake size hlukanisa no Krestu. Uma engeko kiti siba nesizungu, sibe nosizi. Kodwa uma si tanda impela ukuhlala naye uya kuba nati. Umsindisi uhlala nabo bonke aba tanda ukuba ahlale nabo. Wenza amakaya ampofu abe mahle, ajabulise inhliziyi epansi.

Nokuba uJesu wayazi ukuti uyi Ndodana ka Nkulunkulu, waya ekaya e Nazareta no Josefa no Mary. Wa ze waba neminyaka eamashumi amatatu epansi kwabo. Yena owa yekade eyi Nduna yase zulwini, wa fika emhlabeni waba indodana e tandayo nelalelayo. Izinto ezinkulu ezazi letwe inkonzo yase tempelini ekanda lake, zazi fihlwe enhliziyweni yake. Wa linda kwaze kwa fika isikati sika Nkulunkulu sokuba aqale umsebenzi wake.

UJesu wa ehlala endhlini yesi sebenzi esasi umuntu ompofu. Wa wenza umsebenzi wake ngokwe tembeka nango kutokoza, esiza ukondhla umuzi wa kwabo. Wa nele wa kula nje wa esefunda umsebenzi, wa sebenza e shabhu lokubaza no Josefa.

Wa ehamba emigwaqweni egqoke izingubo e zimbi zezi sebenzi, eya emsebenzini noma ese buyaemzaneni omncane. Wa enga watati amandhla ake anga pezulu ukuba enze impilo yake ibe lula lapa emhlabeni.

[35] UJesu wa enamandhla e mzimbeni nase kanda, ngoba wa esebenza ebuntwaneni nase busheni bake. Amandhla ake onke wawa sebenzisa ngendhlela yokuba ahlale epilile ukuze abe namandhla okwenza yonke imisebenzi kahle. Konke aye kwenza wa ekwenza kahle. Nokupata izibazo wa efuna uku kugogoda. Ngokwenza kwake wa e fundisa ukuba si kutale, senze umsebenzi wetu kahle, na ngokunakekela, nokuti umsebenzi owenziwe kanjalo u nodumo. Abantu bonke bafanele ukutola into abangayenza eya kuba usizo kubo na kwabanye abantu. UNkulunkulu wa sinika umsebenzi ukuba ube isibusiso, uyajabula nga bantwana abasiza abazali babo nge misebenzi yendhlu nge nhliziyi eyenamileyo. Abantwana abanje ba puma emakaya baye koba izibusiso kwabanye.

[36] Abasha abalinga uku tokozisa uNkulunkulu kuko konke aba kwaziyo, abenza okulungileyo ngoba kulungile, baya kuba usizo ezweni. Ngokwetembeka endaweni epansi bazenza ukuba ba fanele izikundhla ezipakemeyo kunalezo.

[37]

IZIHLOHO 6—IZINSUKU ZOKULWA.

OTISHA baba Juda benzela abantu imiteto eminingi, ba funa ukuba benze izinto eziningi uNkulunkulu aye ngazange ezisho. Na bantwana ba be melwe uku yifunda ba yilalele le miteto. Kodwa uJesu aka linganga ukufunda okwaku shiwo ilabo otisha. Wa eqapelisisa kakulu ukuba angaze akulume ngokweyisa ngabo, kodwa yena wa funda Imibhalo, wa lalala imiteto ka Nkulunkulu. Wa evama ukusolwa ngoba engenzi o kwenziwa abanye. Abe seba kombisa akutata e Baibelini, oku yindhlela elungileyo.

Ngaso sonke isikati uJesu wa yenza abanye batokoze. Ngokuba wa enomusa etambile, otisha ba beti bazo menza enze aba kwenzayo. Bahluleka. Kwa kuti uma beti kuye akalalele imiteto yabo, abuze ukuti i Baibeli lifundisa ukutini. Okushiwo yilo wati uyo kwenza.

Loku kwa batukutelisa laba befundisi. Babazi nje ukuti imiteto yabo ipambene ne Baibeli, kodwa noko ba dinwa ukuba uJesu ale ukuyilalela. Ba msola ku bazali bake. O Josefa no Mary babe cabanga ukuti labo otisha ba abantu abalungileyo, uJesu wa hlupeka kakulu uku solwa okwa kulukuni ukuba akwetwale.

[38]

Abafowabo baka Jesu babe vumela otisha laba, namazwi abo bati afanele ukulalelwane-jengezwi lika Nkulunkulu. Bamsola uJesu ngokuzibeka nga pezu kwa baholi babantu.

Labo otisha babeti ba lungile kunabo bonke abantu, babe nga hlangani na bantukazana. Abampofu na bangefundile babeba dela. Nabagulayo naba hlupekayo babeba yeka nje bengena temba bengena ntokozi.

UJesu wa ebonisa ukutanda kubo bonke abantu. Wa yelanga ukusiza abahlupekayo bonke, aye hlangana nabo. Imali wa enayo iyingscozana, kodwa wa evama ukudela ukudhla kwake ukuze asize abanye. Kwakuti uma abafowabo be kuluma kabi ku bantu abampofu ababi, uJesu aye kubo labo, ayo kuluma amazwi omusa nawo kubanika isibindi. Kwa kuti abalambileyo nabomileyo abanike indebe ya manzi aqandayo. Avame nokubanika ukudhla okwa ku suke ku okwake.

Konke loku kwa ku bacunula abafowabo. Ba msongela ba linga ukumesabisa. Kodwa wa quba njalo enza oku shiwo uNkulunkulu.

UJesu waye hlangana nezilingo eziningi. USatani wa ehlala ehlolele ukumnqoba. Uma uJesu wake wenziwa nje ukuba ake enze into embi ibenye, nokuba akulume izwi libe linye nje loku cunuka, wa engeke abe uMsindisi wetu, futi izwe lonke laliyo lahleka. USatani waye kwazi-ke loku, ngako walinga kakulu ukuba onise uJesu. U Msindisi wa ye londwe izingelosi zase zulwini sonke isikati, noko impilo yake ya yi impi ende elwa namandhla obumnyama. Amuko kitina oyolwa nezilingo njengaye. Zonke izilingo wa ezi pendula nga mpendulo yinye ati: “Ku lotyiwe.” Wa enga vami uku kuza abafowabo uma benza okubi, wa ebatyela o kwashiwo uNkulunkulu.

[39]

INazareta lali umuzana o nezono, nabantwana nabasha, bonke ba be linga ukuba uJesu alandele izindhlela zabo ezimbi. Wa emuhle, enamile, be tanda ukuba babe naye. Kodwa izenzo zake ezi lungileyo zazi batukutelisa. Babe vama ukumbiza ngokuti igwala, ngoba ala ukuba ahlangelele nabo ekwenzeni okwe nqatyelweyo. Babe vama ukumnximfela,

beti, wazisa kakulu nangezinto ezi ncane. Kuko konke loku wa ependula ati: Ku lotyiwe, “Ukumeseba uJehova ku uku hlakanipa ; nokudeda ebubini ku ukuqonda.” UJoba 28:28.

UJesu wa engaze anga wa lwela amalungelo ake. Kwakuti uma epatwe kabi aku bekezelele ngesineke, ngokuba wa evuma, ega nkononi, umsebenzi wake wa wenziwa ube lukuni ngo kunga dingeki. Noko wa engaze anga pela isibindi, ngoba wa yazi ukuti uNkulunkulu uya mumamatekela.

Izikati zake zoku tokoza wa ezi tola eyedwa noku datyuliweyo no Nkulunkulu. Kwakuti uma se ku pele umsebenzi wake, atande ukuya endhle ezigodini eziluhlaza, aye kozindhla, atandaze ku Nkulunkulu, nga seduze kwe zintaba noma pakati kwe miti yehlati. Wa yelalela u zangqwashi ehlabela, uMdali wake nezwi lake be se li hlabelela nalo igama lokudumisa ne lokubonga. Wa ye bingelela ukukanya kokusa ngezwi loku hlabelela. Ukusa kwa ku vama ukumfunyanisa ese ndaweni etile enge namsindo, ecabanga ngo Nkulunkulu efunda iBaibeli noma etandaza. Uma ese suka kulezi zikati zake ezi nokutula, wa ye buyela ekaya ayo kwenza imisebezi yake, futi enze isibonelo somsebenzi we sineke.

[40]

Kwa kuti lapa ekona ku ngati ukuba kona kwake kusondeza izingelosi. Umoya wokupila kwake oku cwebileyo noku ngcwele, wa u zwiwa yibo bonke abantu. Wa ebamba pakati kwabangenasu nababi nabangahlonipiyo, engo ngalimaziyo nonga ngcolile; napakati kwabatelisi ababi nase beduke ngokukulu nama Samaria amabi namabuto aba bedeni nezi sebenzi eziyizi xofuxofu. Wa ye kuluma amazwi oku hauka lapa esuka e bona kona abantu abakateleyo kepa noko be cindezelwa ukuba ba twale imitwalo esindayo. Wa yi twala kanye nabo imitwalo yabo, abesedene e pinda izifundo aye zifunda kokudatyuliweyo, zotando nomusa nokulunga ku ka Nkulunkulu. Wa ba fundisa ukuba bazazi ukuti banamatalenta ayigugu okungati uma be wa sebenzisa kahle abazuzele imfuyo engunapakade. Wa ba fundisa ngezenzo zake ukuti isikati siyinto enkulu nokuti sifanele ukuba si citwe ekwenzeni oku usizo. Wa yenga dhluli muntu ati uyize kodwa wa yelinga ukuba amise isibindi abayi zi xofuxofu kakulu naba ngase tembisi luto. Wa yebatyela ukuti u Tixo U yabatanda njengabantwana bake nokuti bangaba njenga Ye ezimweni zabo.

Ngakoke uJesu Wa yesebenzela abanye nge ndhlela enga bonakaliyo kusukela ebuntwaneni bake. Lomsebenzi wawu ngenakwenziwa nawo yedwa wawo tisha abafundi-leyo, nabafowabo uqobo babe ngase bamenze ayeke. Isimo sempilo yake wasi hambisa ngengqondo enakekelayo ngokuba wa ezoba ukukanya kwezwe.

[41]

[42]

[43]

IZIHLOHO 7—UKUBHAPATIZWA.

SE kufikile isikati sokuba uJesu ashumayele obala into yokuqala ayemelwe ukuyenza kwaku ukuba aye emfuleni. i Jordan a bhapatizwe u Johane uMbbapatizi.

U Johane wa ye tunyelwe ukulungisa indhlela yo Msindisi. Wa ye kade eshumayela ehlane eti, “Umbuso ka Nkulunkulu u sondele ; pendukani ni kolwe yi vangeli.” UMarko 1 :15. Kwa kufika izixuku zizo muzwa. Bangingi: aba penduka ezonweni zabo babhapatizwa uye e Jordan.

UNkulunkulu wa se e mtyelile uJohane ukuti ngolunye usuku kuya kufika uMesiya acele ukuba ambhapatize. Wa se emetembise ukuba uya ku mnika isibonakaliso, aya kwazi ngaso ukuba ubani. Ekufikeni kuka Jesu uJohane wa bona izibonakaliso ebusweni bake, zempilo engewele, wase emenqabela eti, ngi fanele ikubhapatizwa uwe, kepa wena uza kimi na ?

“UJesu wa pendula wati kuye, Vuma kube njalo manje ; ngokuba si fanele uku gewalisa ukulunga konke.” UMateu 3:14, 15. Esasho loku kwa bonakala ebusweni bake lokuya kukanya kwasezulwini okwa kubonwe u Simeon. Ngako u Johane wa mehlisela emanzini e Jordan elihleu Msindisi wa mbhapatiza kona pambi kwabantu bonke. [44]

UJesu aka bhapatizwanga ukuba kubonakaliswe uku penduka ezouweni zake; ngoba wa yenga zange one. Wenza ukuze si bonele ku ye.

Esepumile emanzini waguqa ogwini lomfula wa tandaza. Kwa sekuvuleka amazulu sekubonakala imisebe yoku kazimula, wa se ebona u Moya ka Tixo wehla njengejuba wa hlala pezu kwake ubuso bake nomzimba kwakanyiswa ukukanya kuka Nkulunkulu kwezwakala izwi livela ezulwini liti:---

“Lo i ndodana Yami etandiweyo eNgi kolwa yiyo.” UMateu 3 :16, 17.

Ukukazimula okwa kwehlele ku Krestu kwaku isivumelwano sotando luka Tixo kitina. U Msindisi weza ukuba abe isibonelo setu; nanjengokuba uNkulunkulu ezwa umtandazo wake u ya kuyizwa neyetu. Abadinga kakulu naba yizoni kakulu, nabadelliweyo kakulu baya tola konke ku Baba. Uma siza kuye ngegama lika Jesu, izwi ela kuluma ku Jesu li kuluma kiti liti: Lo i ndodana yami e ngi kolwa yiyo. [45]

IZIHLOHO 8—UKULINGWA.

EMVA koku bhapatizwa kuka Krestu wa holwa u Moyæ wa myisa ehlane ukuba aye ko lingwa u Satani.

Ekuyeni kwake ehlane wa holwa u Moya ka Nkulunkulu. Akaku memanga ukulingwa. Wa efuna ukuba ayekoba yedwa a cabange ngo msebenzi wake. Wa ezosi misa isibindi ngo mtandazo nokuzila ukuze aqede lendhlela yegazi a ezoyi hamba. U Satani wa yazi lapa u Msindisi eya kona, wa ese ya konake ukuba aye ko mlinga.

U Krestu wa nele wa puma e Jordan nje ubuso bakebwa kanyiswa ukukazimula kuka Nkulunkulu. Kodwa emva kokungena kwake ehlane lokukukazimula kwanyamalala. Izone zezwe zaba pezu kwake ubuso bake bwaba nokudabuka nokuhlupeka okunga zange ku zwiwe umuntu. Wa ehlupekela izoni.

[46] U Adam no Eva babapule imiteto ka Nkulunkulu badhla umuti owe nqatyelweyo. Ukungalaleli kwabo kwaleta ukona nosizi nokufa emhlabeni. U Krestu weza ukuba eze kosi fundisa ukulalela. Emva kokuba esezile ehlane izinsuku ezi amashumi amane aka vumanga nokuzenzela ukudhla ukuba adede entandweni ka Yise.

Esinye sezilingo ezehlula abazali betu bokuqala kwaku isilingo sokutanda ukudhla. Ngokuzila kuka Krestu isikati eside kangaka wa ekombisa ukuti inhliziyi yokutanda ukudhla inga nqotywa.

U Satani ulingu abantu ukuba bazi nikele etweni ngokuba loko ku dangalisa umzimba kupuputekise umqondo. Abese azi ke ukuti uzoba kohlisa ababulale kakulu. Kodwa izenzo zika Krestu zisi fundisa ukuti zonke izifiso ezimbi zinganqotywa. Asi fanele ukuba sibuswe ukuhaha, itina esifanele ukubusa kona.

Wati lapa u Satani eqala ukubonakala ku Krestu wa fana nengelosi yokukanya. Wati uyi ngelosi evela ezulwini. Wa tyela uJesu ukuti akusiyo intando ka Tixo ukuba ezwe lokukuhlupeka. Wa emelwe ukukobisa nje ukuti uya vuma ukuhlupeka kube ukupela.

Kwati lapa uJesu eselwa nepango elikulu lokulamba wati kuye:—“Uma uyi Ndodana ka Tixo yisho kulawa matye ukuba abe yizinkwa.”

Kodwa njengokuba uMsindisi wa eze kokuba, isibonelo setu wa emelwe ukuzwa ukuhlupeka njengati; wa enga fanele ukwenza isibonakaliso ukuba azisize ngaso. Izibonakaliso zonke wa ezenzela ukuba zisize abanye. Ekuyalweni uSatani upendula uti:—Kulotywiwe ukuti, umuntu akapili ngesikwa sodwa, kodwa anga pila ngamazwi onke apuma emlonyeni ka Nkulunkulu.

[47] Ngaloko wa kombisa ukuti kuyinto enkulu ukuba silalele izwi lika Tixo kunokuba sizi funele ukudhla. Bonke aba- lalele izwi lika Nkulunkulu banesitembiso sokuti bayo tola zonke izinto ezidingekayo kulo kupila, banesetembiso sokupila okuzayo futi.

U Satani we hluleka ukunqoba uKrestu ngesilingo sokuqala esikulu; wati epinda wa e myisa esicongweni setempele e Jerusalem wati:—

Uma uyi Ndodana ka Tixo ziponse pansi ngokuba ku lotyiwe, uya kuyala izingilosi zake ngawe; ziya kupata ezandhleni zazo funa uquzuke etyeni.

USatani lapa wa landela Imibhalo njengo Krestu. Kodwa lesi isitembiso akusiso esalabo abazi yisa engozini ngamabomu. UTixo aka mtyelanga uJesu ukuti akaziwise etempeleni. UJesu wala ukukwenza ukuba atokozise u Satani ngako. Wati:

“Kulotywe futi ukuti; unga yi lingi i Nkosi u Nkulunkulu wako,”

Si fanele ukwetemba ukuti u Baba wetu osezulwini uyakusi londoloza; kodwa masi ngaze saya lapa engasi tumi kona. Singaze sakwenza ase nqabela kuko.

Kukona abati akusiyo i ngozi ukweyisa uNkulunkulu ngoba u nomusa u lungile ukutetelela. Kodwa ukuqangela nje loku. U Nkulunkulu uyo batetelela bonke aba funa intetelelo, abadela izono. Kodwa labo abaketa ukunga. mlaleli, akanakuba busisa.

Manje-ke uSatani wa ese bonakala enjenga loku enjalo,—eyi nkosana yamandhla obumnyama. Wa yisa uJesu esicongweni sentaba ende kakulu, wa mbonisa yonke imibuso yomhlaba. Ukukanya kwe langa kwa kupezu kwe mizi emihle, napezu kwe zigodhlo ze marble (itye elihle kakulu elibushelezi), nase masimini ezitelo namavini. USatani wati: [48]

—“Uma uguqa lapa ungi konza ngo kunika zonke lezinto.”

UKrestu wa buka izwe isikatyana. Wa ese lifulatela. USatani wa elibeke pambi kwaka.izwe, ngendhlela ekangayo. Kodwa uMsindisi wa ebuka nga pantsi kobuhle obunga pandhle. Wa bona izwe lizezonweni nase bubini obukulu, lahluke ku Nkulunkulu. Konke loku kuhlupeka, kwa kuletwe ukuba badele uNkulunkulu bakonze uSatani.

UKrestu wa egcwele isifiso sokuba ahlenge abalahlekileyo. Wa fisa ukuba izwe alibuyisele ebuhleni balo obu ngapezu kobuhle balo base Edene. Wa etanda ukuba abantu aba beke esi kundhleni esi pakemeyo kanye no Nkulunkulu. Wa eba twalela ukulingwa. Wa ezoba umnqobi ukuze babe namandhla oku lingana nezingelosi bafanele ukwazeka ukuti ba amadodana ka Nkulunkulu.

Emyalweni ka Satani ukuba akonzwe uKrestu wa mpendula wati:—

Suka Satani; ngokuba kulotywe ukuti, wo konza iNkosi uNkulunkulu wako, umkonze yena yedwa. UMateu 4:3-10.

Okwa ku xutywe kulesi silingo sika Krestu sokugcina kwa ku yiloku. Ukutanda izwe, noku kanuka amandhla, noku zidhla kwe mpilo. Nako konke okwa hlukanisa umuntu nokukonza uNkulunkulu. USatani wati uza ku nika uKrestu izwe lonke uma ekotamela okuyi kona kuqamba ububi. Ngako uSatani uye asi vezele amatuba atolwa ngokwenza okubi.

Uya nyenyeza ati, Ukuze niqube kahle lapa ezweni konzani mina. Ninga kataleli kakulu ngeqiniso nango kwe tembeka. Lalelani okushiwo yimi, ngi yoni nika ingcebo no dumo no kutokoza. [49]

Uma si lalala lomyalo sisuke si konza uSatani, esikundhleni soku konza uNkulunkulu. Kosi letela usizi no kubhubha ukupela.

UKrestu usesi bonise esiyo kwenza uma si lingwa. Wati lapa eti ku Satani “Suka,” umlingi wa engena kuwe nqaba lomyalo. Wa ese cindezeleke ukuba ahambe.

Elwa nenzondo no kutukutela, induna yabablubuki ya mshiya umblengi wezwe.

Impikisano yapela ngaleso sikashana. Ukunqoba kuka Krestu kwaku okupelele nje ngokwehluleka kuka Adam.

Ngako singase sizidele izi lingo sinqobe u Satani. I Nkosi iti kiti delani u Satani uyakusuka kini. Sondelani ku Tixo uyaku sondela kini. U Jacobe 4:7, 8. [50]

[51]

IZIHLOHO 9—UKUSHUMAYELA KO KUQALA.

UKRESTU wa buya qede ehlane, wa buyela e Jordan lapa kwaku shumayela kona uJohane. Nga lesa sikati abantu ababe tunywe ababusi base Jerusalem, babe buza uJohane ukuti amandhla oku fundisa nawoku bhapatiza abantu uwatatepi. Ba buza bejti ungu Mesiya noma uElija noma ilowa mprofeti, “betsho uMoses.” Kuko konke loku wati, “Angi siye.” Base bebuza beti:—“Ungu bani po ? Ukuze si banike impendulo aba si tumileyo.”

“Wati, Ngi yizwi eli memeza ehlane liti, Lungisani indhlela ye Nkosi njengo kwa shiwo umprofeti uIsaya.” Johane 1: 22, 23.

Endulo kwa kuti uma inkosi izohamba ezweni layo elinye iya kwe linye, kwa ku tunyelwa abantu ngapambili kwe kalishi layo, ukuba ba lungise izindhlela. Babe gawula imiti baqoqe amatye ba gcwalise izisele ukuze indhlela ye nkosi ibe sobala. Ngakoke kwati lapa seku zofika uJesu iNkosi yase Zulwini, kwa tunyelwa uJohane uMbhapatizi ukuba aze ko lungisa indhlela ngokuba a tyele abantu ukuti abapenduke ezonweni zabo.

[52] Wati uJohane esapendula izitunywa ezazi vela eJerusalem, wa bona uJesu emi ogwini lomfula. Ubuso bwake bwa kazimula, elula izandhla zake wati:—

“Ukona pakati kwenu eninga maziyo, Uye oza emva kwami, owa ekona ngi nga kabiko, engi nga kabiko, engi nga fanele noku tukulula imicilo yezi catulo zake.” Johane 1:26, 27.

Abantu bahlabeka. UMesiya wa epakati kwabo baqalaza betanda ukubona lo uJohane aye kuluma ngaye. Kodwa uJesu wa ese ngene pakati kwe sixuku wa nyamalala.

Nga ngomso uJohane wa bona uJesu emkomba wati

Bhekani iCwane lika Nkulunkulu elisusa isono sezwe !

UJohane wa ese batyela nge sibonakaliso esabonwa ngamhla e bhapatizwa. Wati. “Nga bona, ngi ya fakaza ukuti lo iNdodana ka Nkulunkulu.” Johane 1: 29, 34.

Ababezwa ba mbheka uJesu ngo kwe saba noku mangala. Ba zibuza beti, uKrestu yini lona ?

Ba bona ukuti uJesu ana siboniso sengcebo yezwe no bukulu bwalo. Izingubo zake zazi nge namfeketiso, zi ngesizo ezemali eningi, zi njenge zazi gqokwa abantu aba mpofu. Kodwa kwa ku kona okwa kuzamazamisa izinhliziyi zabo ebusweni bake obu papatekileyo. Kulobo buso babe funda ukupakama namandhla, nako konke uku buka kweso lake nezito zobuso bake kwaku tyela umhau wa ngapezulu notando olungena kupunyeselwa.

[53] Kodwa izitunywa ezazi vela e Jerusalem azi sondezanga ku Msindisi, UJohane wa enga shongo ababe funa ukukuzwa. Babe bheke ukuti uMesiya uya kufika eumnqobi omkulu. Ba bona-ke ukuti kwa kungesiko loku uJesu aye zo kwenza, base be mshiya be jabhile.

Ngangomso uJohane wa bona uJesu wati futi; Bhekani iCwane lika Nkulunkulu! Ababili abafundi baka Johane ba bemi eduze, base be landela uJesu. Ba lalela ukufundisa kwake, baba abafundi bake. Omunye wa laba ababili kwaku uAndru nomunye ku uJohane. UAndru wa shesha wa leta umfowabo uSimon ku Jesu, uKrestu wa ese mqamba ngokuti uPeter. Nga ngomso beya e Galile uKrestu wa biza omunye umfundi uFilipa igama lake. UFilipa wanele watola uMsindisi nje wa ese leta umngane wake uNatanela.

Umsebenzi ka Krestu omkulu wase mhlabeni wa qalwa ngalendhlela. Waba biza ngabanye ukuba babe abafundi bake, omunye alete umfowabo, omunye alete umngane wake. Loku oku fanele ukwenziwa yibo bonke abalandela uKrestu. Bafanele ukuba banele bazi nje ngo Jesu bese betyela abanye Isihlobo esihle aba si tolileyo. Umsebenzi ongenziwa yibo bonke lona, abasha nabadala.

UKrestu nabafundi bake baya emshadweni e Kana lase Galile. Amandhla ake amangalisayo avezelwa ukuba kutokoze lo mndeni obuteneyo.

Kwa ku umkuba wa lelozwe ukuba ku puzwe iwayini nga lezi zikati. Lapela iwayini umshado ungakapeli. Kwakuti nxa kwe sweleke iwayini, ku bonakalise ukungabi nasu lokupata abantu kulabo okwa kuziwe kubo, loku-ke kwa kutiwa ihlazo. UKrestu wa tyelwa okwenzakeleyo. Wa eseti ezincekwini azi gcwalise izimbiza ezi yisitupa ezinkulu ngamanzi. Wa eseti “yikani niyise ku mpati we dili.” Johane 2:8.

Esikundhleni samanzi kwa puma iwayini. Leli wayini lali ncono ku nelikade lipuzwa labanela futi bonke. [54]

UJesu esenzile lesi bonakaliso, wa nyenya wa hamba. Aba menyiveyo baze bezwa ngo msebenzi awenzileyo ese hambile.

Isipo sika Krestu emshadweni sasi umfanekiso. Amanzi aefanekisa ubhapatizo, newayini lali fanekisa igazi lake elacitelwa izwe.

Iwayini elenziwa uJesu lali ngesibo utywala obubilileyo. Iwayini elinje liveza ukudakwa nobubi obuningi u Nkulunkulu uya lenqabela ukuba lipuzwe. Uti, Iwayini liyi sideleli okupuzwayo okunamandhla kuveza umsindo ; owedukiswa yilo akahlakanipile. Liluma njenge nyokal intinyele njenge bululu. Amazwi 20 : 1, 23, 32.

Iwayini elali puzwa kuleli dili lali amanzi amagrepi amable amnandi. Lali fana neli shiwo umprofeti u Isaya eti “iwayini elisha elitolwa esixukuwini,” uti futi kukona ubusiso kulo. Ulsaya 65 :8.

Ngokuya kuka Krestu emshadweni wa ekombisa ukuti kuhle ukuba abantu bahlangane ndawonye ngalendhlela ejabulisayo. Wa etanda ukubona abantu be tokoza. Wa evama ukuba vakashela emakaya abo alinge ukubenza ba kohlwe izinkatazo nezinhlupo zabo, ba cabange ngokulunga kuka Nkulunkulu nango tando Iwake.

Wa elinga ukukwenza loku noma engabapi. Lapa kwaku kona inhliziyo evulekele ukwa mukela izindaba zika Nkulunkulu. Wa yembula amaqiniso endhlela yosindiso.

Ngolunye usuku wati lapa edabula izwe lase Samaria, wa hlala pansi ngase mtonjeni ukuba apumule. Kwa se kufika owesifazane ezakuka amanzi. Wa cela kuye ukuba ampuzise.

Umfazi wa mangala ngaloku ngoba wa yazi ukuti abaJuda bawa zonda kanjani amaSamaria. Kodwa uKrestu wa mtyela wati uma ube cela kuye, ube yomupa amanzi angapeliyo. Naloku-ke futi kwabuye kwa mu mangalisa ngokunga pezulu. Wa eseti. [55]

“Opuzi lawa manzi uyobuye ome ; kodwa opuzi amanzi engi ya kumnika wona akayupinde ome; kodwa amanzi engiya ku mnika wona aya kuba kuye umtombo wamanzi ampompozayo eku pileni okungunapakade.” Johane 4 :13,14.

Nga manzi apilayo kutshiwo uMoya oyingcwele. Njengoba isihambi esomileyo si dinga amanzi okuba si puze kunjalo-ke nati si dinga uMoya ka Nkulunkulu ezi nhliziyweni zetu. Opuzi lawa manzi aka sayi koma. UMoya Oyingcwele uleta utando luka Nkulunkulu ezinhliziyweni zetu. Usutise izifiso zetu, si ngabe sisa kangwa ingcebo nodumo ne ntokozi ya lelizwe.

Usi gcwalisa nge ntokozi esenza si tande ukuba nabanye babe naye. Kitina uyakuba njengomtombo wamanzi ompompozayo nge zibusiso kubo bonke aba zungezileyo.

Bonke okuhlala kubo uMoya ka Nkulunkulu baya ku hlala no Krestu ungunapakade embusweni wake. Uma usu wamkelwe enhliziyweni ngoku kolwa, kusuke seku qaleukupila okupakade.

U Krestu watyela umfazi ukuti lesi isibusiso esihle uya ku mnika sona uma esi cela. Natike futi uya kusipa.

[56] Lomfazi wa apule izimemezelo zika Nkulunkulu, u Krestu wa bonisa ukuti uya zazi izono zempilo yake. Wa bonisa futi ukuti uyisihlobo sake, nokuti uya mtanda uya mdabukela, nokuti uma evuma ukushiya izono zake u Tixo uya kumamukela abe umntwana wake.

Kwaba kukulu ukujabula kwake qede ezwe loku. Ngokujabula kwake wa sheshe waya emzini oseduze wa biza abantu ukuba bazobona.

Bafika emtonjeni ba mcela ukuba a hlale nabo. Wa hlala nabo izinsuku ezimbili waba fundisa, baba baningi aba wezwayo amazwi ake. Bapenduka ezonweni zabo ba kolwa uye ukuti ungu Msindisi wabo.

Ngesikati soku shumayela kuka Jesu wa vakashela kwabo kabili. Okuku qala wa ngena endhlini yesobata nge Sabata.

Wa fika we funda isiprofeto sika Isaya ngomsebenzi ka Mesiya, ngoku shumayela kwake izindaba ezinhle kwaba hlupekayo, ngoku duduza abadabukileyo, ngoku vula amehlo ezimpumpute nangokupilisa abalimeleyo.

Wa esetyela abantu ukuti konke loko kwase kugcwalisekile ngalo lolosuku. Kwa kuyiwo lowo msebenzi aye wenza yena.

Ababelalele bajabula ngalawa mazwi. Ba kolwa ukuti uJesu ungu Msindisi owetenjiswayo. Izinhliziyi zabo zazanyazanyiswa u moya oyingcwele ba pendula ngo ameni nezindumiso ku Jehova.

Base be kumbula ukuhlala kuka Jesu pakati kwabo eumbazi. Base be mbone kaningi esebenza e shabhu no Josefa. Nokuba ekupileni kwake konke kwaku kona izenzo zotando nomusa zodwa abakolwanga ukuti ungu Mesiya.

Ngemicabango enjenga lena ba vula indhlela yokuba uSatani abuse imiqondo yabo. Base be mtukutelela kakulu uMsindisi. Ba memeza ngaye ba zimisela uku mbulala.

[57] Ba mxosha beti bazo mponsa esiweni segquma eli kulu. Kodwa izingilosi zazise duze zizo mvikela. Wa shuma pakati kwesixuku abe esa bonwa.

Wati epinda eza e Nazareta abantu babese njalo benga kulungeli ukuba ba mamukele. Wa se hamba ukupela.

[58] U Krestu wa esebenzela labo abafuna ukuba abasize, abantu ba butana kuye be vela kulo lonke izwe. Kwa kuba kona ukutokoza okukulu lapa ebapilisa, ebafundisa. Kwaba sengati izulu lehlile leza emhlabeni, badhla umusa wo Msindisi one sihau.

IZIHLOHO 10—IMFUNDISO KA KRESTU.

PAKATI kwa baJuda inkolo yase iumkuba nje. Kwati ngoba sebe delile inkonzo ye qiniso ka Nkulunkulu, sebhlahlekelwa na amandhla omoya wezwi lake, ba linga ukugcwalisa aba kusweleyo ngoku faka ezabo izinkonzozindaba aba bekolwa yizo.

Igazi lika Krestu lodwa elinga hlanza izono. Amandhla ake ukupela enza umuntu angaze ona. Kodwa abaJuda babencike emisebenzini yabo nase zinkonzweni zenkolo yabo ukuti kuyoba zuzela usindiso. Ngenxa yoku kutalela kwabo lezi zinkonzo babeti ba lungile, bafanele indawo embusweni ka Nkulunkulu.

Kodwa amatemba abo a egxile ebukulwini bezwe. Babefisa kakulu ingcebo namandhla nako loku babe kubheke nje ngoba beti kuyoba umuvuzo woku kolwa kwabo koku zenzisa. Babe bheke ukuti u Mesiya uza ku misa umbuso wake lapa. emhlabeni abuse e yinkosi enkulu pakati kwabantu. Ba beti botola zonke izibusiso zomhlaba ekufikeni kwake.

UJesu wazi ukuti amatemba abo azo jabhiswa. Wa ezobafundisa nge nto encono kakulu kunaleyo ababeyifuna. Wa ezo vusa inkonzo eqinisekileyo ka Tixo. Wa elete inkonzo yenhliziyi emhlope, eya izozi bonakalisa empilweni emhlope nase simweni esi ngewe. [59]

Enshumayelwani enhle yase ntabeni u casisela nge zinto uNkulunkulu ati zinhle kakulu kunazo zonke neziyo leta intokozo epeleleyo.

Abafundi bo Msindisi basebe tole umoya wemfundiso yawo tisha laba, ngakoke izifundo zika Krestu za qala ngabo. Loko abafundisa kona okwetu nati. Sidinga ukuba sazi izintoezinjalo nati.

U Krestu wati, “Babusisiwe abampofu emoyeni.” Abampofu emoyeni ilabo abaziyo ukona kwabo nokuswela kwabo. Bayazi ukuti abanakuzenzela luto olulungileyo. Ba fisa ukusizwa uNkulunkulu abesebanika isibusiso. Ngokuba uti omkulu nopakamileyo ohlala e bungunapakadeni, ogama lake li Ingcwele : “Ngi hlala endaweni epezulu encwele, ngi hlala futi none nhliziyi eyapukileyo netobileyo ukuvusa umoya waba. tobekileyo ne zinhliziyi ezipukileyo.” UIsaya 57 : 15.

“Babusisiwe abakalayo.” Loku akusho kulabo ababamba be sola, be nkonona be hamba be no buso obubi obupansi. Kusho ku bantu abadabukele izono zabo nge qiniso aba cela ku Tixo ukuba aba tetelele. Bonke abanje uba tetelela ngoku kululeka. Uti, “Ngiya kupendula ukukala kwabo kubeintokozo, ngi ba duduze, ngi benze ba jabule ngezibusizi zabo.” UJeremia 31:13.

“Ba busisiwe abamnene,” u Krestu uti, “funda kimi ngokuba ngimnene ngitobekile ngenMiziyo.” UMateu 11: 29. Kwakuti uma epetwe kabi apindise okubi ngokuhle. Ngaloko wa sinika isibonelo ukuze senze njengaye.

“Ba busisiwe abalambele bomele ukulunga.” Ukulunga ku ukwenza izinto ezilungileyo. Ku ukulalela umteto ka Tixo ; ngokuba ku lowo mteto kubonakaliswa izinto ezi vezwa ukulunga. IBaibeli liti, “Iziyalezelo zako zonke zi ukulunga.” Isihlabelelo 119 :172. U Krestu wafundisa abantu ukuba balalele lowo mteto ngezenzo zake, ukulunga komteto kubonakala ekupileni kwake. Uma sisuke sifuna ukuba imicabango yonke yetu namazwi onke etu, nezenzo zetu, zibe njenge zika Krestu sisuke silamba somela ukulunga. [60]

Singase sibe njengo Krestu uma sitanda ngeqiniso. U kupila kwetu kungaba njengo kwake, nezenzo zetu zivumelane nomteto ka Nkulunkulu. U Moya oyingcwele uya kuleta utando luka Tixo ezinhliziyweni zetu ukuze sitokoze uma senza intando yake. U Tixo utanda ukusipa u moya wake kakulu kunoku tanda kwabazali ukupa izipo ezinhle kubantwana babo. Isetembiso sake sithi “celani niyakupiwa.” ULuka 11:9. Bonke aba lambele bomele ukulunga “baya ku sutiswa.” UMateu 7:7.

“Ba busisiwe abanesihau.” Ukuba nesihau ku ukupata abanye kahle ngapezu kwabakufaneleyo. No Nkulunkulu usipata kanjalo. Kuya mjabulisa uku bonakalisa isihau nomusa kwaba nyazayo nakwababi. Ngaloku usifundisa ukuba senze njalo kwabanye. Uti yenze lanani umusa nibe nezinhliziy ezitambile; nitetelanane njengo kuba u Tixo wanitetelela ngenxa ka Krestu. Abasefesu 4 : 32.

[61] Babusisiwe abamhlope nge nhliziyo. U Nkulunkulu ukatalela kakulu esiyiko kunesithi siyiko. Akakatali ngobu bakabaka betu, kodwa ufuna izinhliziy zetu zibe mhlope. Ati amazwi etu nezenzo zetu zilunge. Inkosi u David wa tandaza wati, “Ngipe inhliziy ehlanzekileyo Tixo.” Wati futi, “amazwi omlomo wami nezi zindhlo zenhliziy yami azemkeleke kuwe, 0 ! Jehova mandhla ami nomkululi wami.” Isihlabelo 51:10 ; 19 :14. Lo ufanele ukuba ube umtandazowetu.

Ba busisiwea abalamulayo. Onomoya ka Krestu omnene notobekile, uyakuba umlamuli. Lomoya awu qali ukulwa. awu penduli ngolaka. Wenza kutokozwe ekaya ulete ukutulaokumnandi okubusisa bonke.

“Ba busisiwe abahlushwa ngenxa yokulunga.” UMateu 5:3—10. U Krestu wayazi ukuthi baningi abafundi bakeabaya kufakwa etilongweni, abanengi babulawe. Kodwa. wabatyela bangakukaleli. Akuko okubi okungalimaza laboabatanda nabalandela u Krestu. Uya kuba nabo kuzo zonke izindawo noma be bulawa uyakuba nika impilo engasoze yapela, nomqele wobukosi ongagugiyi.

Abanye ke baya kumazi u Msindisi ngabo. UKrestu wati kubafundi bake :—

“Ni ukukanya kwezwe.” UMateu 5 :14. U Jesu wa esezosheshe ahambe emhlabeni aye ekaya lake lase zulwiniKodwa abafundi babe zofundisa abantu utando lwake. Babezoba ukukanya pakati kwa bantu. Isibani esisesibubulungu. esikanya ebumnyameni, sihola umkumbi uze ufike kahle lapa. uma kona ; ngako abalandeli baka Krestu bafanele bakanye kulelizwe lobumnyama, ukuze ba holele abantu ku Krestu nasekaya lasezulwini. Bonke abalandela u Krestu bafaneleukwenze nje. Uti abasebenza naye basindisa abanye.

[62] Izifundo ezinye zazi isimangaliso ziqabukeka kulaboabelalele u Krestu wazi pinda njalo izikati eziningi. Ngesinyeizikati kweza kuye ummeli ezobuza umbuzo wo kuti:--

“Mfundisi ngingenzani akuze ngidhle ifa lombuso opakade na ?”

U Jesu wati kuye kulotyweni emtetweni, ufunda kanjani ?

Wa pendula wati, wotanda i Nkosi u Nkulunkulu wako ngenliziyi yonke yako, na ngompefumulo wonke wako, nowakelene nawe njengokuba uzitanda wena.

U Krestu wati. Upendule kahle yenza loku uyakupila.

Ummeli wa engazange akwenze loku. Wa kwazi ukuthi wa ekade engaba tandi abanye njengokuba ezitanda yena. Esikundhleni sokuba apenduke wa linga ukutola izaba zo kuzi tanda kwake. Ngakoke wa esebuzo ku Jesu eti:—

“U bani owakelene nami ?” ULuka 10 : 25—29.

Abapristi nawo tisha babe vama ukupikisana ngalombuzo. Abampofu nabangefundile babe ngatsho ukuthi ba abakelwana babo, babe ngabenzeli nomncane umusa. UKrestu

wa engaze angangena ekupikisaneni kwabo; umbuzo wa upendula ngendaba eyaisandu ukwenzeka.

Wati: umuntu otile wa yehla eya eJeriko, evela eJerusalem. Umgwaqo wa unommango omkulu, unamatye wa dabula endaweni eyihlane esesita. Umuntu wa banjwa abapangi bamepuca konke ayenako. Bamshaya bamlimaza, bamshiya ukuba afe.

Wati e lele enje, kwadhlula umpristi, kwabuye kwadhlula umLevi e vela e tempelini eJerusalem. Kodwa esikundhleni sokuba basize lomuntu ohlupekayo bangwema, bamdhlula. Laba bantu babe ketelwe ukuba basebenze etempelini lika Nkulunkulu, babe fanele ukuba babe njengaye, babe nesihau esikulu nomusa omkulu. Kodwa izinhliziyi zabo zazilukuni zingezweli.

[63]

Emva kwesikati kwabuye kwa dhlula umSamaria. AmaSamaria kwaku abantu abadeliweyo nabazondekayo ku baJuda. UmJuda wa engeke ampuzise omunye wabo amanzi nokumnika umutamo wokudhla. Kodwa u mSamaria aka cabanganga ngaloku. Aka cabanganga nangabapangi ababe ngabe bemqamele. Isihambi sasi lele lapo, sopa sesizokufa. UmSamaria wa kumula elake ibhantyi, wambopa ngalo. Wamnika iwayini lake ukuba apuze, wamkata ngamafuta ezilondeni. Wamkwelisa esilwaneni sake, wamyisa endblini yezihambi, wamlondoloza bonke ubusuku.

Ngakusasa engaka hambu, wakokela umpati wendhlu yezihambi, wati akamlonde aze apile. UJesu wayityela kanje indaba le. Ese pendukela kummeli wabuza wati:—

“Imupi kulaba abatatu ocabanga ukuti wa engumakelwana walo owaponseka emaseleni?”

Ummeli wa pendula wati, “Ilowo owamenzela umusa.”

UJesu wati, “Hamba wenze njalo nawe.” ULuka 10:35-37.

Ngako uJesu wafundisa ukuba bonke abantu esidinga ukuba sibasize banga bakelwana betu. Sifanele ukuba simpate ngendhlela esinga tanda ukupatwa ngayo nati.

Umpristi no mLevi, babe shaya sengati baya zigcina iziyalezelo zika Nkulunkulu, kodwa okwaku uyena ezigcina kwaku umSamaria. Inhliziyi yake ya inotando inomusa. Ngokunakekela kwake lesi sihambi esilimeleyo, wa ebonisa utando lwake, atanda ngalo uNkulunkulu natanda ngalo abantu. Kuya mtokozisa uNkulunkulu uma senzela okuhle. Sisuke sikombisa ukuti siya mtanda nxa senzela umusa labo abasizungezilayo.

[64]

Inhliziyi enomusa nenotando ingcono kakulu kunayo yonke ingcebo yase mhlabeni. - Abapilela ukwenza okulungileyo ba bonisa ukuti ba abantwana baka Nkulunkulu. Ibona-ke abaya ku hlala no Krestu embusweni wake.

[65]

[66]

[67]

IZIHLOHO 11—UKUGCINA ISABATA.

UMsindisi wa eligcina iSabata, wa fundisa nabafundi bake ukuligcina. Wa ekwazi ukuti lifanele ukugcinwa kanjani, ngokuba lenziwa uye ukuba libe ingcwele.

IBaibele liti, “Kumbula usuku lwe Sabata, ulugcine lubengcwele. Usuku lwesikombisa luyi Sabata lika Jehova uNkulunkulu wako. Ngokuba uJehova wenza izulu nomhlaba nolwandhle nako konke okukuwo. Wa pumula ngosuku lwesikombisa. Ngako-ke uJehova wa busisa usuku lwe Sabata, wa lwenza lwaba ingcwele.” Eks. 20 :8, 10, 11; 31: 16, 17.

UKrestu wa sebenza noYise ekudaleni umhlaba ngako wa eselenzile iSabata. IBaibele liti, “zonke izinto ze nziwa uye.” Johane 1: 3. Uma sibona ilanga nezinkanyezi nemiti nezimbali ezinhle, asokumbula ukuti kwenziwa uKrestu konke. Wenza iSabata ukuba lisisize, sihlale sikumbula ngotando lwake namandhla ake.

Otisha babaJuda basebenze imiteto yokugcina iSabata, babe funa ukuba bonke balalele imiteto yabo. Ngako bamqapelisisa uKrestu azokwenza.

[68] Ngelinye iSabata uKrestu nabafundi bake be goduka bevela endhlini yokusabata, badabula ensimini yamabele. Isikati sase sidhlulile sebelambile. Basebeka izikwebu, bazihlikihla ezandhlini, badhla izinhlamvu. Ngezinye izinsuku kwakutiwa uma edabula ensimini ayokuka loko angakudhla. Kodwa akushiwongo ngesabata. Izita zika Krestu zabona okwenziwa abefundi zati ku Msindisi:—

“Bheka abefundi bako benza okunga fanele ukwenziwa ngo suku lwe Sabata.” UMateu 12 :2.

Kodwa uKrestu waba vikela abalandeli bake. Laba aba bemtolisa icala waba kumbuzo ngo Davida owati lapa e lambile wadhla izinkwa ezingcwele ze tabanekele wasinika abalandeli bake abalambileyo. Uma kwaku lungile ukuba u Davida adhle lesisinkwa esingcwele lapa elambile kwakunga lungile ngani ukuba abefundi bafule izikwebu ngalawo mahola angcwele e Sabata, belambile ?

Isabata alenzelwanga u kuba libe umtwalo kubantu. Kwaku elokumpata kahle limnike ukutula nokupumula. Ngako ke i Nkosi yetu yati. Isabata lenzelwa umuntu a kusiye umuntu owenzelwa i Sabata. UMarko 2 : 27.

Kwati futi nge Sabata elinye wangena endhlini yoku Sabata wafundisa; kwaku kona umuntu onesandhla esishwabenyayo.

Ababhali naba Farisi ba mhlomela beti ababone ukuti uzopilisa yini ngosuku lwe Sabata, ukuba bamtolise icala. Kodwa wa yazi imicabango yabo wa eseti ku muntu onesandhla esishwabenyayo. Suka ume pakati. We suka wema.

[69] U Jesu wati kubo, ngitanda ukunibuzo into ibenye. Ku lanele ukwenza okulungileyo nge Sabata noma ukwenza okubi, ukusindisa noma uku bhuhisa ?

Esebaqalaza waba bheka ngokutukutela, edabuka ngo bulukuni bezinhliziyi zabo wati kumuntu yelula isandhla sako. Wase lula; isandhla sake sapila saba njengesinye.

Ba tukutela babuzana bodwa ukuti bazo kwenzani ku Jesu. ULuka 6 : 6—9, 11 ; uMarko 3 : 5.

U Msindisi waba kombisa ukunga cabangi kwabo ngokumbuza. Wati kubo ubani kini okungati uma enemvu iyinye kuti uma iponseka emgodini nge Sabata angayibambi ayi kipe? Babe ngena mandhla okupendula loku. Wa eseti kubo, umuntu uyidhlula kangakanani imvu ? Ngako kufanele ukwenza okulungileyo ngezinsuku ze Sabata. UMateu 12 : 11, 12.

“Kufanele ;” oku ukuti ku okushiwo umteto. U Krestu aka zange ebasole aba Juda ngoku gcina umteto ka Tixo, nangoku hlonipa iSabata. Kodwa wa epakamisa umteto ngoku gcwala kwawo konke.

U Isaya wa profeta ngo Krestu wati, “uya kukulisa umteto awenze uhlonipeke.” Ulsaya 42:21. Ukukulisa ukuwenza ubemkulu ukuwupakamisela esikundhleni esipakemeyo u Krestu wa wukulisa umteto ngoku kombisa ngezindhlela zonke okushiwo yiwo nge mpela okumangalisayo. Wabonisa ukuti umelwe ukulalelwa kungesiko nge zenzo ezi bonwa abantu nje, kepa ngemi cabango eyaziwa u Tixo yedwa.

Wati kulabo ababeti uzo cita umteto. Ningasho ukuti ngizo ko cita umteto naba profete ; angi zile ko cita ngize ko gcwalisa. UMateu 5 :17. Ukugcwalisa kusho ukugcina, ukwenza. Jakobe 2:8. Kwati lapa eza ko bhapatizwa u Johane umBhapatizi wati Si fanele ukugcwalisa ukulunga konke. Ukugcwalisa ku ukulalela ngokupeleleyo. UMateu 3:15. [70]

Umteto ka Tixo awunakuguqulwa, ngokuba u Krestu wati, kodhlula izulu nomhlaba kungakadhluhi nebalana lomteto, kuze kugcwaliswe konke. UMateu 5: 18.

Ekubuzeni kwake umbuzo wokuti, kufanele ukuba kwenziwe okulungileyo nge Sabata noma kufanele kwenziwe oko kusindisa noma ukubitubhisa ? U Krestu wa e bona kalisa ukuti uyakwazi ukufunda izinhliziyiyo zaba Farisi ababi ababe mtolisa. icala.

Kwati lapa yena esindisa umpfumulo ngokupilisa o gulayo bona babe linga ukubulala umpfumulo ngo kubulala yena. Kwakulungile ukubulala nge Sabata njengababe ceba ukukwenza, kunokupilisa abahlupekayo njengaye sekwenzile ? Kwaku lungile ukuba nokufisa ukubulala enhliziyweni ngo suku luka Nkulunkulu oluyingcwele kunokuba notando kubantu, utando olwalu bonakalisa umusa nezenzo zesihau ?

Kwaze kwaba izikati eziningi aba Juda be tolisa u Jesu icala lokuti wepula i Sabata. Babe vama ukulinga uku mbulala ngoba engali gcini ngendhlela yezi ndaba ababe kolwa yizo. Kodwa loku kwa ku yize kuye. Wa ligcina i Sabata ngendhlela e yayi funwa u Nkulunkulu.

Kwaku kona e Jerusalem icibi elikulu lamanzi elali bizwa ngokuti i Betesda. Kwa kuti ngesikati esitile icibi lizanyazanyiswe; abantu babe kolwa ukuti kwakuye kwehle ingelosi ingene kulo, idunge amanzi nokuti oyo ngena ku qala emva koku zanyazanyiswa ;kwamanzi uyopiliswa esi fweni sake anaso.

Kwakuza abantu abaningi beza kulendawo ; kodwa iningi labo lali jabha. Ekuzamazameni kwamanzi kwakuba kona isixuku esikulu nga ngokuba abaningi babe ngenamandhla nawo kufinyelela ose beni lwecibi. [71]

Ngolunye usuku lwe Sabata uJesu weza e Betesda. Inhliziyiyo yake yagcwala isihau lapa ebona iziguli ezihlupekayo zi lapo. Omunye wa e bukeka egula kunabo bonke. Wa ese unyonga iminyaka engamashumi amatatu nesishiyagalombili. Akuko nyanga eyayi ngampilisa. Zasezi ziningi izikati eletwa kona e Betesda; kodwa kwakuti uma amanzi e zanyazanyiswa adhlulwe ngomunye.

Nangaleli i Sabata wa eseke wa linga ukufinyelela ecibini wehluleka. UJesu wambona esegaqazela eya okukweni lwake olwalu umbhede wake. Amandhla ake a esecishu ukupela. Kwase kuzoti uma kungasheshi ukufika usizo abesefa. Eleleke kanje eloku epakamisa amehlo njalo ebuka icibi kwa fola pezu kwake ubuso obuno tando, wezwa izwi liti:—

Uya tanda ukupiliswa na? Umuntu wependula ngokudabuka wati. “Mngane angu namuntu wokungi ponsa ecibini uma amanzi ezanyazanyiswa, ngiti lapa ngiti ngi yaya bese kudhlule omunye ngapambi kwami.”

Wa engazi ukuti lo oseduze kwake ange pilise abe munye kodwa anga pilisa bonke abeza kuye. U Krestu wa eseti kumuntu :—

“Suka utabate umbhede wako uhambe.”

[72] Wa linga ukulalela umteto lowo ngaso lesi sikati, amandhla afika kuye. Wa xuma wema ngezinyawo wafumanisa ukuti angase eme ahamba. Yeka ukutokoza okwabakona.

Watata umbhede wagijima edumisa uNkulunkulu ngazo zonke izinyatelo zake. Masinyane wa hlangana naba Farisi waba tyela ngokupiliswa kwa ke okumangalisayo. Abaze babukeka bejabulile, kodwa bati ukusuka nje bamsola ngokuba etwele umbhede nge Sabata. Umuntu wati:—

Ongi pilisileyo ute kimi, “Tata ukuko lwako uhambe.” Johane 5:1—11.

Base beyekake ukumcunukela sebe sola ote kuye akatwale ukuko lwake nge Sabata.

E Jerusalem lapa kwaku kona uMsindisi manje kwaku hlala otisha abaningi. Kwaku fundiswa kona imiqondo yabo yamanga ngoku gcina i Sabata. Kwaku fika aba ningi bezo konza e tempelini ngako imfundo yabo yanda kude. U Krestu wa efuna ukulungisa lawa macala. Yiloko nje okwamenza ukuba apilise nge Sabata amtyele ukuba atate ukuko lwake ahambe. Wayazi ukuti ngokwenza nje uyakuvusa otisha abesetola ituba lokubafundisa.

Nempela kwabanjalo. Aba Farisi baleta u Krestu pambi ko mpakati we Sanhedren nompakati omkulu waba Juda ukuba apendule ngokumangalelwa kwake kokuti wepule i Sabata.

U Msindisi wati ukwenza kwake kuyezwana futi nentando nomsebenzi ka Tixo. Wati, “U Baba uya sebenza ngako nami ngiya sebenza.” Johane 5:17. U Tixo usebenza njalo epilisa zonke izinto ezipilayo. Umsebenzi wake wa u melwe ukupela yini nge Sabata?

[73] U Nkulunkulu wa ezokwenqabela ilanga ukuba lenze umsebenzi wabo nge Sabata na ? Wa ezovimbela imisebe yalo ekufudumezeni umhlaba nase kuhlumiseni okukulayo ? Imifulana yaizoyeka ukumanzisa amadhlelo namaza olwandhle ayeke ukuhamba kwawo ? Amabele ayeke ukukula, nemiti nembali kungabi nami qumbe, kunga kahleli nge sonto ?

Abantu babeyo dinga izitelo zomhlaba nezi busiso ezipilisayo. Okudaliweyo kumelwe ukwenza umsebenzi wako uma kungenjalo abantu bangafa. Nomuntu futi unawo umsebenzi angawenza ngalolusuku. Izinto ezidingekayo ekupileni ko muntu zidingeka ukuba zenziwe. UTixo aka tandi ukuba abantwana bake bezwe ubuhlungu nge Sabata obungase bu vinjelwe, nangezinye izinsuku futi aka tandi.

[74] Umsebenzi wase zulwini awu peli natike asingaze sayeka ukwenza okulungileyo. Oku umsebenzi wetu ikona umteto ukwenqabela ukuba sikwenze ngosuku loku pumula luka Jehova. Umsebenzi wokusebenzela impilo awupele ; kungabiko umsebenzi woku sebenzela intokozo nenzuzo ye zwe ngalolo suku. ISabata akusilo elokuba kwenziwe ngalo imisebenzi enga sizi luto. Njengokuba uNkulunkulu wa yeka umsebenzi wake woku dala ngalolusuku wa pumula, nati simelwe ukupumula. Uti masi yeke yonke imisebenzi yetu yezi nsuku zonke, sicite lesosikati esingcwele ekupumuleni okupilisayo ukukonza nase misebenzini engcwele.

[75]

IZIHLOHO 12—UMALUSI OLUNGILEYO.

UMSINDISI waeti uma ezisho yena ati u ngu malusi. Ati abafundi bake ba umhlambi. Wati:—

“Ngingu Malusi olungileyo, ngiyazazi ezami nezami ziyangazi,” Johane 10 :14.

U Krestu wa ezo bashiya abafundi bake, wakusho loku ukuba abaduduze. Kwakoti uma engaseko bawa kumbule amazwi ake. Kwakoti uma be bona umalusi eluse umhlambi wake bese be cabanga ngo tando lo Msindisi nango kuba nakekela kwake.

Kulelozwe umalusi wa ehlala nomhlambi wake. imini nobu suku. Wa e wu hola awu dhlulise amagquma anamatye, anqamule amahlathi nawo emini ewu yisa emadhlelweni amahle anotyani ngaseduze komfula. Ebusuku wa eyi londa ayigcine ezilwaneni za sendhle na kuba pangi ababe hlala beseduze.

Izimvu zake ezibutakataka nezi gulayo wa yezi nakekela kahle. Amacwane amancane wa ewa gona ngezingalo zake awatwale esifubeni sake.

Nokuba umhlambi waungaba mkulu kangakanani umalusi wa ezazi zonke izimvu. Wa eziqamba amagama zonke, azibize ngawo. [76]

Ngako-ke uKrestu, uMalusi wase zulwini, wa lusa izimvu zake ezi sakazeke emhlabeni wonke. Usazi sonke ngamagama. Wazi nezindhlu esihlala kuzo, namagama abo bonke abahlala kona. Ubelusa bonke nje ngokungati ukupela kwabo.

Umalusi wa ehamba pambi kwezimvu zake, kube uyena ohlangana nezingozi. Wa elwa nezilwane zasendhle nabapangi. Ngesinye isikati abulawe esahola umhlambhi wake.

Ngako uMsindisi uhola umhlambhi wake, abafundi bake. Use wahamba pambi kwetu. Use wahlala emhlabeni njengati. Waba umuntwana, waba ibhungwana, waba indoda. Wa nqoba u Satani nazo zonke izilingo zake, ukuze nati sinqobe. Wafa ukuba asindise tina. Nokuba esezulwini uje manje akasikohlwa nesikatyana esincane. Uyakwa lusa zonke izimvu kahle. Amuko olandela yena oya kutatwa isita esikulu.

Kwakuti noma umalusi enezimvu ezi yikulu, uma ku lahleka ibenye, waenga hlali nezazi sesibayeni. Wa ehamba ayofuna elahlekile. Wa ehamba ebumnyameni bobusuku, ngesipepo, anqamule izintaba nezigodi. Angaze apumula aze ayitole imvu elahlekileyo.

Abeseyitata ezingalweni zake ahambe nayo aye esibayeni. Wa enga nkononi ngoku funa kwake okukulu nokulukuni, kodwa wa eti nje ejabula :—

Jabulani nami ngokuba ngi yitolile imvu ebe ilahlekile. ULuka 15:4-7.

Kujaloke uMalusi lo ongu Msindisi akalusi izimvu ezisesibayeni zodwa. Uti:—“INdodana yomuntu izo sindisa abalahlekileyo.” UMateu 18 :11. [77]

Ngiti kini kunjaloke nase zulwini kukona uku tokoza ngesoni sisinye esipendukileyo kunaba lungileyo abangamashumi ayisishiyagalolunye abangadingi ukupenduka. ULuka 15:7.

Sonile sahambela kude no Nkulunkulu. UKrestu uti sinjenge mvu eyedukileyo esibayeni. Weza ukuba azo sisiza ukuba sipile ngapandhle kwesono. Loku ukubiza. ngo kuti ku ukusi leta esibayeni.

Lapa sesi buya nomalusi siyeke ukona, uti uKrestu ezingelosini zase zulwini.

Jabulani nami ngokuba ngiyi tolile imvu yami ebeilahlakile.

Bese ku zwakela igama lokutokoza eli hlatyelelwa izinhleleli zezingelosi ligcwalisa izulu ngegama elihle kakulu.

UKrestu akasi bonisi umfanekiso womalusi obuya ngapandhle kwezimvu. Kukona isivumelwano lapa sokuti amukonoyedwa wezimvu ezilahlekile oshalazelwayo. Amuko oyekwa engasiziwe. Bonke abavuma ukuhlengwa uMsindisi uyoba. sindisa emandhleni esono.

Ngakoke bonke abedukileyo esibayeni maba qungeisibindi. UMalusi olungileyo uyani-funa. Kumbulani ukuti umsebenzi wake “owokusindisa abalahlekileyo.” Oku ukuti mina. Uma ungabaza ngosindiso lwako ungabaza amandhla okusindisa alowo owakutenga ngen-tengo enkulu. Ukolomalutate isikundhla sokunga kolwa. Bheka izandhla ezagwazelwa wena ube u jabula ngoba zinamandhla okusindisa.

[78] Kumbula ukuti uNkulunkulu no Krestu baya kutanda, nokuti yonke imikosi yase zulwini isebenzela ukuba kusindiswe izoni.

UKrestu ese semhlabeni wa bonisa ukuti unamandhla okusindisa ngoku peleleyo. Ngokupilisa izifo zomzimba wae sikombisa ukuti unamandhla okususa isono esisenhliziy-weni.

Wa hambisa izinyonga, wenza ukuba izitulu zizwe ne zimpumpute zibone. Wa geza abanocoko, wapilisa umuntu owa eshwabene, nabo bonke ababe nezifo ngezifo.

Ngezwi lake namadimoni aye puma kulabo ababenawo. Aba bebona lomsebenzi oman-galisayo, ba mangala bati: “Izwi lini leli? Uyala imimoya emibi ngamandhla ibisipuma.” ULuka 4 : 36.

Ngokuyalo kuka Jesu u Peter wahamba pezu kwamanzi. Kodwa wamelwa ukugqolozela uMsindisi njalo. Wanele wa bheka enxenye nje waqala ukungabaza washona. Wase ekala eti: Nkosi ngi sindise, (uMateu 14 : 28—31) uMsindisi welula isandhla sake, wampakamisa. Ngako uma umuntu ezi kalela kuye ukuba amsize welula isandhla sake am sindise.

UKrestu wa evusa abafileyo. Omunye walaba kwaku indodana yomfelokazi e Nayini. Bati abantu be hlangua naye uJesu babeya etuneni. Watata umfana nge sandhla wa mpakamisa wamnika unina esepilile. Base be goduka labo bantu beya emakaya abo be memeza ngoku jabula bedumisa uNkulunkulu.

[79] Nendodakazi ka Jariyas ya vuswa futi no Lazaros owa esefe seku yizinsuku ezine wabizwa wapuma etuneni ngezwi lika Krestu.

Ngako koti lapa uKrestu esepinda efika emhlabeni, izwi lake li ya kuqumbusa amatuna, “nabafela ku Krestu bayaku vukela ekupileni okungafiyo; ba hlale ne Nkosi njalo,” 1 Abase Tesalonika 4 : 16, 17.

Umsebenzi owenziwa uKrestu ngesikati sokushumayela kwake emhlabeni wa uyisiman-galiso. Wa ekuluma ngalo msebenzi lapa ependula u Johane umbhapatizi. UJohane wa ese tilongweni, wa ese didekile; wa ese hlushwa na nkungabaza kokuti uJesu wa engu Mesiya ngempela yini. Ngakoke wa esetumela abalandeli bake ukuba bayo buza ukuti:—

Wena unguye obezakufika noma sisazo bheka omunye na ?

Zati zifika ku Jesu izitunywa wa e kakwe abaningi abagulayo a yebapilisa. Izitunywa za linda usuku lonke esebenza ngoku kutala okunga kataliyo ukuba asize aba hlupekayo ekugcinoni wati:—

Hambani niye nityele u Johane futi lezozinto enizizwayo nenizibonayo; izimpumpute ziya bona, izinyonga ziya hamba nama lepelu ayahlanzwa, nezitulu ziyezwa, nabafuleyo baya vuswa, nabampofu ba shunyayezwa ivangeli. UMateu 11: 3—5.

Kwaze kwa pela iminyaka emitatu nenxenye, u Jesu e hamba enza okulungileyo. Kwase ku fika isikati sokuba kupele umsebenzi wake emhlabeni. Wa ezo hamba naba fundi bake baye e Jerusalem, anikelwe, alahlwe abetelwe.

Ukuze kugwaliseke amazwi ake okuti, “u Malusi olungileyo u nikelela izimvu ukupila kwake.” Johane 10:11. [80]

“Impela wazi twala izinhlupeko zetu wapata nokudabuka kwetu. . . . Wa linyazwa ngenxa yezono zetu, wa hlushelwa ububi betu, umvimbo wokutukutela kwetu waba pezu kwake, sisindiswa ngemivimbo yake. Sonke sinjenge zimvu ezilahlekikileyo ; ilowo uzi hambela ngeyake indhlela, u Jehova use beke pezu kwake ububi betu sonke.” UIsaya 53 : 4—6. [81]

IZIHLOHO 13—Amashumi Ayisishiyagalolunye Nesishiyagalolunye.

KWA kukona amashumi ayisi
shiyagalolunye nesishi
yagalolunye aye hlezi kahle,
Esipepelweni sesi baya,
Kodwa inye eya yedukile,
ikude ezintabeni,
Ikude namasango egolide. Ikude ezintabeni eziyihlane,
Ikude nokulondoloza ko Ma
lusi okumnandi.

Nkosi unamashumi ayisishi
yagalolunye nesishiyaga
lolunye lapa; Abakwanele na ?
Kodwa uMalusi wa pendula, “Enye yami yedukile yaya kude nami,
Nokuba indhlela imbi inomumango,
Ngiya ehlane ukufuna imvu yami.”

Kodwa umuko kwa bahlengiweyo owake wazi, ukujula kwamaz
awelwayo;

Nobumnyama bobusuku iNkosi eyabudabulayo.
Ingakatoli imvu yayo eya ilahlekile.

Kude ehlane wezwa ukukala kwayo,
Isiyalela, ingenakuzisiza, isizokufa.

[82] Nkosi avelapi lawa amatonsi egazi ase ndhleleni yonke,
“Enza ukondo ezintabeni ?”

“Apalazelwa owayedukile,
Engakambuyisi umalusi.”

Nkosi kungani ukuba izandhla zako zi xhebhuke, zidabuke
kangaka ?

“Ziya hlatywa namuhla ngameva amaningi.”

Kodwa kuzo zonke izintaba kwe zwakala ukuduma,
Nasemmangweni onamatye,

Kwezwakala ukumemeza kuya esangweni lezulu,
“Jabulani, ngi yitolili imvu yami!”

Nezingelosi zahlabelela zi ngasesihlalweni sobukosi,
“Jabulani ngoba iNkosi iza neyayo !”

[83]

[84]

[85]

IZIHLOHO 14—UKUNGENA E JERUSALEM.

U Jesu wa esesondela e Jerusalem eya kokudhla i pasika. Wa ezungezwe isixuku esikulu esasiya kulelidili elikulu leminyaka yonke.

Wa yala abafundi ababili ukuba baletе izinyane lemboogolo ukuba akwele kuyo aye e Jerusalem. Bendhlala izingubo zabo pezu kwayo ba beka i Nkosi kuyo.

Wa nele wa kwela nje kwe zwakala ukumemeza okukulu kokunanela. Isixuku sati Bayede kuye njengo Mesiya i Nkosi yabo. Umprofeti wa ekade eshumayela ngalento ngeminyaka e amakulu a isihlanu eseyadhlula, wati: “Jabula ndodakazi yase Zion.... Bheka i Nkosi yako iza kuwe; . . . Itobile ikwele embongolweni, etoleni lembongolo.” Zakalia 9:9.

Bonke kuleso sixuku esasi kula njalo babe tokozile be pitizela. Babe ngenakumnika izipo ezibiza imali eningi, kodwa bendhlala izingubo zabo bazenza ukuko endhleleni. Baka amahlamvu amahle emiti yemihlwati nawe sundu bawa beka endhleleni. Babeti ba pelekezela u Krestu ukuba aye kotata isihlalo sobukosi sika Davida e Jerusalem.

UMsindisi wa engazange avumele abalandeli bake ba bonakalise uhlonipo lobukosi kuye. Kodwa ngalesisikati wa etanda ukuzibonakalisa kubantu ukuti ungu mblengi wabo. [86]

Indodana ka Nkulunkulu ya isizoba umnikelo wezono za bantu. Ibandhla lake kuyo yonke iminyaka ezo landela lali zokwenza ukufa kwake kube into enkulu abayicabangayo kakulu bayifunde kakulu ngaleso sikati kwaku fanele ukuba amehlo abantu abhekiswe ngakuye.

Emva kwaloku ukumangalelwa kwake noku betelwa kwake kwaku ngasoze kwa fihlakala kubantu. Kwaku icebo lika Nkulunkulu ukuba kuti konke okwakwenzeka ezinsukwini zoku gcina zempilo ka Krestu zibe sobala ukuze angabibiko amandhla aya kukwenza kukohlakale.

Kwa kukona ofakazi bwa mandhla ake asebenza izibonakaliso kuso lesisixuku.

Izimpumpute ayezi vula amehlo azo zazi hola pambili.

Izimungulu ezase zi kuluma zazi memeza ohozana abakulu. Izinyonga aye zipilisile zazi xuma ngejabulo zi kutele kakulu ekwapuleni amahlamvu esundu ewa pepezelisa pambi kwake.

Abafelokazi nezintandane babe kulisa igama lika Jesu ngemisebenzi yake kubo yesihau.

Aba nocoko, abalovayo, ababe hlanzwe ngezwi babe ndhlala izingubo zabo endhleleni.

Ababe vuswe ekufeni ngokunikwa ukupila ngokomlomo wo Msindisi babe kona.

ULazarose omzimba wake wa usu bone etuneni kodwa owa ese tokoza ngamandhla endodana enhle wa enesixuku esitokozileyo, epelekezela u Msindisi beya e Jerusalem.

Umuntu wa yenele afike nje esixukweni atole umoya wa lelo hola abese memeza naye kuloko kumemeza okwankeneza emagqumeni nasezigodini. [87]

Hozana kuyo indodana ka David ! Uya busiswa ozayo ngegama le Nkosi! Hozana kwelipezulu! UMateu 21 : 9.

Aba Farisi abanengi ba kubona loku ba cunuka. Babeti sebezо lahlekelwa ukubusa abantu. Balinga nga mandhla abo onke ukuba tulisa; kodwa ukusonga kwabo nokuyala kwabo kwabenza ukuba ukwenza kwabo kuqubekele pambili.

Bebona ukuti abanakubatulisa abantu, ba dabula pakati kwesixuku ba qonda lapa kwaku kona u Jesu bati kuye.

“Mngane, tulisa abafundi bako.” Baqinisa ngokuti isixuku esinje asifanele ngo komteto, sasi ngena ku vunyelwa ababusi.

U Jesu wapendula wati “nginityela ukuti uma be tula laba kunga kala amatye kona manje.” ULuka 19 : 39, 40.

Lesi sibonakaliso sokunqoba sasi ketwe u Nkulunkulu, abaprofeti babe profete ngaso, kwakunge koke amandhla ase mhlabeni aye ngase asi nqamule. Umsebenzi ka Nkulunkulu uya ku hamba napezu kwako konke umuntu angakwenza ukuba awuvimbele awuwise.

Ngokuqamuka komgqumo egqumeni elali bheke i Jerusalem babona ubuhle bonke bomuzi. Isixuku esikulu sa yeka ukumemeza bebanjwe batiwa ngqi ubuhle obwa shesha bwavela. Onke amehlo apenduka abheka uMsindisi eti azo bona ebusweni bake ukubuka kokutusa okwaku kubona.

[88] U Jesu wema kwase kuba kona ifu loku dabuka ebusweni bake isixuku sa mangala simbona ese qumuka ekala.

[89] Ababe mzungezile uMsindisi aba kuqondanga ukuhlupeka kwake, kodwa wa ekalela umuzi owa usuwa hlulelwe, ukubhujiswa. Wa ukade ungumntwana aye mondhla, inhliziyo yake yagcwala u munya lapa eseqonda ukuti usuzo citeka.

Uma abantu bawo babe lalele izifundiso zika Krestu bamamkela abe uMsindisi wabo, iJerusalem “laliyokuma kuze kube pakade.” Mhlaumbe lali yoba inkosikazi (u Kwini) yemibuso ; likululekile emandhleni okubusa kwalo elakupiwa u Nkulunkulu. Kwa kunge yubako mabuto ahlomileyo amiyo ema sangweni alo, kungeko zindwangu zama Roma zipepezela ezindongeni zalo.

Ijuba lokutula laliyo hamba kuzo zonke izizwe lisuka e Jerusalem. Lali yoba ubukosi obunomqele bwezwe.

Kodwa aba Juda babe mdlile uMsindisi ; basebezobulala iNkosi yabo. Kwakuzoti uma se ku shone ilanga ngabo lobo busuku ukulahlwa kwe Jerusalem kwakuzo valwa.*

Kwafika amazwi okubika kubabusi ukuti uJesu useya sondela emzini uhamba nesixuku esikulu saba landeli. Ba puma beya ku mhlangebeza beti bazo sakaza isixuku. Betanda ukukombisa amandhla abo babuza bati:—

“Ubani lo ?” UMateu 21:10.

“Abafundi begcwele u Moya wokuvuswa bapendula bati uAdam uyanityela uyinzalo yomfazi eyakutyaya ikanda lenyoka.”

[90] “UAbraham uya kukutyela ungu Melkisedek iNkosi yase Salem iNkosi yokutula.”

“UJakobe uyokutyela ukuti ungu Shayilo wesizwe sika Juda.”

“Uisaya uyakutyela ukuti Immenuli, UmMangaliso, u Meluleki, uNkulunkulu onamandhla, uBaba omakade, iNkosi yokutula.”

U Jeremia uyakutyela ukuti “Igatya lika David iNkosi ukulunga kwetu.”

UDanyela wokutyela ukuti “UMesiya.”

“UHosiya uyokutyela ukuti uJehova uNkulunkulu weMikosi, iNkosi iyi nkumbuzo yake.”

“UJohane uMbhapatise uyo kutyela ukuti uyi Cwane lika Nkulunkulu eli susa isono sezwe.”

*Ngeminyaka emashumi amane ngasemva, iJerusalem labujiswa nya, lashiswa ngomlilo amaRoma.

“UJehova omkulu uti esesi hlalweni sake sobukosi. Lo iNdodana Yami etandeweyo.”

“Tina bafundi bake siti Lo uJesu uMesiya, iNkosi yokupila, uMhlengi.”

“Futi iNkosi yamandhla obumnyama iya vuma iti, ngiya kwazi wena ukuti ungu bani, ungo yi ngwele ka Nkulunkulu!”

[91]

[92]

[93]

IZIHLOHO 15—SUSAN I LAPA LEZOZINTO.

NGANGOMSO U Krestu wa ngena etempelini. Ngeminyaka emitatu edhlulileyo wa efunyanise abantu be tenga betengisa egcekeni elinga pandhle waba kuza waba kipa. Manje esafika futi etempelini, wa funyanisa wona lowo msebenzi wenziwa. Igceke lali gcwaliswe izinkomo nezimvu nezinyoni. Konke loku kwaku tengisa ababe funa ukunikelela izono zabo. Labo ababe sebenza lomsebenzi, babe panga beamasela. Sasisikulu isipitipiti somsindo, sibatikimez kakulu labo ababe dumisa ngapakati.

UKrestu wema ezinyatelweni ze tempeli, wa buka kulo lonke igceke ngokubuka kwake okuhlabayo. Onke amehlo apendukela kuye. Kwatuliswa amazwi abantu nawezinkomo. Bonke bamangala besaba i Ndodana ka Tixo. UbuTixo bwakanya bwadhlula ubuntu bwenza u Jesu apakame abe nobukosi ayengazange akubonakalise ngapambili. Kwakucishe kube lukuni ukuba atule. Ekugcineni wati ngezwi elihlér nangamandhla ashaya abantu njenge-sivunguvungu esikulu “Kulotywe ukuti indhlu yami indhlu yokukuleka kodwa niyenza umhume wabapangi.” ULuka 19 : 46.

[94] Nangamandhla amakulu kakulu aeseke wa wabonisa ngeminyaka emitatu eyase idhlulile wati,

“Susani lezizinto lapa.”

Abapristi nababusi betempeli babeke babaleka lapa bezwa izwi lake. Babuya ba zisola ngokwesaba kwabo. Bati abasoze bapinda babaleka kanje futi. Noko manje besaba okwedhlula okwakuqala ba shesba kuna kuqala futi ukwenza akushoyo, ba puma etempelini ba shesha baquba izinkonzo zabo.

Masinyane igceke letempeli lase ligwala abantu ababezo piliswa uJesu. Abanye base befa. Laba abablupekayo babezwa ukuswela kwabo okukulu. Ba mgqolozela uKrestu besaba beti bazobona unya olwalu xoshe abatengi nabatengisi etempelini kodwa babona ebusweni bake utando nesihau.

UJesu wa mukela abagulayo nezifo nokuhlupeka kwa suswa isandhla sake. Wa etata abantwana ezingalweni aake ebaduduza ngokutetema kwabo, asuse ukufa nobuhlungu bwemi zimba yabo emincane, wa ba buyisela konina bemwamwateka bepilile.

Yeka isibonakaliso esasizo bingelela abapristi nababusi lapa be hamba becabanga beya etempelini.

Bezwa amazwi amadoda nabafazi nezingane zidumisa uNkulunkulu. Babona abagulayo bepiliswa izimpumpute zibona izitulu zizwa nezinyo nga zihamba.

Abantwana ba hola ekujabuleni. Ba pinda ohosana bosuku Iwangayizolo, bapepezela amatya esundu pambi ko Msindisi. Itempeli lankeneza ukumemeza kwabo :—

Hosana e Ndodaneni ka David !

“Ubusisiwe ozayo ngegama le Nkosi!” UMateu 21: 9.

[95] Bheka iNkosi yako iyeza kuwe ; ilungile inosindiso. Zakalia 9 :9.

Ababusi ba linga ukutulisa ukumemeza kwezingane ezenamileyo, kodwa zazi ngenakutuliswa ngoba zonke zazi gcwele ukutokoza nokubonga ngemisebenzi emangalisayo ka Jesu.

Ababusi base be peneukela ku Msindisi betemba ukuti uzakuba tulisa. Bati kuye :—
Uyezwa okushiwo yilabo na?

UJesu wa pendula wati yebo ; anifundanga yini ukuti ngomlomo wezingane nezincelayo ulupelelisele udumo ? UMateu 21:16.

Ituba eliyisibusiso loku babaza ukuzalwa kuka Krestu nokuquba umsebenzi wake emhlabeni wa waliwe ababusi abanolaka babantu udumo lwake lwalumelwe ukuzwakaliswa, uNkulunkulu wa keta abantwana ukuba bakwenze. Uma amazwi alezi zingane ezenamileyo ayetulisiwe, kwakuyo suka uqobo lwezinsika zetempeli zimemeza zidumisa uMsindisi.

[96]

[97]

IZIHLOHO 16—EKUDHLENI KWE PASIKA.

ABANTWANA bakwa Israel baqalisa ukudhla ipasika ngamhla bekululwa eGibite.

UNkulunkulu wa etembise ukubakulula. Wa ebatyele ukuti amazibulo onke aseGibite azakubulawa. Wa ebatyele ukuba babhece izinsika zeminyango yabo ngegazi lecwane elibuleweyo, ukuze ingelosi yokufa ibadhlule.

Icwane lona babe zolosa, balidhle kusihlwa, nesinkwa esingabilile nemifino ebabayo, eyayi bonisa ubukulu bobugqili babo. Babeyolidhla sebelungele ukuhamba. Sebefake izicatulo zabo, bepete izinduku zabo ezandhlени.

Benza loko ababe kutyelwe uJehova, ngabona lobo busuku inkosi yase Gibite yatumela izwi kubo yati, abakululeke. Ekuseni basuka bahamba beya ezweni lesetembiso.

Ngakoke yonke iminyaka ngabo lobo busuku abapjima ngabo eGibite, abaIsrael bonke babedhla ukudhla kwe pasika eJerusalem. Kulelidili kwakuba ileyondhlu idhle icwane elosiweyo nesinkwa ne mifino ebabayo, njengo gogo babo eGibite. Batyele abantwana babo ngokulunga kuka Nkulunkulu ngokukulula abantu bake ebugqilini.

[98] Kwaseku fika isikati sokuba uKrestii adhle lesisidhlo nabafundi bake. Watyela uPeter no Johane ukuba ba fune indawo, ba lungisele kona ipasika.

Ba beba baningi abantu ababeza eJerusalem ngalesisikati, kwakuti labo abahlala pakati komuzi, balungele ukunika indhlu kwabafikayo ukuba badhle isidhlo.

UMsindisi wa batyela o Peter no Johane ukuti koti uma sebe fike emgwaqweni bohlangana nomuntu etwele ingcazi yamanzi. Babeyo mlandele lowo baye endhlini aya kuyo. Basebeti kumuntu olungileyo wa leyohdlu.

Inkosi iti kuwe, ipi indhlu yezi hambu lapa ngiza kudhla kona ipasika nabafundi bami na ?

Lomuntu wa ezoba kombisa ikamelo elikulu elipezulu ukuba benze abakudingayo, babezo lungisela kona isidhlo sepasika konke kwenzeka ngokusho kuka Krestu.

Esidhlweni sepasika abafundi babe bodwa no Jesu, zonke izikati kwakuti uma beku lawamadili batokoze, kodwa manje wa edabukile emoyeni.

Ekugcineni wati ngamazwi okudabuka okubanga umunyu:—

“Ukufisa okungenze ukuba ngi tande ukudhla leli pasika nani ngi nga kahlupeki.”

Kwaku kona iwayini elimnandi etafuleni wa li tata ngesitya wa bonga wati:—

Tatani loku nahlukaniselane kona ngokuba ngiti kini angi seyupupuza isitelo sesi vini kuze kufike umbuso ka Tixo. ULuka 22:11, 15, 17.

[99] UKrestu waegcina ngalesi sikati ukudhla isidhlo nabafundi bake. Ngempela nje kwaseku ipasika loku gcina. Ngokuba icwane la bulawelwa ukuba lifundise abantu ngokufa kuka Krestu; kwa knyoti uma uKrestu, iCwane lika Nkulunkulu esebulawelwe izono zezwe, kungabe kusadingeka ukuba kubulawe icwane lokufanekisa ukufa kwake.

Mhla abaJuda beqala ukudela kwabo uKrestu ngoku mbulala babe dela konke o kwaku kulisa lesisidhlo, nesasiqondelwe kona. Ngakoke ukusigcina kwabo kwaku umkuba ongasizi luto.

Wati uKrestu enza lenkonzo yepasika kwaku kona emqondweni wake isibonakaliso somnikelo wake omkulu wokugcina. Wa esetunzini lesipambano, inhliziyo yake isihlushwa ubuhlungu. Wa elwazi lonke usizi olumbhekileyo. Wa ekwazi nokunyaza nolaka okuyaku bonakaliswa kuye ilabo aezo basindisa. Kodwa wa enga cabangi ngobake ubuhlungu. Wa edabukela labo ababezo dela nMsindisi wabo balahlekelwe ukupila okupakade.

Umcabango owa wudhlula yonke kwaku owabafundi bake. Wazi ukuti koti kungapela okwake ukuhlupeka, besebesala bezilwela ezweni.

Kwa kukuningi angabatyela kona okuya kuhlala njalo ezinhliziyweni zabo lapo engaseko. Wetemba-ke ukuba akuluine ngalezizinto emhlanganweni wabo wokugcina engakafi.

Wa engenakuba tyela ngalesi sikati. Wabona ukuti abanakulalela.

Babe kade bepikisana. Ba besa cabanga njalo ukuti uKrestu uzakuba inkosi masinyane, kwaku ilowo efuna isikundhla esipakemeyo emubusweni wake. Ngako base benzelana umona betukutelelana.

Kwakukona enye into eyayibanga uhlupo. Esidhlweni kwaku umkuba wenceku ukuba igeze izinyawo zabafikileyc nangalesi sikati ke kwase kulungiselwe. Ingcazi yamanzi nesitya sokugezela, nendwangu yokwesula kwaku kona sekulinde ukuba ku gezwe ngako izinyawo. Kodwa kungeke nceku ngako kwaku melwe ukwenziwa abafundi. [100]

Kodwa bonke bacabanga bati bona abasoze baba izinceku zaba zalwane babo. Bala ukugezana izinyawo. Ngako bahlala ezindaweni zabo etafuleni batula bati nya.

UJesu wa ke watula nje eti ake abone ukuti bazo kwenze njani. Wase esuka etafuleni. Wazi bopa ngendwangu yokwesula, watela amanzi esityeni, waqala ukugeza izinyawo zabafundi bake. Wa edabukile ngokupikisana kwabo kodwa akaba kuzanga ngamazwi ahlabayo. Wa bonisa utando lwake ngokwenza njenge nceku, ese qedile wati:—

“Uma mina engiyi Mkosi yenu no Msindisi wenu ngi geza izinyawo zenu nani nifanele ukugezana. Ngokuba se ngi ninike isibonelo ukuba nenze njengese ngi kwenzile kini.” Johane 13 : 14, 15.

Ngaloku uKrestu wa ebafundisa ukuba bafanele ukusizana. Esikundhleni sokuba bazifunele izikundhla ezipakemeyo kakulu bafanele ukukonza abanye.

U Msindisi weza emhlabeni ukuzosebenzela abantu. Wa pila esiza esindisa abadingayo nezoni. Ufuna ukuba nati senze njengaye.

Abafundi baba namahloni ngomona wabo nokuzicabanga kwabo. Izinhliziyi zabo zagcwala utando lweNkosi yabo, nabo futi batandana. Manjeke basebengalalela izifundiso zika Krestu. [101]

Ngoba babesadhla u Jesu wa tata isinkwa wa bonga wa sihlepula wabanika eti “Loku ku umzimba wami owanikelwa kini: yenzani loku ningi kumbule.”

Wabuye wa tata isitya emva kokuba sebedhlile eti lesisitya si isivumelwano esisha egazini lami elipalazelwa nina. ULuka 22 :19, 20.

I Baibeli liti, Sonke isikati uma nidhla lesisinkwa nipuza lesisitya nibonakalisa ukufa kwe Nkosi ize ibuye. 1. Abasekorinte 11:26. Isinkwa nesitya ku umfanekiso womzimba ka Krestu negazi lake. Njengoba isinkwa sahleshulwa newayini latelwa ngako esipambanweni kwahleshulwa umzimba ka Krestu, negazi lake laciteka ukuba lisindise tina. Ngokudhla isinkwa nangokupuza iwayini sikombisa ukuti siyakolwa. Sikombisa ukuti si yapenduka ezonweni zetu nokuti semukela u Krestu abe u Msindisi wetu.

Abafundi besahlezi ekudhleni no Jesu babona ukuti usahlupeka njalo kakulu, kwahlala ifu pezu kwabo bonke badhla betule.

Ekugcineni u Jesu wa kuluma kubo wati, “Ngiqinisile ngiti kini omunye kini iyakunginikela.”

Abafundi badabuka bamangala ngalamazwi. Bonke baqala ukuzibuka ukuba babone ukuti kukona yini ababe nako ezinhliziyweni zabo nge Nkosi yabo okwakuyitunzi lomcabango omubi.

Babuza ngamunye beti, Nkosi yimi na ? Kwatula u Judas yedwa. Ngako amehlo abo bonke ayesebheke kuye. Wati lapa ese bona ukuti bambhekisisile wa eseti naye “Nkosi yimi yini ?”

[102] U Jesu wa pendula ngo munyu wati “Ushilo wena.”

U Jesu wa esegeza izinyawo zaka Judas, kodwa loku kwakungamenzanga ukuba atande u Msindisi kakulu kunakuqala. Wa tukuteliwa ukuti u Krestu wenza umsebenzi wezincedu. Manjeke wa esazi ngokungapezulu ukuti u Krestu akasoze enziwa inkosi wa ese funa ngamandhla ukumnikela.

Ebona ukuti akuqondile sekuyaziwa noko akumenzanga loku ukuba esabe. Wa shesha wapuma endhlini esetukutele waya kofeza icebo lake elibi.

Ukuhamba kuka Judas kwabapumuza bonke ababekona. Ubuso boMsindisi bakanya ngaloko itunzi lasuka kubafundi.

U Krestu wa kuluma isikati nabafundi bake. Wa eya ekaya lika yise wati, uya kobalungisela indawo. We tembisa ukubatumela u Moya oingcwele ukuba uzobafundisa uba duduze ese hambile. Wa batyela ukuba batandaze ngegama lake ikona imitandazo yabo iyakupendulwa ngeqiniso. Wa batandazela ukuba bagcineke ebubini, batandane njengoba wa batanda yena.

U Jesu wa sitandazela nati njengokuba atandazela abafundi bake bokuqala. Wati angitandazeli laba bodwa kodwa bonke abayakukolwa yimi ngezwi labo ; ukuze babe munye; njengawe baba ukimi nami ngi kuwe, ukuze nabo babe munye kitina: ukuze izwe likolwe ukuti ungi tumile, . . . Uba tandile njengokuba ungitandile. Johane 17 : 20-23.

[103]

[104]

[105]

IZIHLOHO 17—E GETSEMANE.

IMPILO yo Msindisi esemhlabeni kwaku impilo yomtandazo. Ayemaningi amahola aye hlala yedwa no Nkulunkulu. Wa evama ukutumela izicelo zake ku Yise osezulwini. Ngaloko watola amandhla noku hlakanipa ukuba ku mqiuise emsebenzini wake noku mgcina angawiswa izilingo zika Satani.

Esedhlile ipasika nabafundi bake uJesu wa hamba nabo waya ensimini i Getsemane lapa wa evama ukuya ko kuleka kona. Esahamba wa ekuluma nabo ebafundisa kodwa sebe sondela ensimini watula ngoku mangalisayo.

Ukupila konke kwake uJesu wahlala pambi kuka Yise. U Moya ka Nkulunkulu wa u kade ungumholi nomsekeli wake omi njalo. Sonke isikati wa enika uNkulunkulu udumo ngemisebenzi yake emhlabeni, ati ngokwami anginakwenza luto. Johane 5 : 30.

Si ngenze luto ngokwetu. Sonqoba senze intando yake emhlabeni uma amandhla etu siwencikise ku Krestu. Sifanele ukuba sibe netemba kuye elinjenge lomntwana, njengelake kuyise. U Krestu wati, “Ngapandhle kwami ningenze luto.” Johane 15 : 5

[106]

Ubusuku obesabekayo bo munyu wo Msindisi bwa qala sebesondela ensimini. Kwa besengati ubuso buka Nkulunkulu obwa bukade bumsekele abuseko kuye. Wa eseqala ukubona ukuti kuyini ukuvalelwa ku yise.

UKrestu wa entelwe ukutwala izono zezwe. Njengokuba zasezi bekwe pezu kwake, zazi bukeka zi ngapezu kwa mandhla ake. Ububi bwesono bwa bwe sabeka wa qala ukwesaba sengati uNkulunkulu akasezumtanda.

Ezwa ukunga tokozi okubi kuka Yise ngesono amazwi apuma kuye. “Umpefumulo wami udabukile okokufa.”

U Jesu wa shiya abafundi bake eduze nesango lensimu, ukupela u Peter, no Jakobe no Johane, wa ngena nalaba abatatu ensimini. Babe aba landeli bake abaqinileyo be abangane bake abaseduze kakulu. Kodwa nabo wa engatandi ukuba babone ubuhlungu ayezo buzwa. Wati kubo.

“Hlalani lapa ni linde kanye nami.” UMateu 26:38.

Wa hamba ibangana wa esewa eti mbo emhlabatini. Wezwa ukuti uyahlukana no Yise ngesono. Igebe pakati kwabo lali banzi li julile wa qaqazela pambi kwalo.

U Krestu wa engahlupekeli izono zake, wa ehlupekela izono zezwe, wayezwa ukundinwa kuka Tixo isono njengokozwiwa isoni ngosuku lokwahlula.

Ekulupekeni kwake u Krestu wabambeleva emhlabatini obandayo. Ezindebeni zake eziyele igazi kwafika lokukukala okubuhlungu, O, Baba wami uma kungenzeka dhlulisa lendebe kimi. Noko kungayi ngokutanda kwami kuye ngokwako. UMateu 26:39.

Kwaze kwapela ihola u Krestu etwele lobubuhlungu obwesabekayo yedwa. Wa eseza kuba fundi bake etemba ukutola izwi lesihau. Kodwa asiko isihau esasimhlalele, ngoba babelele. Bapapamiswa izwi lake, kodwa babe cishe ukungamazi, obuso bake bwase buguqukile usizi. Wati ekuluma no Peter:—

[107]

Simon ulele na ? Ube ungelinde nami ihola libe linye ? uMarko 14 :37.

Engakabuyeli ensimini u Krestu wati kubafundi bake, “Nonke niyakucunuka ngami ngalobubusuku. Basebeqinise kakulu beti bayakuya naye etilongweni nasekufeni, no Peter ohlupekayo ozibeka pambili wa eqube wati, noma bonke beacunuka ngawe mina angisoze.” UMarko 14 : 27, 29.

Kodwa abafundi babezetemba. Ababhekanga ku msizi onamandhla njengokululekwa kwabo uKrestu. Ngakoke kwati lapa u Msindisi edinga kakulu isihau sabo nemitandazo yabo bafunyaniswa belele.

Impela utando u Johane ayetanda ngalo i Nkosi yake lwalufanele ukumenza angalali. Imitandazo yake emihle yaifanele ukuhlangana neyo Msindisi wake otandekayo ngesikati sokuhlupeka kwake. U mhlengi wa ecite ubusuku obuningi etandazela abafundi bake ukuba ukolo lwabo lungapeli ngesikati sokulingwa. Noko kwala uma bahlale naye bangalali ihola elilodwa nje.

Uma u Krestu wa eba buza manje o Jakobe no Johane wati, ningasipuza isitya engisipuzayo ? ninga bhapatizwa ngoku bhapatiza engi bhapatizwa ngako ? babe ngeke basheshisa ukupendula njengakuqala bati, singakwenza. UMarko 10:38, 39.

[108] Inhliziyo yo Msindisi yagcwala isihau nomunyu ngobutakataka bwabafundi. Wesaba ukuti abasoze bakumela- ukulingwa okwakuzo letwa ukuhlupeka kwake pezu kwabo. Noko akaba solanga ngokuqinisekile. Wacabanga ngezilingo ezazipambi kwabo wati:

Lindani nikuleke ukuba ninga ngeni ekulingweni.

Wabenzela izaba zokwehluleka kwabo ukufeza umsebenzi wabo ongaye : “Wati umoya uyavuma kodwa inyama ibutakataka.” UMateu 26:41. Lapa isenzo esisibonisa kakulu isihau sotando lo Msindisi !

I Ndodana ka Nkulunkulu yase ibuye ifikelwa usizi olungapezu kobobuntu. Edangele esepule amandhla watenga wabuyela emva, watandaza njengakuqala wati:—

“O Baba wami uma lesisitya singadhlula kimi ngingasipuzanga. Intando yako mayenziwe.” UMateu 26 : 42.

Umunyu walomtandazo waveza amatonsi egazi okujuluka. Wa esebuye eba funa futi abafundi ukuba bamdabukele. Wabuye wabafumanisa belele. Ubuso bake bwabavusa. Bambheka besaba ngoba lali nindeke ngegazi. Abaze baqonda ngokuhlupeka komqondo wake okwaku boniswa ubuso bake.

Wa esebuya eyakofuna indawo yokutandaza ngokwesitatu. Wanqotywa ukwesaba kobumnyama obukulu. Wa eselahlekelwe ubuso buka Yise. Wesaba ukuti uma bungeko enobuntu bake nje ku ukupela akayi kuba namandhla okumela ukulingwa.

[109] Nangokwesitatu watandaza njengakuqala. Izingelosi zafisa ukuba zize komkulula, kodwa mhlaumbe kwaku ngeke kwenzeke. I Ndodana ka Tixo ya imelwe ukupuza lesisitya uma kunge njalo izwe lalizolahleka ukupela. Wabona ukungabi namandhla okuzisiza kwabantu. Wabona amandhla esono. Iziqalekiso zezwe elilahliweyo zabuye zadhlula pambi kwake.

Wa esegcina ngokuketa ukuti uya kusindisa abantu noma kungambizani. Wa eseshiye izigodhlo zasezulwini, lapa kukona ubumhlope nokutokoza nobukosi ukuba asindise izimvu ezilahlekileyo, izwe eliwe ngesono wati akanakukubalekela ayekuqondile. Manje umtandazo wake wa usupefumula ukuvuma kodwa uti:—

“Masingadhluli kimi lesisitya nginga sipuzanga, intando yako mayenziwe.”

U Msindisi manje wa esewa pansi equleka. Kwakungeko mfundi wokubeka isandhla sake pansi kwekanda le Nkosi yake, ageze ibunzi lake eselikakulu loniwe kunawamadodana abantu. U Krestu wa eyedwa ; amuko noyedwa kubantu owa enaye.

Kodwa u Nkulunkulu uhlupeka nayo i Ndodana yake. Izingelosi zibona ukukatazeka ko Msindisi, kuba kona ukutula ezulwini. Akutintwa nowodwa umqangala. Uma abantu babeke babona ukumangala kwemikosi yezingelosi lapa zitule, ukutula kokudabuka zihlomele u Yise. Ahlukanisa imisebe yokukanya neyotando neyobukosi e Ndodaneni yake etandiweyo bangaqonda kancono ukuti udinwa kangakanani isono.

Kwafika ingelosi enamandhla manje ngasecaleni lika Krestu. Yapakamisela i kanda lobutixo obukatazekayo esifubeni sayo yakomba ezulwini. Yamtyela ukuti usepumelele ekunqobeni u Satani. Ngenxa yalokoke izigidi ziya kuba abanqobi embusweni wake wobukosi.

Kwase kuhlala ebusweni bo Msindisi obubhecwe nge gazi ukutula kwase, zulwini wa etwale okwakungeke kutwalwe umuntu; ngokuba wezwa ubuhlungu bokufa kwabo bonke abantu. [110]

Wa esebuye ebafuna futi abafundi ukuba bamdabukele.

U Krestu ebabheka ngokudabuka wati, “lalani ke manje nipumule; bhekani isikati sesifikile ne Ndodana yomuntu isinikelwe ezandhleni zezoni.”

Wati esakuluma lawamazwi wezwa izinyatelo zezigebenge zimfuna wati:—

“Sukani sihambe bhekani usefikile onginkelayo.” U Mateu 26 :45, 46. [111]

[112]

[113]

IZIHLOHO 18—UKUNIKELWA NOKUBANJWA.

Kwati lapa u Jesu ehlangabezana nabamnikelayo kwakungeko okubonisa ukuhlupeka kwake ayesandukuba nako. Emi ngapambi kwabafundi bake wabuza ababambi wati:—

“Nifuna ubani na ?”

“Bapendula bati u Jesu wase Nazareta.”

U Jesu wati, “ngi uye.” Johane 18 : 4, 5.

Esakuluma lamazwi u Jesu, ingelosi eyayikade imkonza yema pakati kwake nababambi. Ukukanya kobutixo kwakanyisa ubuso bo Msindisi wambozwa into enjenge juba.

Isixuku sababulali sasingenakuma pambi kwalokukukanya kwangapezulu nesincane isikati. Bantenga babuyelemuva. Abapristi namalunga namabuto bawapansi njengabantu abafuleyo.

Ingelosi yesuka ukukanya kwapela, u Jesu wa engase abaleke kepa wema watula enokuzi bamba. Abafundi bake bamangala kwala noma bakulume.

Amabuto amaRoma ema ngezinyawo masinyane. Babutana bazungeza u Krestu ben-abapristi no Judas. Babukeka sengati banamahloni ngobutakataka bwabo, besaba ukuti uzobaleka. U Msindisi wabuye wabuza lombuzo futi:—

[114]

Nifuna ubani na ?

Babuye bapendula bati, “u Jesu wase Nazareta.”

U Msindisi wa eseti nginyelile ngati ngi uye. Uma nifuna mina, yekani laba (ekomba abafundi bake) bahambe. Johane 18 : 7, 8.

Ngalesisikati sokulingwa u Krestu wa ecabanga ngabafundi bake abatandekayo. Wa engafuni ukuba bahlupeke nokuba yena ezofakwa etilongweni abulawe.

U Judas umnikeli aka kohlwanga ayezo kwenza yena. Wasondela ku Jesu wamanga.

U Jesu wati kuye, mhlobo uvelapi ? U Mateu 26 :50. Izwi lake laqazela lapa eti, uyayibetela i Ndodana yomuntu ngokwanga ? U Luka 22 : 48.

Lamazwi atambileyo aeyoyihlaba inhliziyi ka Judas; kodwa konke ukutamba nenhlonipo kwakungati sekusukile kuye. U Judas wazinikezela ekubusweni u Satani. Wema ngesibindi pambi kwe Nkosi akaze aba namahloni okumnikela ezandhleni zababambi bake abanonya. U Krestu akakwalanga ukwangiwa umnikeli. Ngaloku waesinika isibonelo sokubekezela notando nesihau. Uma singabafundi bake masipate izita zetu njengokupata kwake u Judas.

Isixuku sababulali sabanesibindi lapa sibona u Judas epata umuntu owa ekade edunyisiwe pambi kwamehlo abo. Bambamba u Msindisi bambopa lezo zandhla ezazi kade zisebenza okulungileyo ngaso sonke isikati.

Abafundi babe ngacabangi ukuti u Krestu uyozivumela ukuba atatwe. Babe kwazi ukuti amandhla angawisa panshi ababambi njengabantu abafuleyo, anga benza bahlale bengati diki, baze babaleke bona (abafundi) no Krestu.

[115]

Bejabha batukutela lapa bebona kutatwa izintambo ukuba ziyo bopa izandhla zalowo ababe mtanda kangaka. U Peter ngokutukutela kwake watata inkemba walinga ukuvikela i Nkosi yake. Wanquma indhlebe yenceku yompristi omkulu nje.

U Jesu ekubona okwenzakeleyo wakulula izandhla zake nokuba zazibanjwe zatiwa ngqi amabuto amaRoma, eti, vumela loku nje (uLuka 22 : 51), wapata indhlebe elimeleyo wayipolisa ngaso lesosikati. Wa eseti ku Peter, buyisela inkemba yako endaweni yayo, ngoba abapata inkemba bayakufa ngenkemba. Awucabangi ukuti ngingakuleka ku baba angipe isixuku ezingapezu kweshumi nambili zezingelosi. Kodwa imibhalo iyogcwaliseka kanjani, ukuti kufanele ukuba kubenje. UMateu 26 :54. Isitya u baba anginike sona angiyikusipuzana ? Johane 18:11.

U Krestu wa esependukela kubapristi abakulu nezinduna zetempeli ababe nababambi wati. “Nize sengati nizobamba isela nipete izinkemba nezinduku ukuzo tata mina ? Ngangi nani zonke izinsuku etempelini ngifundisa aningitatanga; kodwa Imibhalo ifanele ukugcwaliseka.” UMarko 14: 48, 49.

Abafundi bacunuka lapa bebona ukuti u Msindisi akayenzi neyodwa imizamo yokuzi kulula eziteni zake. Bamsola ngokungakwenzi loko. Abaqondanga ngokuvuma kwake atatwe izigebenge, base bemshiya babaleka benovalu olukulu.

U Krestu wa esekulume ngapambili ngalokukushiya. Wa ete, “Bhekani isikati siyeza sesifikile lapa niyaku- hlakazeka, kube ilowo aziyele kweyake indawo ningishiye ngedwa. Noko angi ngedwa ngokuba u Baba u nami.” Johane 16: 32.

[116]

[117]

[118]

[119]

IZIHLOHO 19—PAMBI KUKA ANASI, NO KAIFASI NE SANHEDRIM.

U Jesu wa landelwa isixuku esasimemeza sisuka naye ensimini. Wa ehamba kabuhlungu ngokuba izandhla zake zazi boshwe zitiwe ngqi, equtywa eduze.

Wayiswa endhlini ka Anasi kuqala, owa ekade engu mpristi omkulu kuqala, kodwa isikundhla sake sasesitatwe umkwenya wabo u Kayifasi. U Anasi omubi wa ecele ukuze abe owokuqala oyakubona u Jesu eyisitunjwa esiboshiweyo. Wa efisa ukuba atole kuye izizatu ayaku tola ngazo ukulahlwa kwake.

Enalomqondo ke wabuza u Msindisi ngabafundi bake nezifundiso zake. U Krestu wapendula wati:—

Ngakuluma obala kubantu ; Ngangi fundisa ezindhlini zokusonta nasetempelini lapa kwaku kona aba Juda njalo, aluko uto engalusho esita.

[120] Ependukela kumbuzi wati ungibuzelani ? Buza labo abangizwayo, engakushoyo. Johane 18:20, 21.

Abapristi base bebeke izinhlozi zokuhlomela u Krestu zibike amazwi ake onke. Ngalezinhlozi babazi konke akushoyo nemisebenzi yake kuzo zonke izanhlango zabantu ayekade eya kuzo. Izinhlozi zazifuna ukumbamba ngamazwi ake ukuze batole into abayomlahla ngayo. Ngakoke u Msindisi wati, “Buza kwabangizwayo.” Hambani niye ezinhlozini zenu. Zangizwa engakushoyo. Zingakutyela ukuti kade ngifundisani.

Amazwi aka Krestu ayehlaba engena enhliziyweni ngangokuba umpriisti wezwa ukuti isiboshwa lesi sake sasifunda nompefumlo wake uqobo.

Kodwa omunye wezinceku zika Anasi ecabanga ukuti inkosi yake yayeyiswa u Jesu, wamshaya ebusweni eti:—

Upendula umpriisti kanje ?

Kuloku u Jesu wakuluma kahle eti:—“Uma ngikulume okubi fakaza ngalobo bubi; kodwa uma ngikulume okuhle, ungishayelani ?” Johane 18 : 22, 23.

U Krestu wa engase ayale isixuku sezingelosi zehle ezulwini zizomsiza. Kodwa kwaku inxenye yomsebenzi wake ukuba abekezele ebuntwini bake konke ukubhinqwa nokweyiswa abantu ababeku nqwabela pezu kwake.

[121] U Msindisi wakishwa endhlini ka Anasi wayiswa kweka Kayifasi. Wa ezobuzwa pambi kwe Sanhedrim kwati besaqoqwa abakona u Anasi no Kayifasi bambuza futi, kodwa abatolanga luto. Sebifikile bonke abe Sanhedrim u Kayifasi watata isihlalo sake waba nje ngompatisihlalo. Wa epahlwe abahluli ngapambi kwabo kwakumi amabuto amaRoma ebheke u Msindisi; ngasemva kwalabo kwaku kona isixuku esimngaleleyo.

U Kayifasi wati ku Jesu ake enze esinye sezibonakaliso zake pambi kwabo. Kodwa u Msindisi akazange akombise nokuti uyezwa ukuti kutiwani.

Uma wa eke wapendula nangokubuka okuhlabayo nje okukodwa njenga lokuya abheka ngako ababetenga nababetengisa etempelini, sonke isixuku sababulali sasiyomelwa ukubaleka ebusweni bake.

Ngalesosikati aba Juda babemelwe ukuba batole into ngo Msindisi eya izotiwa iyicala umbusi wama Roma. Babezo tola izizatu eziningi ezazishiwo u Krestu ngezindaba aba Juda ababe kolwa yizo nangemiteto yabo eminingi. Kwaku lula ukuba ku bonakaliswa ukuti wa edele abapristi nababhali nokuti wa ebabize ngokuti bangabazenzisi nababulali. Kodwa loku kwaku ngranakwa ama Roma ngoba nabo besebediniwe ukuzenzisa kwaba Farisi.

Zaziziningi izinto ababe mangalele u Krestu ngazo, kodwa ofakazi babe ngavumelani nezizatu zazi, ngamukelwa ama Roma. Balinga ukuba apendule ababemmangalele ngako, kodwa wabukeka sengati akazizwanga. Ukutula kuka Krestu ngalesisikati kwalandwa kanje u Isaya umprofeti:—

“Ubehlupekaedabuka akawuvulanga umlomo wake : waletwa njenge cwane lizohlatywa, nanjemvu itule pambi kwabagundi bayo kunjalo naye akawuvulanga umlomo wake.” UIsaya 53:7.

Abapristi baqala ukwesaba ukuti bazokwehluleka ukutola amaqiniso ababezowaleta pambi kuka Pilatu. Bati sebezolinga kanye bagcine. Umpristi omkulu wapakamisa isandhla sake sokunene wasi bhakisa ezulwini wati ku Jesu sengati wenza isifungo esikulu wati:—

“Ngiyakufungisa ngo Nkulunkulu opilayo ukuba usityele ukuti ungu Krestu, i Ndodana ka Tixo.” UMateu 6:63.

U Msindisi wa engaze angadela umsebenzi ayewuzele nokuma kwake ku Yise. Wa engatula nje uma edelelwe yena uqobo lwake, kodwa wa ekuluma ngokusobala nokungangabazi uma kukulunywa ngomsebenzi wake nangokuba eyi Ndodana ka Tixo.

Izindhlebe zonke zavulwa nawo wonke amehlo abheka kuye lapa ependula eti:—

“U shilo wena.”

Ngomukuba walezozinsuku loku kwakufana nokuti “Yebo,” nokuti kunjengokusho kwako. Kwaku indhlela eqinileyo kakulu yempendulo eqinisileyo. Ukukanya kwase zulwini kwabonakala ku kanyisa ubuso obwabupele igazi (obupapatekileyo) boMsindisi lapa eti futi:—

“Noko ngiti kini emva kwaloku niyaku bona indodana yomuntu ihl ezi ngakweso kunene samandhla iza emafwini ezulu.” UMateu 26:46.

Kulokusho u Msindisi wabonisa okwahiukileyo kuloko okwakwenzeka ngalesosikati. Wa komba pambili kulesosikati lapa eyakutata isikundhla somahluli omkulu wase Zulwini nasemhlabeni. Ahlale esihlalweni sika Yise sobukosi, nakwayokusho akuyubuye kushiwo okunye.

Wabeka pambi kwababemuzwa isiboniso salolosuku, lapa koti esikundhleni sokuzungezwa izigebenge ezitukuteleyo eyakuza ngamafu ezulu namandhla nobukosi obukulu. Apelekezelwe isixuku sezingelosi. Ati akubulawe izita zake lapa kuya kuba kona nabalabo ababemmangalele.

U Jesu esakuluma lamazwi esho kona ukuti uyi Ndodana ka Tixo umahluli wezwe umpristi omkulu wadabula ingubo yake sengati ubonisa ukwesaba. Wapakamisa izandhla zake wazibhekisa pezulu wati:—

Usekulume inhlamba; kusafanelwani abanye ofa-kazi? bhakeni seniyizwile inhlamba yake. Nicabangani ? Abahluli bapendula bati, unecala lokuba afe. UMateu 26 : 65, 66.

Kwaku pambene nomteto waba Juda ukuba kungaze kwatetwa icala lesiboshwa ebusuku. Noko ukulahlwa kuka Krestu kwakuqondiwe kwakumelwe ukuba litetwe emini.

U Jesu wayiswa endhlini yawo nongqayi, wahlushwa ukuhlelwa nokutukwa amasosha nakubantu ababi abaningi.

[122]

[123]

Kwanele ukusa nje waletwa futi pambi kwabahluli bake wa eselahlwa okokugcina.

Abantu nabaholi bagcwala ukutukutela kuka Satani. Ukubhonga kwamazwi kwaku njengokwezilwane zasendhle. Bagijimela ku Jesu beti unecala mubulaleni! uma kwaku ngeko amabuto babe yomdwengula. Kodwa umbusl wama Roma wavimba, nangamandhla ezikali bavimbela ukutukutela kwesixuku sezigebege.

Abapristi nababusi nesixuku esitukuteleyo bahlangana betuka u Msindisi. Batata ingubo endala bayibeka ekanda lake bamhlupa bamshaya ebusweni beti:—

“Siprofetele wena Krestu ubani okushayayo ?” UMateu 26:68.

[124] Kwati lapa sekususwe indwangu omunye wababemhleka wafela ubuso boMsindisi.

Izingelosi zika Tixo zabhala konke ukubuka kokweyisa, namazwi nezenzo ezazenziwa e Nduneni yabo etandekayo. Ngolunye usuku labo abantu abapansi ababehleka befela ubuso buka Krestu obupapatekileyo bobuka lobobuso ngobukosi bwabo bonke bucwazimula

[125] kunelanga.

[126]

[127]

IZIHLOHO 20—U JUDAS.

ABABUSI baba Juda babe kade befuna ukuba bangenise u Jesu embusweni wabo, kodwa abazange bakwanze ngokusobala ngokuba babe saba ukuvusa umsindo. Ngako babe funa umuntu oyakumnikelela esita bafumana ku Judas omunye wabayishumi nambili umuntu oya kwenza lesi isenzo esipansi.

U Judas wa enotando olukulu lwemali ngemvelo kodwa noko akazange ebamubi abole kangangokuba enze into enjangale. Wahlala ondhla umoya wokutanda ukuceba pakati kwake waze wambusa wa esebanamandhla okutengisa nge Nkosi yake watola opondwe abatatu neshumi okwaku inani lesigqili. Eks. 21:28—32. Wa esenamandhla okunikela u Msindisi ngokwanga e Getsemane.

Kodwa walandela zonke izinyatelo ze Ndodana ka Tixo lapa isuka ensimini waze wafika kubabusi baba Juda. Akacabanganga ukuti u Msindisi angavumela aba Juda bambulale njengokusonga kwabo.

Ngaso sonke isikati wa ebheke ukuba ambone ekululwa evikelwa amandhla angapezulu njengokwakukade kwenziwa ngezikati ezidhlulileyo. Kodwa ngokuqubeka kwesikati u Jesu wazinikelela kuko konke ukucunulwa okwa kunqwatyelwa kuye, kwafika ukwesaba okukulu kumnikeli ukuba waze impela wayinikela i Nkosi yake. [128]

Kwati lapa icala selizopela u Judas kwabalukuni ukuba abekezele ubuhlungu bwonembeza wake onesono. Kwetuka sekuzwakala izwi elibi liqubula indhlu, elasabisa bonke aba bekona.

Akanacala, myeke Kayifasi. Akenzanga luto afanele ukubulawa ngalo.

Umzimba omude waka Judas wabonakala udabula isixuku esetukileyo. Ubuso bake bwabupapatekile bunyukubele namatonsi amakulu okujuluka ayemi ebunzini lake. Egijima eya esihlalweni sokwahlula, waponsa pansu pambi kompristi omkulu imali eyayitenge ukunikelwa kwe Nkosi yake.

Wahamba ingubo ka Kayifasi wamncenga ukuba akulule u Jesu eti akenzanga luto olubi. U Kayifasi wamvutulula ngokutukutela wati ebhinqa.

Kuyini loko kitina ? Zibonele wena. U Mateu 27 : 4. U Judas wa eseziponsa ezinyaweni zoMsindisi. Wavuma ukuti ungu Jesu i Ndodana ka Nkulunkulu wamncenga ukuba azikulule eziteni zake.

U Msindisi wazi ukuti u Judas wa engapenduki ngeqiniso kwa ekwenzile. Umfundi onamanga wa esesaba nje ukuti uzofikelwa ukujeziswa okukulu ngesenzo sake esesabekayo ; kodwa kwaku ngeko ukudabuka kweqiniso ngokuba wa enikele i Ndodana ka Nkulunkulu engenacala.

Noko u Krestu akakulumanga nelilodwa izwi lokumlahla. Wambheka ngomunyu u Judas wati:—

“Ngezela lesisikati emhlabeni.” [129]

Inhlangano yonke yabubula ngokumangala. Ba bheka bamangala ekubekezeleni kuka Krestu kumnikeli wake.

U Judas wabona ukuti ukuncenga kwake akusizi luto wapuma ekala eti:—

Sekwepuzile! Sekwepuzile !

Wati akanakupila nesikati esingangokuba aze abetelwe u Jesu, wapuma esezidelile waya kozipanyeka.

Ngasemuva kwaloku ngalololosuku ngendhlela eya endaweni yenhloko isuka endhlini yokwahlula ka Pilatu isixuku esikulu sasi hola u Msindisi siya endaweni yokubetelwa. Masinyane ukumemeza kwabo nemibhinqo yatikimezwa. Bati bedblula indawo yokupumula babona ngapansi komuti osewafa isidumbu esifileyo sika Judas.

Kwaku into eyesabisayo. Isisindo sake sagqashula intambo ayezibope ngayo emtini. Ekuweni kwake umzimba wake wafohlozeka wa esedhliwa izinja ngalesisikati.

Bashesba bamumbela, kodwa kwaku yingcozana ukuhleka, baba baningi ababenobuso obupapatekileyo obwa bukombisa imicabango eyesabekayo eya ingapakati. Bonke ababe necala legazi lika Jesu basebe funa ukukubuyisela emva.

[130]

IZIHLOHO 21—PAMBI KUKA PILATU.

EMVA kokuba u Krestu eselaliliwe abahluli be Sanhedrim, watatwa ngaso lesosikati wa yiswa ku Pilatu, unibusi wama Roma ukuba ukunqunywa kwecala lake kuyoqinswa kufezwe.

Abapristi nababusi babaJuda babe ngeke bangena endhlini yokimquma amacala yaka Pilatu. Ngokwemiteto yokukonza yesizwe sakubo, babe zongcolo ngokwenza njalo, basebe vaelwa ukuba bangalidhli ipasika.

Ngobumpumpute babo ababonanga ukuti uKrestu wa eyi cwane lepasika nokuti ngokumdela kwabo lesisidhlo sepasika sasesilahle okuyi kona sasikulinganisa.

Wati lapa u Pilatu ebheka u Jesu wabona umuntu onobuso obuqoto nokuzipata ngokupakemeyo. Akubangako nomkondo wesono ebusweni bake. U Pilatu wapendukela kubapristi wabuza wati:—

“Icala lini enili leta ngalomuntu na ?” Johane 18 : 29.

Ababemmangalele babengatandi ukulanda izici ngako babengalungele ukupendula lombuzo. Babazi ukuti aliko iqiniso abanga lisho lokuba umbusi wama Roma umlahle ngalo. Ngako abapristi babiza ofakazi bamanga ukubu bazobasiza. Baqala ukummangalela beti:—

[131]

“Safumanisa lomuntu ehlobula abantu ala ukuba batele ku Siza, (Kesari) eti yena uqobo ungu Krestu i Nkosi.” ULuka 23:2.

Loku kwaku amanga ngoba u Krestu quobo wa eyale abantu ngokusobala ukuba batele ku Siza (u Kesari) kwati lapa abameli belinga ukumcupa ngako kona loko wati :—

“Ngako nikani u Siza okungokuka Siza.” UMateu 22 : 21.

U Pilatu akakohlisekanga ubufakazi bwamanga. Wapendukela ku Msindisi wati:—

“Uyi Nkosi yaba Juda?”

U Jesu wapendula wati“usho wena.” UMateu 27:11.

Sebezwiwe lempendulo u Kayifasi nababenaye bamtyela ukuba afakaze ukuti u Jesu wa eselivumile icala abamanealele ngalo. Benza umsindo wokumemeza okukulu bėti makabulawe.

Ngokungapenduli kuka Krestu kulabo ababemceba u Pilatu wati:—

Awupenduli luto ngani ? bheka ziningi izinto abazifakaza ngawe.

“Noko u Jesu akashongo luto nangalesisikati.” UMarko 15 : 4, 5.

U Pilatu wa esedideka. Akabonanga qiniso lecala ku Jesu, nalaba ababemceba wa enga betembi. Ukubukeka okuqoto ku Msindisi nesimo sake sokungabangi umsindo kwakwenza ababemcebile batukutele kakulu u Pilatu wahlabeka ngaloku wakolwa kahle ukuti akanacala.

[132]

Etemba ukutola iqiniso kuye, watata u Jesu wambuza bebodwa eti:—

“Uyi Nkosi yaba Juda na ?”

U Krestu akapendulanga ngempendulo eqondileyo kodwa wabuza wati:—

Uyazi sholo loku wena noma bakona abakutyela loku ngami.

U Moya ka Nkulunkulu wa ulwa no Pilatu. Umbuzo ka Jesu wa uqondelwe ukuba umenze ahlolisise inhliziyu yake kakulu. U Pilatu waqonda ukuti umbuzo utini Inhliziyu

yake yavuleka wazi bona ukuti umpefumulo wake wazanyazanyiswa waba nokuzisola. Kodwa kwavuka ukuziqenya wependula wati:—

“Ngi ngum Juda yini ? Isizwe sakini nabapristi abakulu abakunikele kimi: Wenzeni ?”

Isikati esihle sika Pilatu sasesidhlulile. Kodwa u Jesu wa etanda ukuba u Pilatu azi ukuti wa engezile ukuza koba yinkosi yasemhlabeni ngakoke wati:—

“Umbuso wami awusilo owalelizwe. Uma umbuso wami bekungo walelizwe izinceku zami bezi zokulwa, ukuba ngi nganikelwa ezandhleni zaba Juda; kodwa umbuso wami awukabiko.”

U Pilatu wa eseti “uyinkosia yinike ?”

“U Jesu wependula wati, usho wena ukuti ngiyinkosi. Ngazalelwa loku ngezela loku lapa emhlabeni ukuba ngifakaze iqiniso. Bonke abangabe qiniso bayalizwa izwi lami.”

[133] U Pilatu wa efuna ukwazi iqiniso, umqondo wake wadideka. Wawa bambisisa amazwi o Msindisi, inhliziyi yake yavuswa ukutanda ukwazi iqiniso ukuti yilipi nokuti angalitola kanjani. Wabuza ku Jesu wati.

“Iqiniso litini ?”

Kodwa akalindanga ukuze atole impendulo. Umsindo wesixuku esasimi ngapandhla wa usupenduke waba ukubhonga okukulu. Abapristi babe funa ukuba kusheshe kunqunywe u Pilatu wa esekumbula okuyikona kutandwa ngalesosikati. Epumela kubantu wati:—

“Angifumani cala kuye.” Johane 18 : 33—38.

Lamazwi ayevela kumahluli ongumhedeni aye njengokwetuka kuleso sixuku esasingenatamba nasamangeni ababusi bakwa Israel ababe mangalele u Msindisi.

Abapristi namalunga ezwa loku kupuma ku Pilatu bejabha nokutukutela kwabo akwaze kwaba namkawulo. Babe hlose balinda, bebheka lelituba. Lapa be bona ukuti kukona nokubonakala okuncane kokuti u Jesu uzokululwa, babukeka sengati bazomdwengula kona lapo.

Kwapela nokuzi bamba betuka benza sengati abasesibo abantu sengati seba amadimona. Bamdela u Pilatu bamtyela nokuti uyo solwa kakulu umbuso wama Roma. Baceba u Pilatu manje ngokwala kwake ukulahla u Jesu ababe qinisile ukuti wazi beka ngapezu kuka Siza (u Kesari) basebe memeza beti

“Udunga abantu efundisa bonke aba Juda kusukela e Galile kuze kufike kulendawo.” ULuka 23 : 5.

[134] U Pilatu ngalesisikati wa engena wo umcabango wokulahla u Jesu. Wa eneqiniso lokuti akana cala. Kodwa wati qede ezwe ukuti u Krestu uvela e Galile wahlosa ukumyisa ku Herodi okwaku uyena mbusi waleyondawo owa ese Jerusalem ngalesosikati. Ngalokuke u Pilatu wa eseqonda ukuba uzikulule umtwalo wecala aliyise ku Herodi.

[135] U Jesu wa esenesiyezi ukulamba esekatele ukungalali. Wa esezwa nobuhlungu boku-patwa kolaka ayekade epetwe ngako. Kodwa u Pilati wabuye wambuyisela kumabuto wa hudulwa edabula imibhinqo nokwedelwa kwababembambile ababengenasihau.

[136]

[137]

IZIHLOHO 22—PAMBI KUKA HERODI.

U HERODI wa enga zange abone u Jesu kodwa kwaseku yisikati eside efuna ukumbona, nokubona amandhla ake amangalisayo. Ngokuletwa ko Msindisi pambi kwake isixuku lesi, sabantu ababesa kandana ku ilabo bezi sholo okwabo. U Herodi wati akutulwe ngoba wa efuna ukubuza isiboshwa.

Wa buka ebusweni buka Krestu obwabupapatekile ngeso elitanda ukwazi nelinesihau. Wabona kubo okubonisa ukuhlakanipa nobungcwele. Waneliswa ukuti kwaku amagqubu nomona ukupela okwakwenza aba Juda bamangalele u Msindisi.

U Herodi wati ku Krestu akenze esinye sezibonakaliso zake ezimangalisayo pambi kwake. Wati uzakumkulula uma esenza. Wa eseti akuletwe izinyonga nezifumbu wati ku Jesu akazi pilise. Kodwa u Msindisi wema pambi kwake njengomuntu ongaboniyo nongezwayo.

I Nnodana ka Nkulunkulu yase ibeke pezu kwayo ubuntu. Wenza okwakungenziwa umuntu uma kunje. Ngakoke wala ukwenza isibonakaliso ukuba enze abantu bamangale nokuba azisindise ebuhlungwini nasekubekweni pansi abantu aye nako kulesisikundhla aye bekwe kuso.

Abacebi bake besaba lapa u Herodi efuna isibonakaliso ku Krestu. Into ababeyesaba kunazo zonke kwaku ukuba aveze amandhla ake angapezulu. Uma wa eke wabonakalisa loku kwakuyobulala amacebo abo onke, mhlaumbe kwenze ukuba babulawe. Ngako basebe memeza beti u Jesu wenza imimangalisano ngamandhla ayewanikwe u Belzebubi inkosi yamadimona

[138]

Ngeminyaka eminingi edhlulileyo u Herodi wa e kade ezwa ukufundisa kuka Johane u Mbhapatizi. Wahlatywa ukushumayela kwake kodwa akaze avuma ukudela ukupila kwake kokupuza nokwesono. Ngako inhliziyi yake yaba lukun kakulu wagcina ngokuba isidakwa, wati akubulawe u Johane kutokoziswe u Herodiyas omubi.

Manjeke wa eselukuni ngokungapezulu. Kwala uma abekezele lapa u Jesu etule. Ubuso bake bwagqunqa ukutukutela, wamsongela u Msindisi, owa eloku emi etule engamazami.

U Krestu wa eze emhlabeni ukuba azoduduza abazinhliziyi zapukile. Uma wa eke wakuluma nelilodwa nje izwi loku polisa imipefumulo eya iguliswa izono, wa engeke atula. Kodwa, wa engenawo amazwi angawakuluma kulabo ababezonyatela iqiniso pansi kwezinyawo zabo ezingcolileyo. U Msindisi wa engase akulume ku Herodi amazwi ayeyohlaba izindhlebe zenkosi elukuni. Wa engamesabisa amtutumelise, ngokubeka pambi kwake ububi bonke bokupila kwake, nokwesabeka kokulahlwa kwake okwakusondela. Kodwa ukutula kuka Krestu kwakudhlula konke ukuba kuza aye ngaba kuza ngako.

Leyondhlebe eyayikade ivuleke ekukaleni kwabantu, yayi ngenandawo yomyalo ka Herodi. Leyonhliziyi, eya ihlatywa na isicelo sesoni esidhlula zonke, yavalwa ku Herodi opakemeyo owa engezwa ukuti udinga u Msindisi.

[139]

U Herodi etukutele wapendukela esixukwini, wati ku Jesu ungumkohlisi. Kodwa ababemcebile u Krestu babazi ukuti akasiye umkohlisi. Basebebona imisebenzi yake eyayanele ukuba bakolwe ukuti akasiye.

Ngakoke inkosi yaqala ukwetuka nokweyisa i Ndodana ka Nkulunkulu. U Herodi nabantu bake bempi bamenze ize bahlekisa ngaye bamfaka ingubo yobukosi! ULuka 23:11.

Ekuboneni kwenkosi embi u Jesu, amukela konke loku kujivazwa etule, wesaba ukuti wa engumuntu nje. Wa esedideka umcabango wokuti isiboshwa lesi kungasekube konje umuntu owehle ezulwini.

[140] Ngako ke u Herodi akaze atanda ukunquma ukulahlwa kuka Jesu. Wafuna ukuzikulula kulelicala wa mpindeliselwa ku Pilatu.

[141]

IZIHLOHO 23—WAL AHLWA U PILATU.

EKUBUYENI kwaba Juda ku Herodi baleta u Msindisi ku Pilatu futi, watukutela wababuza wati bafuna ukuba enzeni. Wabakumbuza ukuti usemhlolile u Jesu, akafumanisanga. cala kuye. Wabatyela ukuti balete izinsolo zabo abamsola ngazo, kodwa babe ngenakuzicasisa pambi kwake.

Futike babe myise ku Herodi, owa engum Juda, njengabo, naye akaze atola luto afanele ukubulawa ngalo. Kodwa ukuzeatokozise abamcebayo wati:—

“Ngako ngizomshaya, ngimkulule.” ULuka 23 :16. Lapake u Pilatu wabonakalisa ubutakataka bake. Wa esevumile ukuti u Krestu akanacala; wa esemshayelani po ? Kwaku ukuvumelana nobubi. Aba Juda abakukohlwanga loku ngaso sonke isikati sokutetwa kwecala. Basebesabisa umbusi wama Roma, manjeke baquluselela ituba labo baze batola ukulahlwa kuka Jesu.

Isixuku samemeza kakulu siti, asibulawe isiboshwa.

Wati lapa u Pilatu engabaza ngazo kwenza, kwaletwa kuye incwadi ivela kumkake iti:—

“Ungenzi luto kulowomuntu olungileyo ; ngokuba ngihlupeke kakulu ngaye epupweni nambla nje.” UMateu 27 :19.

[142]

U Pilatu ezwa lendaba wapenduka wabamhloshana ; kodwa ukumemeza kwezigebenge kwakula lapa bebona ukungabaza.

U Pilatu wabona ukuti kukona okufanele ukwenziwa. Kwaku umkuba ukuba kuti ngesidhlo sepasika, kukululwe esinye isiboshwa, esoketwa abantu. Amabuto ayesandu kubamba umpangi owazekayo ogama lake lingu Barabasi. Wa engu muntu omubi ngokupansi engambulali. Ngako u Pilatu wapendukela esixukwini wati ngenhliziyo yake yonke:—

“Nitanda ukuba ngi nikululele bani, u Barabasi noma u Jesu okutiwa u Krestu.” UMateu 27 : 17.

Bapendula bati, “Bulala lomuntu usikululele u Barabasi.” ULuka 23 : 18.

U Pilatu watula ngenxa yokumangala nokujabha. Ngokuvumela ukunquma kwake nokuncenga kwabantu, walahlekelwa ukupakama kwake, nokubusa isixuku. Emva kwaloku, wa ese imbazo yabo nje. Bamenza enze intando yabo. Wa esebuza eti:—

“Ngi yakwenzanike ngo Jesu otiwa u Krestu?”

Bapendula kanje bati:—“Makabetelwe.”

Umbusi wati, “Wenzeni embi ?”

“Bamemeza kakulu beti makabetelwe,” UMateu 27 : 22, 23.

Isihlati sika Pilatu sapapateka, lapa ezwa lokukumemeza okwesabekayo kokuti “Makabetelwe.” Wa engazange ecabanga ukuti sekuzo fika kuloko. Wa esesho futi futi eti u Jesu akana cala noko abantu babe qonde ukuba ezwe lobubuhlungu obwesabekayo. Wa esepinda futi eti.

[143]

“Wenzeni embi na ?”

Futi kwezwakala loku kumemeza okubi kokuti, “Mbeteleni, Mbeteleni.”

U Pilatu, walinga kanye ukuba avuse isih. au sabo. U Jesu watatwa esenesi yezi sokukatala esenezingozi yonke indawo, washavwa pambi kwabamcebayo.

“Amabuto eluka umqele wameva awufaka ekanda lake, bamembatisa ingubo ebomvu, bati, Bayete Nkosi yaba Juda! bamshaya ngezandhla zabo.” Johane 19 :2, 3.

Bamfela ngamate, omunye umuntu omubi wahlwita umhlanga owa ukade ubekwe esandhleni sake, washaya umqele owa usebunzini lake anneva angena pakati, kopisa igazi lehla ebusweni bake nasesilevwini.

U Satani wayehola amabuto atukuteleyo ekwetukeni u Msindisi. Kwa kuyicebo lake ukuba kucunulwe u Jesu aze apindise uma kungenzeka, noma acindezelwe ukuba azikulule ngokwenza isiboncaliso, anqume icebo losindiso. Icashazaua nje empilweni yake yobuntu, nokwahluleka okukodwanje kokuba abekezele ukulingwa okwesabekayo, iCwane lika Nkulunkulu lali yoba umnikelo ongapelele, nokuhlengwa kwabantu, kube ize.

Kodwa yena owa engayala imikosi yase zulwini, ngesikasliana ibize izixuku zezingilosi ukuba zizekomsiza, yena owa engase ahlule ngokushesha izigebenge ezinolaka, wa engase alahle pansi ababemhlupa ngokunyazima kobukosi bake nje,—watobela ukweyiswa okubi kakulu nonya olukulu ngokupakama okukulu.

[144] Njengokuba ize zokumhlupawabo zababekezela pansi kobuntu, babanjo ngo Satani uqobo lwake, kunjaloke nobunene nokubekezela kuka Jesu kwamupakamisa ngapezu kobuntu kwabonakalisa ukusondelana kwake no Nkulunkulu.

U Pilatu wahlatywa kakulu ukubekezela ko Msindisi okwakungenansolo. Watumela u Barabasi ukuba aletwe enkantolo; wa esebeka iziboshwa zombili zimi zilinganisene. Ekomba ku Msindisi, wati ngezwi lokuncenga okukulu, “Bhekani umuntu.” “Ngimleta kinina ukuze nazi ukuti angifumani cala kuye.” Johane 19 : 5, 4.

Yema lapo i Nnodana ka Tixo, igqoke ingubo yombhinqo nomqele wameva. Ekunyulwe kwaze kwafika esiswini, umhlana wake waunemivimbo yonya emide, okwakopa igazi kakulu kuyo, ubuso bake bwabunindeke ngegazi, bwabubonakalisa ukupelamandhla nobuhlungu ; kodwa bwabungazange bube buhle kunaloko obwabuyiko. Zonke izinto zobuso bake zazi kombisa ukutamba nokuzidela nesihau esikulu eziteni zake ezinolaka.

Isiboshwa esasiseduze kwake sasahlukile kakulu. Imibimbiyobuso bake yayikombisa ubulukuni nobubi ayeyibo.

Pakati kwazo izibukeli kwa kukona ababemdabukela u Jesu. Nabapristi nababusi uqobo, ba bona ukuti wa yeyi loko ayeti u yiko. Kodwa noko abavumanga. Basebenze isixuku, esa sigebenga u Jesu satukutela ngokuhlanya, basebe memeza futi abapristi nababusi nabantu bati:—

“Mbeteleni, Mbeteleni!”

Ekugcineni, u Pilatu eselahlekelwe yiso sonke isineke ngezinhliziyi zabo ezazi ngenasizatu, nokutukutela kwempindiso u Pilatu wati kubo :—

[145] “Mtateni, nimbetele; ngoba angifumani cala kuye.” Johane 19 : 5, 6.

U Pilatu walinga ngamandhla ukukulula u Msindisi: kodwa abaJuda bamemeza beti:—

“Uma uyeka lomuntu ahambe, awusiso isihlobo sika Siza; ozenza inkosi ulwano Siza ?” Johane 19 :12.

Loku kwamtinta u Pilatu endaweni etambileyo. Umbuso wase Roma wausumsola kadeni, wazike ukuti uma kuletwa okunje ngaye, uyopela.

U Pilatu esebonile ukuti anakuvimbela luto kungenzeki msindo, watata amanzi, wageza izandhla zake pambi kwesixuku eti:—“Anginacala egazini lalomuntu ongenacala ziboneleni nina.” UMateu 27 : 24.

Kwaba yize ukulinga kuka Pilatu ukuzi kulula kulobububi bokulahla u Jesu uma wa eke wenza ngokushesha waqinisa kona kuqala, wenza ayecabanga ukuti kuhle, wa engeke ehlulwa ilaba bantu; babe ngeke bakucabange ukumyala. Ukungaqini nokungabaza kwake kwabonakala kumvezela incitakalo.

Wabona ukuti akanakumkulula u Jesu abuye adhlule asibambe isikundhla sake nodumo lwake. Kunokuba alahlekelwe amandhla ake asemhlabeni, waketa ukunikela ukupila kwake okungenacala. Evuma kuloko okwakufunwa isixuku wapinda washaya u Jesu wamnikela ukuba abetelwe Kodwa pezu kwako konke aye kubhekile, yona leyonto ayeyesaba, yamfikela kamva. Wepucwa udumo lwake, wehliswa esikundhleni sake, esuselwa ukona, nokuzidhla okwakuna-manxeba, wazibulala ku ngakabi isikati u Jesu ebetelwe. Ngako bonke abavuma isono bozuza usizi nencitakalo. “Kukona indhlela ebukeka inhle kumuntu kodwa isigcino sayo siyizindhlela zokufa.” Amazwiahla 14 :12.

[146]

Kwati lapa u Pilatu eti akanacala ngegazi lika Krestu, uKayifasi wapendula ngokwedelela, igazi lake alibe pezu kwetu nabantwana betu. UMateu 27 : 25. Nalawo mazwi amabi apindwa abapristi, abuye apindwa abantu futi. Kwaku ukuzinqumela okwesabekayo. Kwaku ifa elibi lokuba balehlisele enzalweni yabo.

Loku kuboniswa ezinewadini ukugcwaliseka kwako, ngokubhujiswa okwesabekayo kwe Jerusalem, sekudhlule iminyaka e amashumi amane.

Kuya kupindwa kugcwaliseke ngokwesibili lapa sekuyo bhalwa okokugcina. Isibonakaliso siyakuguqulwa, nalo Jesu uyakuza, ngomlilo ovutayo nokupindisa kulabo abangamazi u Nkulunkulu. Imisebenzi 1 :11; 2 Tesalonika 1: 8.

Ngaleso sikati bayakutandaza ematyeni nasezintabeni beti

Yiwani pezu kwetu nisimboze singabuboni ubuso bohlezi esihlalweni sobukosi, naso lakeni lwe Cwane, “ngokuba usuku olukulu lolaka luyeza.” Isambulo 6 16, 17.

[147]

[148]

[149]

IZIHLOHO 24—INHLOKO.

U JESU washeshiswa wayiswa endaweni yenhloko edabula ukubhinqwa yisixuku. Wati lapa edhlula esangweni lesigodhlo sika Pilatu, isipambano esisindayo esasilungiselwe u Barabasi sabekwa pezu kwama hlombe ake, alinyaziwe nopayo. Kwa bekwa izipambano pezu kwamasela amabili futi ayezo bulawa kanye no Jesu.

Umtwalo wamsinda u Msindisi kulesisimo ayekatele ngaso. Wa eshambe izingalo eziyingcozana watola isiyezi pansi kwesipambano.

Ekuvukeni kwake sabuye sabekwa futi isipambano emahlombe ake. Wa ntenga ntenga izinyatelo eziyingcozane wabuye wa wa emhlabatini njengofileyo. Abablupi bake baqonda manje ukuti akanamandhla okuqubeka nomtwalo wake, badidekake ukuti bazotola bani woku twala lomtwalo wehlazo.

Ngaso leso sikati bahlangana no Simon um Cyrenia eya ngalapa bevela ngakona. Bam-bamba bamcindezela ukuba atwale isipambano aze afike naso endaweni yenhloko.

[150] Amadodana aka Simon ayengabafundi baka Jesu, kodwa yena uqobo lwake wa engazange amamukele uMsindisi. Emva kwaloku u Simon wabonga ngetuba abanalo lokutwala isipambano so Msindisi. Umtwalo acindezelwa ukuwutwala waba icebo loku mpendula. Izinto ezenzeka endaweni yenhloko namazwi akulunywa u Jesu aholo u Simon ukumamukela ngokuti uyi Ndodana ka Nkulunkulu.

Ekufikeni kwake endaweni yokubetela abantu, ababelahliwe baboshezela ezipambanweni. Amasela amabili alwa ezandhleni zalabo ababe belula ezipambanweni; kodwa u Msindisi akalanga.

U nina ka Jesu wamlandela yonke leyondhlela eya endaweni yenhloko. Wafisa ukumkonza lapa epelamandhla pansi komtwalo wake kodwa akavunyelwanga ngalelituba.

Ngazo zonke izinyatelo zaleyondhlela ekatazayo wa ebheke ukuba abonakalise amandhla ake awanikwe u Nkulunkulu, azikulule kuleso sixuku sababulali.

Manjeke esefike endaweni yokugcina e bona amasela eboshelwa esipambanweni, wezwa ubuhlungu bobude besikati.

Owa yevuse abafuleyo wa ezovumela ukuba abetelwe na ? I Ndodana ka Nkulunkulu ya izo vunyelwa ukuba ibulawe kanje ? Wa esezopelelwa itemba lokuti ungu Mesiya ?

Wabona izandhla zake zeluliwe esipambanweni,—lezo zandhla ezazelulelwa ukubusisa abahlupekayo. Kwaletwa isando nezipikili, kwati lapa izigxobo zibetelwa enyameni etambileyo, abafundi ababezinhliziyi zapukile, batwala kona kuleyondawo yolaka, umzimba ka nina ka Jesu owa usunesiyezi.

[151] U Msindisi akenzanga nokuvungama kokunkonona; ubuso bake bwabupapatekile butule, kodwa amatonsi amakulu okujuluka ayemi ebunzini lake. Abafundi bake babe balekile kulento ebukeka ngokwesabekayo. Wa ese hamba esivinini yedwa; nabantu babengaseko kuye. Isaya 63: 3.

Kwati lapa amabuto enza umsebenzi wawo, umqondo ka Jesu wadhlula kobwake ubuhlungu, waya esikatini esesabekayo sempindiselo ababezoyamkela abamhlopayo. Wabad-abukela ngo kungazi kwabo, watandaza wati:—

“Baba batetelela abakwazi abakwenzayo.” ULuka 23 : 34.

U Krestu wa esebenzela ilungelo lokuba abe umnxuseli wabantu bambi kobuso buka Yise. Lowomtandazo wezita zake wawupete izwe lonke. Wa ungenisa izoni zonke ababeke bapila nababeyo pila, kusukela ekudabukeni kwezwe kuze kufike ekupeleni kwesikati.

Uma sona sisuke situnuka u Krestu ngokusha. kamisela izandhla zake ezahlatywayo pambi kwesihlalo sika Yise ate “Batetelele, ngokuba abakwazi abakwenzayo.”

Esebetelwe kuso u Krestu sapakanyiswa abantu abanamandhla basigximeka pansi ngamandhla amakulu endaweni eyase ilungiselwe kona. Loku kwenza ubuhlungu obukulu e Nnodaneni ka Nkulunkulu.

Ngalesosikati u Pilatu wabhala ngolimi lwama Roma nango lwama Greek nango lwama Hebheru, umbhalo, waubeka esipambanweni, ngapezu kwe kanda lika Jesu, lapa bonke babe ngawubona kona, wa uti:—

“U Jesu wase Nazareta i Nkosi yaba Juda.”

Aba Juda bacela ukuba loku kuguqulwe. Abapristi abakulu bati:—

“Ungabhali ukuti Inkosi yaba Juda; kodwa bhala uti, wati ngiyi Nkosi yaba Juda.”

Kodwa u Pilatu wa esezitukutele ngenxa yobutakataka bake bokuqala. Wabadinwa ababusi ababi nabanomona. Ngako wabapendula wati:—

“Esengikubhalile ngi ku bhalile.” Johane 19 :19, 21, 22.

Amabuto ahlukanelana izingubo zake. Enye ingubo yaitungwe ingenamtungo, kwaba kona ukupikisana ke ngayo. Bagcina ngokuyilungisa indaba benza inkato. Umprofeti ka Nkulunkulu wa ekusho loku ngapambili wati bayokwenza. Wabhala wati:—

“Ngizungezwe izinja; inhlango yababi ingikakile; bahlaba izandhla zami nezinyawo zami. Bahlukaniselana izingubo zami benzelana inkato ngezambato zami.” Izihlabelelo 22:16-18.

Sebembekile u Jesu esipambanweni kwenzeka into enkulu. Abapristi nababusi, nababhali bahlangana nesixuku esibi babhinqa bahleka i Nnodana ka Nkulunkulu efayo beti:—

“Uma uyi Nkosi yaba Juda zisindise.” ULuka 23:27.

Wasindisa abanye akanaku zisindisa yena. Uma eyi Nkosi yaba Israel, akehle esipambanweni, siyakukolwa kuye. Wetemba ku Tixo; ake amkulule manje, uma etanda, ngoba wati uyi Nnodana ka Tixo. UMateu 27 : 42, 43.

Nababedhlula bamemeza, begenqezisa amakanda abo, beti. Ah wena ocita itempeli ubuye ulake ngezinsuku ezintatu, zisindise wehle esipambanweni lapo. UMarko 15 : 29, 30.

U Krestu wa engehla esipambanweni kodwa uma wa ehlile sasingeke sasindiswa. Ngenxa yetu wavuma ukuba afe.

“Walinyazwa ngezipambeko zetu, washaywa ngobubi betu imivimbo yokutula kwetu yaba pezu kwake; sisindiswa ngemidwa yake.” Isaya 53 : 5.

[152]

[153]

[154]

[155]

IZIHLOHO 25—UKUFA KUKA KRESTU.

EKUNIKELENI ukupila kwake okuyigugu, u Krestu waye ngabanjiwe ukutokoza kokunqoba. Inhliziyo yake yayintwengukile usizi, ihlupeka ubunzima. Kodwa kwaku ngesiko ukwesaba nobuhlungu bokufa okwenza ukuhlupeka kwake. Kwaku ukusindwa isono sezwe, umqondo wokwahlukana kwake notando luka Yise. Iloku okwakwapula inhliziyo yo Msindisi, kwasheshisa nokufa kwake kangako.

U Krestu wezwa ukukala okuya kuzwiwa izoni, lapa sezipapama seziqonda ngokusinda kwezono zazo, ukwazi ukuti bazahlukanisa nokutokoza nokutala kwasezulwini.

Izingilosi zabuka zamangala ngosizi lokuzidela olwabekezelwa i Ndodana ka Tixo. Usizi olwalusemqondweni wake lwalulukulu ngangokuba akabuzwanga ubuhlungu bwesipambano.

[156] Nokudatyuliweyo kwamzwela ubuhlungu. Ilanga labalela kwaze kwaba isemini enkulu, kwa kwetukwa selingati licimiwe. Yonke indawo eyayi seduze nesipambano yayi- mnyama bhuqe. Lobu ubumnyama obungapezu kwemvelo bwahlala kwaze kwapela kahle ama hola amatatu.

Ukwesaba okungenagama kwaba pezu kwesixuku. Ukwetuka nokufenyisa kwapela. Amadoda nabafazi nabantwana bawa emhlabeni benokwetuka okukulu.

Kwakuloku kuba kona izinyazi ezazi bonakalisa isipambano no Msindisi obetelwe. Bonke bacabanga ukuti seku fike isikati sempindiselo.

Ngehola lesisbiyagalolunye ubumnyama kwasuka kubantu kodwa kwamumboza njalo u Msindisi sengati ingengubo. Izinyazi kwakungati zikomba yena elenga esipambanweni. Kwaku yi lesi sikati lapa amemeza ngokuzidela wati:—

“Tixo wami, Tixo wami, ungishiyelani na ?” UMarko 15: 34.

Ngaso leso sikati ubumnyama bwasebuhlezi pezu kwe Jerusalem napezu kwama tafa ase Judea. Kwati lapa onke amehlo ependukela emzini owasuzopela babona izinyazi ezesabekayo zolakaluka Tixo ziqonde kuwo.

Ubumnyama kwasuka masinyane pezu kwesipambano. U Jesu wamemeza ngezwi elihle elinjenge tilongo, okwaku ngati lizwakala wonke umhlaba wati:—

“Kupelile.” Johane 19 : 30. “Baba nginikela kuwe umpefumulo wami.” ULuka 23 : 46.

Ukukanya kwa kaka isipambano, nobuso bo Msindisi bwakanyiswa ukukazimula okukazimula okunjengo kwelanga. Wagobela ikanda lake esifubeni sake wafa.

[157] Isixuku esasizungeze isipambano sema sengati singenwe ubuparalio, nemimoya enqamukileyo sagqolozela ku Msindisi. Futi ubumnyama bwahlala pezu komhlaba, kwezwakala ukuvungama okunje ngokuduma okukulu. Loku kwalandelwa ukuzamazama komhlaba okukulu.

Ukuzamazama komhlaba kwamazamisa abantu kwabaqoqa izinqwatyana. Kwaba kona ukudideka okukulu nokwesaba okukulu. Ezintabeni ezazi seduze, kwaqepuka. amatye, ahambe ehlepuka egingqika eya ezigodini ngapansi. Amatuna avuleka, abaningi ababefile bavuka.

Okudaliweyo kwabukeka, sengati kupenduka imvutuluka. Abapristi, nababusi, nama buto, nabantu bependuka izimungulu ngenxa yokwesaba bawa pansi emhlabatini.

Ngesikati sokufa kuka Krestu, abanye kuba pristi babe konza etempelini e Jerusalem. Bakuzwa ukwetuswa ukuzamazama komhlaba, ngaso lesosikati iveli letempeli, elalahlukanise indawo eyingcwele nengcwele yezingcwele, ladabuka kabili kusukela pezulu kuze kufike pansi ngaso lesa sandhla esingenagazi esabhala amazwi okubhubhisa ezindongeni zesigodhlo sika Belshaza.

Indawo eyingcwele, indawo yokukonza yasemhlabeni yainga sengcwele. Ubuso buka Nkulunkulu bwabungasayi ukupinda bumboze lesosihlalo somusa. Ukwamukela nokudinwa kuka Nkulunkulu kwakunga sayukupinda kubonakaliswe ngokukanya noma ingefu ematyeni amahleayesesifubeni sompristi omkulu.

Kusukela kuleso sikati iminikelo yetempeli yase iyize. I Cwane lika Nkulunkulu, ekufeni kwalo, laba umhlatyelo wezono zezwe.

Ekufeni kuka Krestu esipambanweni endaweni yenhloko, kwakuvulwa indhlela entya epilayo kum Juda njenga kwezizwe ngokufanayo. [158]

Izingilosi zajabula lapa u Msindisi ememeza eti, “Kupelile!” Icebo elikulu lehlaulelo, lase lizoqutywa. Ngempilo yokulalela, amadodana aka Adam ayezo pakanyiswa ekugcineni ayepambi kobuso buka Tixo.

U Satani wa esenqotywe, wayazi ukuti umbuso wake wa usulahlekile. [159]

IZIHLOHO 26—ETUNENI LIKA JOSEFA.

U MSINDISI walahlelwa ukuti ulwa nombuso wama Roma. Abantu ababe bulawelwe loku babembelwa endaweni eyabekelwa ukumbela abantu abanje.

U Johane wahlasimula lapa ecabanga ngomzimba weNkosi yake etandekayo, ukuti uzo patwa amabuto angazweli buhlungu, ambelwe etuneni elingahlonipekiyo. Kodwa akabonanga ndhlela yokukuvimbela, ngoba izwi lake lali ngeke lizwakale ku Pilatu.

Ngalesisikati, u Nikodemu no Josefu wase Arimatiya beza kobasiza abafundi. Bobabili babe abantu be Sanhedrim, bazana no Pilatu. Bobabili babe abantu abacebileyo benezwi. Bazimisela ukuba umzimba wo Msindisi umbelwe ngokuhlonipekayo.

U Josefa waya ngesibindi ku Pilatu, wacela kuye umzimba ka Jesu. U Pilatu esezwile ukuti u Krestu usefile impela, wabanika abakucelayo.

Wati u Josefa eya kocela umzimba wo Msindisi ku Pilatu, u Nikodemu wa elungisela ukumbela. Kwaku umkuba walezo zikati ukuba kusongwe izidumbu zabafuleyo ngendwangu yelineni, namafuta amahle namaka amnandi. Kwakuyindhlela yokuba gqumisa kwabo le. Ngako u Nikodemu waleta isipo esibiza imali eningi sekulu lamapaundi izisindo zemure namaka emzimbeni ka Jesu.

[160]

Ohlonishwa kunabo bonke base Jerusalem wa engeke ahlonishwe ngapezu kwaloku esefile. Abalandeli baka Jesu abapansi bamangala bebona ababusi abacebileyo benakekela kangaka ukumbela i Nkosi yabo.

Abafundi badabuka kabi ekufeni kuka Krestu. Bakohlwa ukuti wa ebatyelile ukuti kuya kwenzeka. Basebepelelwe itemba.

Amuko ko Josefu no Nikodemu owa ekewamukela u Msindisi ngokusobala esapila. Kodwa babezizwa izinshumayelo zake, babhekisisa zonke izinyatelo zokushumayela kwake. Nokuba abafundi bakohlwa amazwi oMsindisi ebatyela ngokufa kwake, u Josefa no Nikodemu babekukumbula kahle. Nako konke okwenzeka kanye nokufa kuka Jesu, okwadumaza abafundi, kwa nyakazisa inkolo yabo, kulaba babusi ababili kwakubonisa nje ukuti ungu Mesiya weqiniso, kwabenza ukuba beme baqine babe amakolwa ake.

Usizo lwalababantu abacibileyo nabadumileyo lwaludingeka kakulu ngalesisikati. Babe ngenzela i Nkosi yabo eyase ifile okwakungeke kwenziwe abafundi abahlupekayo.

Bawususa kahle nangokuhlonipa umzimba ka Krestu esipambanweni ngezandhla zabo. Izinyembezi zomunyu zazehla ngamandhla, lapa behamba bebuka umzimba wake olinyaziwe noxhebhuliweyo.

U Josefa wa enetuna elaliqoshwe ematyi. Wa ezakele lona yena ; kodwa manje wa eselilungisela u Jesu. Isidumbu namaka ayeletwetu Nikodemu, kwasongwa ngendwangu, yelineni, no mhlauleli watwalwa wayiswa etuneni.

[161]

Nokuba ababusi baba Juda babeze bapumelela ekubulaleni u Krestu, babe ngenakupumula kahle. Babe wazi kahle amandhla ake amakulu.

Abanye babemi ngasetuneni lika Lazalos, babona ofileyo epiliswa batutumeliswa ukwesaba ukuti u Krestu uzakuzi vusa kwabafuleyo, abuye abonakale pambi kwabo.

Babemzwile eti esixukwini, unamandhla okubeka pansi ukupila kwake unamandhla futi nawo kukutata.

Bakumbula ukuti wa ete, “Bhidhlizani lelitempeli ngobuye ngilivuse ngezinsuku ezintatu,” (Johane 2:19) babazi ukuti wa ekuluma ngomzimba wake.

U Juda wa ebatyelile ukuti u Krestu wa etekubafundi bake lapa beya e Jerusalem okokugcina:—

“Bhekani siya e Jerusalem; ne Ndodana yomuntu iyakunikelwa kubapristi nababhali, baya kumlahla afe bamnikele kwabezizwe ukuba bamhleke, bamshaye, bambetele; nangosuku lwesitatu abuye avuke.” UMateu 20 :18, 19.

Basebe kumbula izinto eziningi ayezishilo ezazikombisa ukuti uyovuka. Babe ngenakuzi kohlwa lezizinto, nokuba babe tanda kangakanani ukuzi kohlwa. Babe kolwa betutumela njengoyise wabo, u Satani.

Zonke izinto kubo zaziti u Jesu uyi Ndodana ka Nkulunkulu. Babe ngenakulala ngoba babe hlupeka kakulu ngaye esefile kunokuba esapila.

Bazama ngayo yonke imizamo yabo ukuba angapumi etuneni, bati ku Pilatu aka livuneke lit ngci ituna lilindwe futi kuze kupele izinsuku ezintatu. U Pilata wabeka amabuto njen-gokusho kwabapristi, wati:—

“Lindani; hambani nenze, kuqine ngokutanda kwenu. Ngako bahamba baya koqinisa ituna, bavuneka itye babeka abalindi.” UMateu 27 : 65, 66.

[162]

[163]

IZIHLOHO 27—U VUKILE.

KWA nokekelwa kakulu ukuba ku lindwe ituna lo Msindisi, nomnyango wavalwa ngetye elikulu. Pezu kwalelitye kwaku valwe ngopau lwama Roma ngendhlela yokuba umuntu wa engeke avule itye kungonakali lolopau.

Ituna lali zungeze ibuto lawonongqayi bama Roma, Babezo lindisisa, ukuba umzimba ka Jesu ungakishwa. Abanye babe hamba njalo pambi kwetuna, abanye bahlale pansi eduze.

Kodwa kwaku kona abanye abalindi bezungeze ituna. Kwa ku kona izingilosi ezinamandhla zivela ezulwini. Noma iyipi yalaba abalindi abayizingilosi, ngokukipa amandhla ayo, yayi nga shaya pansi yonke impi yama Roma.

Ubusuku bosuku lokuqala lwesonto lwase lupele luhamba kancane, nesikati esimnyama kakulu, kungakasi sasesifikile.

Enye yezingelosi ezinamandhla kakulu iyatunyelwa. Ubuso bayo bunjengo nyazi, nezingubo zayo zimhlope njengo ngqoqwane. Idedisa ubumnyama emkondweni wayo, namazulu onke akanyiswe ukukazimula kwayo.

[164] Amabuto aleleyo ayavuka, eme ngezinyawo. Bagqolozela izulu elivulekileyo, nesi-bonakaliso sokukanya okwa kusondela kubo.

Umhlaba uyatutumela, uzamazame lapa kusondela umuntu onamandhla ovela kwelinye izwe, uza ngodaba olutokozisayo, nejubane namandhla okundiza kwake kuzaniazamisa umhlaba njengo kuzamazama komhlaba okunamandhla. Amabuto nezinduna nanakosana ashayeka pansi njengabantu abafileyo.

Kwaku kade kukona abanye abalindi etuneni lo Msindisi. Izingilosi ezimbi zazi kona. Ngokuba i Ndodana ka Nkulunkulu yayifile, isidumbu sayo sasibangwa uye onamndhla okufa,—u Satani.

Izingilosi zika Satani zazi kona zizo vimbela ukuba kungabiko amandhla okutata u Jesu ezandhleni zazo. Kodwa zabaleka lapa zibona umuntu onamandhla ovela esihlalweni sobukosi sika Tixo esondela.

Ingilosi yabamba itye elalisemnyango wetuna, yaligingqa, njenge tyana elincane. Yase i memeza ngezwi, elenzwa umhlaba watutumela iti:—“Jesus Ndodana ka Tixo, puma, uyihlo uya kubisa!”

Yenake owaye wasebenzele amandhla okunqoba ukufa netuna wapuma etuneni. Ngapezu kwetuna eliqekekileyo wati, “ukuvuka nokupila.” Nesixuku sezingilosi sakotama pansi sidumisa pambi komhlauleli, zambingelela ngamagama odumo.

UJesu wapuma nezinyatelo zomnqobi. Pambi kwake umhlaba wagingqika, unyazi lwapazima, nokuduma kwa ngqingqizela.

[165] Ukuzamazama komhlaba kwaqopa isikati sokufa kuka Krestu. Ukuzamazama komhlaba kwafakaza futi isikati anqoba ngaso.

U Satani, watukutela kakulu ngokuba izingilosi zake zazi balekile ngokusondela kwesitunywa sase zulwini. Wake waba nesibindi sokuze tembisa ati u Krestu akasayi kupinde avuke, nokuti icebo lenhlaulelo lase lizo kwahluleka. Kodwa ebona u Msindisi epuma

ngoku nqoba, lonke itemba lapela. U Satani wazi manje ukuti umbuso wake uzopela, nokuti usezo gcina ngokubhujiswa.

[166]

IZIHLOHO 28—HAMBANI NITYELE ABAFUNDI BAMI.

U LUKE, ekubhaleni kwake ngokumbelwa ko Msindisi ukuluma ngabesifazane ababe naye ekubetelweni kwake eti:— “Babuya, ba lungisa amaka namafuta ; bapumula nge Sabata njengesimemezelo.” ULuka 23 : 56.

U Msindisi wembelwa ngolwesitupa usuku lwesitupa lwesonto. Abesifazane balungisa amaka namafuta ababezo gqumisa ngawo i Nkosi yabo, bawa beka ecaleni kuze kudhlule i Sabata.

Sekudhlulile i Sabata, ekuseni ngangomuso, ngosuku lokuqala lwesonto, bafika etuneni ukupuma kwelanga ? UMarko 16 :1, 2.

Besondela ensimini, bamangala ukubona izulu li kanyiswe kahle, bezwa umhlaba ututumela pansu kwezinyawo zabo. Bashsha baya etunene, bamangala ngokunga pezulu, lapa bebona itye li gingqiwe, naba lindi bama Roma bengeko.

[167] U Maria Magadeleni wafika kona kuqala. Ebona ukuti itye lisusiwe, wasehsha waya ko tyela abafundi bake. Ekufikeni komunye wesifazane, ba bona ukukanya kuzungeze ituna, be bheka pakati ba bona ukuti alisenasidumbu. Besa zulazula kuleyondawo, babona masinyane insizwa igqoke izingubo ezi kazimulayo ihlezi ngasetuneni. Kwaku yingilosi eyayingqwe itye. Bapenduka seabalekiswa ukwesaba, kodwa ingilosi yati:—“Ningesabi, ngokuba ngi yazi ukuti nifuna u Jesu obebetelwe. Amuko lapa ; uvukile, njengokusho kwake. Wozanibone lapa bekulele kona i Nkosi. Hambani nisheshe, nityele abafundi bake ukuti u vukile kwabafileyo; bhekani uyahamba pambi kwabo uya e Galile; niya kumbona kona.” UMateu 28:5—7.

Abesifazane lapa bepinda be bheka futi etuneni, babona enye ingilosi ekazimulayo, eyaba buza yati

Nimfunelani opilayo pakati kwabafileyo? Amuko lapa kodwa u vukile; kumbulani ukukuluma kwake kini ese se Galile, eti i Ndodana yomuntu iyakunikelwa ezandhlani ze zoni, ibetelwe, nangosuku lwesitatu ibuye ivuke. ULuka 24:5-7.

Izingilosi zaba casisela ngokufa nangoku vuka kuka Krestu. Bawakumbula abesifazane amazwi aye ku lunye u Krestu uqobo lwake, ayebatyela kuwo ngokubetelwa kwake na ngoku vuka kwake. Lawa mazwi ka Jesu aye sesobala kubo, bashsha bayo tyela indaba etokozisayo benetemba elisha nesibindi esisha.

U Maria wa ekade engeko lapa abanye be bona konke loku kodwa wati ebuya wa ese hamba no Peter no Johane. Bati lapa sebe buyela e Jerusalem, yena wahlala etuneni. Akavumanga ukuba ahambe engakezwa ukuti wenze njani umzimba we Nkosi yake. Emi lapo ekala, wezwa izwi liti:— “Mfazi, ukalelani ? ufunabani ?”

[168] Amehlo ake aye valeke izinyembezi akaze abona ukuti ubani okuluma naye. Wacabanga ukuti mhlaumbe ungumgcini wensimu, wati kuye encenga :—

“Mngane, uma umtatile, ngityele lapa umbeke kona, ngimsuse.”

Wa cabanga ukuti uma lelituna lomuntu ocebileyo lali shaywa into ehlonipekayo lingafanele ukuba kuhlale kona iNkosi yake, wa ezozifunela yena indawo. Kodwa manje izwi lika Krestu lawela ezindhlebeni zake, wati:—

“Maria.”

Izinyembezi zesulwa masinyane, wambona u Msindisi. Ekutokozeni kwake wa kohlwa, ukuti kade ebetelwe, welula izandhla zake kuye wati “Raboni” (Nkosi).

U Jesu wati, “unga ngi pati; ngokuba angi ka kupukeli ku Baba; kodwa yiyakubazalwane bani, uti kubo, ngiyakupukela ku Baba wami no Baba wenu: Na ku Nkulunkulu wami, no Nkulunkulu wenu.” Johane 20 :15—17.

U Jesu wala ukwamukela uhlonipo lwabantu bakubo aze azi ukuti umhlatyelo wake wamukelekile ku Yise. Wakupnkela ezigodhlweni zase zulwini, wezwa ku Nkulunkulu uqobo lwake iqiniso lokuti ukuhlaulela kwake izono zabantu kwakupelele nokuti ngegazi lake bonke babezo zuza ukupila okupakade.

Onke amandhla asezulwini nasemhlabeni ayenikwe e Nkosaneni yokupila, wabuyela kubalandeli bake ezweni lezono, ukuze abape amandhla ake nokukazimula kwake.

[169]

[170]

[171]

IZIHLOHO 29—OFAKAZI.

ENTAMBAMA enkulu yosuku lokuvuka, abafund i ababili babehamba beya e Emmaus, umzana omncane ongama mayili ayisishiyagalombili kusuka e Jerusalem.

Badideka izinto ezazisandu kwenzeka, kakulu ngokwakufike nabesifazane ababe bone izingilosi, bahlangana no Jesu emva kokuvuka kwake.

Manje basebe buyela emakaya, beya kotandaza bazindhle, betemba ukutola ukukanyiselwa ngalezo zindaba ezazimnyama kubo.

Besahamba, kwafika isihambi sahambisana nabo ; kodwa babe kuluma bacishe abaze bambona.

Laba abantu ababe yizihambi babe sindwa usizi bati behamba babe bekala. Inhliziyo ka Krestu ehaukelayo yotando yabona ukudabuka eyayingaku duduza.

Ezifihlile njenge sihambi waqala ukukuluma nabo. Kodwa amehlo abo aye banjiwe, ukuba bangamazi wa eseti kubo :—

Nikuluma ngandabani, nihamba nidabukile ?

[172] Omunye wabo, ogama lake lalingu Cleopas, wapendula wati kuye:—

Uyisi hambu yini e Jerusalem ukuba ungazazi izinto ezenzakele kona ngalezizinsuku ?

Wati kubo, zinto zini ?

“Bati kuye, ngo Jesu wase Nazarete, owa engumprofeti onamandhla emisebenzini nase mazwini, pambi kuka Tixo napambi kwabantu bonke.” ULuka 24 :15—19.

Base bemtyela okwenzakeleyo, bapinda indaba eyayi letwe abesifazane ababe kade beye etuneni ekuseni ngalo lolusuku : Wase eti:—“O ziwula, nabepuza ukukolwa yiko konke okwashiwo abaprofeti! u Krestu wa engafanele ukuhlupeka ngalezizinto angene ebukosini bake. Eqala ku Moses nabo bonke abaprofeti, wambula kubo imibhalo wabacasisela nge zinto ezingaye.” ULuka 24 : 25—27.

Abafundi batula bemangele betokoza. Abalinganga ukubuza isihambi lesi ukuti singu bani. Balalela kahle ecasisela umsebenzi ka Krestu.

Uma u Msindisi wa eqale ngokuzi veza kubafundi babengeke baneliswa. Ekungcwaleni kwentokoza yabo babengeyu pinde bafune luto olunye, kodwa kwakufanele ukuba baqonde ukuti umsebenzi wake wa u profetwe kanjani ngayo yonke imifanekiso nezi profeto zetestamente elidala. Inkolo yabo yayizokuma pezu kwa loku. U Krestu wenza izimangaliso ukuba abapendule, kodwa umsebenzi wake wokuqala kwaku ukucasisela imibhalo. Babe bheke ekufeni kwake njengokubhujiswa kwawo wonke amatemba abo. Manje wa eseba kombisa ngaba profeti ukuti wayeyisizatu sokuqinisa lonke ukolo lwabo.

[173] U Krestu wa ekombisa ubukulu bwe Testamente elidala ngokuba ufakazi womsebenzi wake, uma efundisa abafundi bake. Baningi manje abadela i Testamente elidala, beti alisasizi luto. Kodwa ukufundisa kuka Krestu aku njalo. Wa elenza into enkulu, ukuba ngesinye isikati wati, uma bengezwa u Mosi nabaprofeti abanakuzwa noma kuvuka umuntu kwabafuleyo. ULuka 16 : 31.

Abafundi bafika ekaya labo ekushoneni kwelanga. U Jesu wazenzisa sengati uyadhlula. Kodwa abafundi abatandanga ukwahlukana nalo owa ebaletele ukutokoza netemba elinje.

Ngako bati kuye, hlala nati; ngokuba sekuzokuhlwa, usuku seludhlulile. Wangena wahlala nabo. ULuka 24:: 28, 29.

Ukudhlana kwakusihlwa okwakululana nje kwa shesha kwalunga, u Krestu wahlala en hlokweni yetafula, njengomkuba wake.

Kwa kuvame ukuba kube umsebenzi womuntu omkulu ekaya lapo ukuba abongelele ukudhla; kodwa u Krestu wabeka izandhla zake pezu kokudhla wakubusisa. Amehlo abafundi avuleka.

Umkuba wokubusisa ukudhla, ukuzwakala kwezwi elalejwayelekile manje, amanxeba ezi pikili ezandhleni zake, konke kwaba tyela ukuti iNkosi yabo etandekayo.

Isikashana bahlala betule; base besuka bawa ezinyaweni zake bamdumisa ; kodwa washesha wanyamalala.

Ngokutokoza kwabo bakohlwa ukuhamba kwabo nokukatala kwabo. Bashiya ukudhla bengazange bakutinte, bashesha bapindela kona e Jerusalem nendaba enhle yoMsindisi ovukileyo. Besa tyela abafundi lezizinto, u Krestu uqobo lwake wema pakati kwabo, nezandhla ezipakanyiselwe isibusiso wati, “Ukutula akube kini.” ULuka 24 : 36. [174]

Baqala betuka ; kodwa esebakombise amanxeba ezi pikili ezandhleni zake nasezinyaweni, esedhlile pambi kwabo, bakolwa baduduzeka. Inkolo nokujabula kwase kutate indawo yokungakolwa, nangezinhliziyo ezazingena kucasiswa ngamazwi bamvuma u Msindisi wabo ovukileyo.

Kulomhlangano, u Thomas wa engeko nabo. Wala ukukolwa ababemtyela kona ngokuvuka. Kodwa emva kwezinsuku eziyisishiyagalombili u Jesu wabonakala kubafundi u Tomase ekona.

Ngalesisikati wakombisa amanxeba ezandhleni nasezinyaweni okubetelwa. U Thomas wakolwa ngaso lesi sikati, wati:—“Nkosi yami, Nkulunkulu wami.” Johane 20:28.

Endhlini epezulu, u Krestu wabuye wacasisa Imibhalo engaye. Wabatyela abafundi bake ukuti ukupenduka nokutetelelwa kwezono kufanele kushunyayelwe ngegama lake, kuzo zonke izizwe kuqalwe e Jerusalem.

Engaka kupukeli ezulwini wati kubo, uma u Moya oyingwele usufikile pezu kwenu niya kwamukela amandhla ; niyakuba ofakazi bami e Jerusalem, nase Judea lonke, nase Samaria, nakuzo zonke izindawo emhlabeni. Bhekani nginani njalo, nasekupeleni komhlaba. Imisebenzi 1:8; UMateu 28 : 20.

Wati, kade ningofakazi, bokupila kwami kokuzidelela izwe. Senibonile ukuti bonke abeza kimi, bevuma izono zabo, ngibamukela ngokukululeka. Bonke abatandayo, bangazihlanganisa no Tixo, babe nokupila okupakade.

Kinina bafundi bami ngibeka lendaba yomusa eyokunikwa izizwe zonke, nezilimi nabantu.

Yiyani endaweni ekude kakulu emhlabeni; kodwa yazini loku ukuti ngoba kona. Sebenzani ngokolo netemba ; ngokuba asiyikufika isikati engiya kunishiya ngaso. [175]

Umyalo wo Msindisi kubafundi bake wa usho kubo bonke abakolwayo. Usho kubo bonke abakolwa ku Krestu, kuze kube sekupeleni kwesikati. Bonke abamukela impilo ka Krestu bayokusebenzela usindiso lwabantu bakubo.

Akusibo bonke abanga sontela abantu behlangene ; kodwa bonke bangakonza abantu ngabanye. Baya konza labo abakulula abahlupekayo abasiza abadingayo, abaduduza abadabukilevo abatyela isoni ngotando luka Krestu olutetelelayo. [176]

[177]

IZIHLOHO 30—YENA LO JESU.

UMSEBENZI WO Msindisi emhlabeni wa usupelile. Isikati sase sifikile sokuba abuyele ekaya lake elisezulwini. Wa esenqobile, wa esezotata indawo yake ngaku yise esihlalweni sake sokukanya nokukazimula.

U Jesu waketa intaba yemihlwati ukuba kube indawo ayokupuka ekuyo. Epelekezelwa abayishumi nanye. Wahamba waya entabeni. Kodwa abafundi abazanga ukuti loku kwaku uku xoxa kokugcina bene Nkosi yabo. Besa hamba u Msindisi waba fundisa ebavalelisa. Eseza kubashiya, wenza lesiya setembiso esitandwa yibo bonke abamlandelayo sokuti:—

Bhekani ngi nani njalo, kuze kube sekupeleni kwezwe. UMateu 28:20.

Basidhula isiqongo, baya ngase Betane. Bema lapa, abafundi baqoqana ngase Nkosini yabo. Imisebe yokukanya yaba kanyisa ivela ebusweni bake lapa ebabheka ngotando. Amazwi ake okugcina, ayengamazwi, atambe kakulu.

[178] Wakupuka esuka kubo kancane nezandhla zake zipakanyisiwe ebusisa. Wati ehamba ekupuka abafundi ababetukile ba bheka begqolozele ukuba babone i Nkosi yabo okokugcina. Ifu loku kazimula lamamukela wasitela kubo. Ngaso lesosikati kwehlela pezu kwabo ukuhlabelela okuhle kakulu nokutokozisa kakulu kuvela ezinhlabelelini zezingilosi.

Abafundi besa gqolozele pezulu ezulwini, bakulunyiswa amazwi ayefana nokuhlabelela a okuhle kakulu. Bapenduka ba bona izingilosi ezimbili zinjengabantu, ezakuluma kubo zati:—

“Nina madoda ase Galile, nimeleni lapa nigqolozele ezulwini na ? Yena lo Yesu, otatwe kini wayiswa ezulwini, uyakufika njengoba nimbone ekupukela ezulwini.” Imisebenzi 1:11.

Lezi izingilosi zazi ezinye zalezo ezazizo pelekezela uMsindisi eya ekaya lake elise zulwini. Bebadabukela, bebatanda, laba ababesele ngapansi, bahlala babatyelisisa ukuti loku ukwahlukana kwakungesiko oku ungunapakade.

U Jesu wa ebatembise ukuti uya kuza futi, ngoba wati

“Inhliziyo yenu mayingakatazeki; kolwani u Tixo, nikolwe futi yimi. Ekaya lika baba kukona izindhlu eziningi, uma kwa ku ngenjalo ngakube ngani tyela. Ngiyakonilungisela indawo, ngobuya futi, ngi namukele kimi; ukuba kuti lapa ngi kona, nibekona nani.” Johane 14 :1—3.

Izingilosi zati kuba fundi u Krestu “uya kuza kanje” nga loku bembone ekupukela ezulwini. Wakupuka ngesidumbu bambona ebashiya amukelwa ifu. Uyakubuya ngefu elikulu elimhlope, “onke amehlo ayom bona.” Isambulo 1:7. U Enoki waqinisa, wati:— Bheka i Nkosi iyeza nezinkulungwane eziyishumi zezi ngilosi, ezokwahlulela bonke. Juda 14.

[179] “U Isaya wa profeta ngokuti abalungileyo baya kuti ekuzeni kwake, bhekani, lo ungu Nkulunkulu wetu; simlindile uya kuisindisa.” UIsaya 25 : 9.

Umpostoli Paul, elanda ngako kona loko wati:—“Inkosi uqoba lwayo iya kwehla ivela ezulwini noku memeza, namazwi ezingilosi, netilongo lika Tixo : nabafuleyo ku Krestu baya ku vuka kuqala.”

Bese kuti tina esipilileyo esisasele siya kubambeka nabo emafwini, ukuba sihlangebeze i Nkosi emoyeni; bese sihlala ne Nkosi njalo. 1 Tesalonika 4 : 16, 17.

U Msindisi uya kufika kanje eza emhlabeni ukuza kozitatela labo abakade betembekile kuye.

[180]

[181]

IZIHLOHO 31—INKOSI YABO EKUPUKILEYO.

EKUBUYELENI kwabafundi e Jerusalem, abantu baba buka ngokumangala. Emva kokutetwa kwecala nokubetelwa kwe Nkosi yabo kwaku catyangwa kutiwa bayakuba nemimoya epansi babe namahloni. Izita zabo zazi bheke ukubona ebusweni babo ukudabuka nokwablulwa. Esikundhleni saloku, kwa ku kona uku nqoba nokujabula ukupela. Ubuso bwabo ba bukanyiswa ukutokoza okungesiko okomhlaba. Abakaliswanga amatemba ajabhileyo, kodwa babe gcewele ukudumisa nokubonga ku Tixo.

Bayi landa indaba emangalisayo yokuvuka, nokukupukela kuka Krestu ezulwini, ngokujabula okukulu, ubufakazi bwabo bwamukelwa abaningi.

[182] Abafundi basebe ngasesibo abangenatempa lesikati esizavo. Babazi ukuti u Msindisi usezulwini, nokuti ukuhaukela kwake kwakusenabo. Babazi ukuti unxuzela ku Nkulunkulu umvuzo we gazi lake. Wa ekombisa u Yise izandhla zake ezalinyazwayo nezinyawo, ukuba kube isizatu esikulu senani aye likokele abahlengiweyobake. Babazi ukuti uyakuza futi, nazo zonke izingilosi ezingcwele zi hamba naye, babe bheke kuloku ngokutokoza okukulu nokufisa ukuba kusheshe kufike.

Ekunyamalaleni kuka Jesu emehlweni abafundi bake, entabeni yemihlwati, wahlangabezwa isixuku sase zulwini esampelekezela simyisa pezulu ngama gama okuhlabelela okutokoza. Emasangweni omuzi ka Tixo ukuza kwake kwakulindwe isixuku esingenakubalwa sezingilosi, kona. Wati lapa u Krestu esondela emasangweni, izingilosi ezazimpelekezela zakuluma ngamazwi okunqoba ku lezo ezazi semasangweni zati:—

“Masango pakamisani izinhloko zenu; Nani minyango yapakade, pakamani; Ukuba Nkosi yokukazimula ingene.” Izingilosi ezazi lindile emasangweni zabuza zati. Inguban le Nkosi yokukazimula ? Loku azi kusho ngoba zingazi ukuti ungubani kodwa ngoba zitanda ukuzwa impendulo yokudumisa okupakamileyo kokuti :—

I Nkosi enamandhla. I Nkosi enamandhla okulwa. Masango pakamisani izinhloka zenu, minyango yapakade zipakamiseni; ukuba iNkosi yokukazimula ingene.

Zase zibuza futi izingilosi ezilindileyo ziti:—

Ingubani le Nkosi yokukazimula ? Izingilosi ezimpelekezelayo zapendula ngokuhlabelela okuzwanayo zati

“I Nkosi yemikosi. Uye i Nkosi yokukazimula.” Isihlabane 24:7-10.

A esevulekake amasango omuzi ka Nkulunkulu ati gengelezi, nesixuku sezingilosi sangena emasangweni pakati kokuhlabelela kokujabula okukulu.

[183] Imikosi yonke yase zulwini ilinde ukudumisa i Nduna yabo ebuyileyo. Bamlinlele ukuba atate indawo yake esihlalweni sobukosi sika Yise. Kodwa kwaku ngakabi isikati sokuba emukele umqele wobukosi nengubo yobukosi. Unesicelo sokuba asilete pambi kuka Yise sabaketiweyo bake abase mhlabeni. Akanakwamukela udumo lize ibandhla lake litetelelwe lamukelwe.

U cela ukuba kuti lapa ekona nabantu bake babe kona. Uma ezoba nobukosi nabo mababudhle kanje naye. Labo abahlupeka naye emhlabeni ababuse naye embusweni wake.

Ngaloku u Krestu unxusela ibandhla lake. Ulinganisa okutandwa uye kanye nokwabo, nangotando nokuqina okunamandhla kunokufa uya nxusela amalungelo nezi kundhla ezitengwe ngegazi lake.

Ipendulo ka Yise kulesisicelo izwakala ngesimemezelo esiti. “Zonke izingilosi zika Tixo mazimkotamele.” Ama Heberu 1: 6.

Abaholi bemikosi yezulu bamdumisa uMhlauleli wabo. Isixuku sezingilosi ezingena ku balwa sakotama pambi kwake, nezigodhlo zase Zulwini zapindeliselwa ukunkeneza kwazo zabuye zapinda zimemeza ngokujabula ziti:—

“I Cwane elahlatywayo lifanele ukwamukela amandhla ingcebo, ukuhlakanipa nokuqina, nodumo, nobukosi nobusiso.” Isambulo 5 :12.

Abalandeli baka Krestu “bayamukelwa kotandiweyo.” Pambi kwesixuku sasezulwini, u Yise usegcwalisile isivumelwano a senza no Krestu sokuti, uyakwamukela abantu abapendukileyo naba lalelayo ; abatande njengokuba etanda i Ndodana yake. Lapa u Mhlauleli ekona nabahlalelweyo bayakuba kona futi.

[184]

I Ndodana ka Tixo yase iyinqobile inkosana yobumnyama, yanqoba ukufa nesono. Izulu laduma amazwi ahlabelela amagama apakemeyo eti:—

“Ubusiso, no dumo, nobukosi namandhla, akube kuye ohlezi esihlalweni sobukosi, nakulo i Cwane pakade napakade.” Isambulo 5 :13.